

**UHLAKA LOHLELO LWEMFUNDU KAZWELONKE  
LWASENINGIZIMU AFRIKA (NCF)**  
*LWEZINGANE KUSUKELA ZIZALWA KUYA EMINYAKENI EMINÉ (4)*

**INCWADI EHLANGANISA KONKE**  
*(isiZulu)*



**basic education**

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**unicef**   
unite for children

**The South African National Curriculum Framework for children from Birth to Four**  
**February 2015**

**© Department of Basic Education**

All care has been taken to ensure that the information is correct and original sources have been indicated for reference and verification. With an identification of the Department of Basic Education as source, the document may be freely quoted, reviewed, abstracted, reproduced and translated, in part or in whole, but not for sale nor for use in conjunction with commercial purposes. Original sources should be acknowledged where indicated in the publication.

**ISBN:** 978-1-4315-3218-6

**Suggested citation:**

Department of Basic Education. 2015. *The South African National Curriculum Framework for children from Birth to Four*. Pretoria: Department of Basic Education

**Obtainable free of charge from:**

Department of Basic Education  
222 Struben Street  
Private Bag X895, Pretoria, 0001  
Telephone: 0123573000  
Fax: 0123230601  
Website: [www.education.gov.za](http://www.education.gov.za)  
Email: [ecd@dbe.gov.za](mailto:ecd@dbe.gov.za)

**Cover illustration:** © UNICEF/itldesign

**Layout:** CTP Pretoria | Tel: 010 597 7861

# OKUQUKETHWE

Incazelو yamagama.....	ii
Amazwi Okubonga.....	ii
Isandulelo .....	iii
Isingeniso .....	1
Umbono ngezingane eziencane .....	2
Imiqondo Ngqangi eyakha I-NCF .....	5
Imigomo Esekela Izindikimba Ezintathu Okwakhelwe Kuzo I-NCF .....	7
Isigaba Zokuqala Zokufunda Nokuthuthuka (ELDAS).....	8
Isigaba Sokuqala Sokufunda Nokuthuthuka: Ukuhatheka Kahle .....	17
Isigaba Sesibili Sokufunda Nokuthuthuka: Ubuwena Nemvelaphi.....	36
Isigaba Sesithathu Sokufunda Nokuthuthuka: Ukuxhumana.....	47
Isigaba Sesine Sokufunda Nokuthuthuka: Ukuholisisa Izibalo.....	58
Isigaba Sesihlanu Sokufunda Nokuthuthuka: Ukusungula.....	66
Isigaba Sesithupha Sokufunda Nokuthuthuka: Ukwazi Nokuqonda Umhlaba.....	75
Ukuholwa Kwezidingo zokuthuthuka Nothando Lokufunda Lwengane Ngayinye.....	82
Izinkomba .....	92



## INCAZELO YAMAGAMA

Amagama assetshenziswe Ohlakeni Lohlelo Lwemfundo Kazwelonke (NCF) Iwezingane kusukela zizalwa kuya eminyakeni emine 4

Ingane/Izingane	kubhekise kubo bonke abantwana, ojahidada, izingane ezikhulakhulile kungakhathalekile ukuthi amakhono azo, ubulili, ikamuva, ulimi noma usiko lwazo luthini.
Abazali	libhekise kubanakekeli abanqala bengane Iminden ihekise kubantu abahlala nengane
Izingxene Zokufunda Nokuthuthuka Kokuqala (ELDAS)	zibhekise ezintweni eziyisithupha ezidingwa izingane: Ukuphatheka Kahle; Ubuwena Nemvelaphi ; Ukuxhumana; Ukuhlolisisa Izibalo; UKusungula; Ulwazi Nokuqonda Izwe.

## AMAZWI OKUBONGA

UMnyango Wemfundo Eyisisekelo ubonga kakhulu kubantu  
abahlukahlukene ababambe iqhaza kwezemfundo, nabantu  
abahlanganyele ekwakheni Uhlaka Lohlelo Lwemfundo Kazwelonke  
(NCF). Iwezingane kusukela zizalwa kuya eminyakeni emine. Sifisa  
ukubonga i-UNICEF ngokukhokhela ukubhalwa kwale ncwadi. Sibonga  
ngokukhethekile uProfesa Hasina Ibrahim waseYunivesithi YaseFree  
State no Margaret Irvine ngokuqala ukuhlela, kanye no Dokotela uSnoeks  
Desmond ngokuyihlola nokuyilungisa ekugcineni le ncwadi ehlanganise  
konke nokuyithuthukisa ibe uhlelo oluncishisiwe



# ISANDULELO

ESIVELA KUNGQONGQOSHE WEMFUNDO EYISISEKELO, UNKOSIKAZI AM MOTSHEKGA, MP



"Ukubambezeleka kokukhula komqondo Kanye nokunye ngaphambi kokungena esikoleni kungaba nemiphumela emibi nelimazayo ezinganeni, emindenini, nasemphakathini.Ukutshala ekuthuthukisweni kwemfundo yezingane ezisencane kufanele kube yinto ebaluleke kakhulu. Uhlelo Lukazwelone Lwentuthuko: Umbono ka-2030 (2011) Ucwaningo luveza ukuthi izinsuku zokuqala eziyinkulungwane (1000) zokuphila kwengane (ngaphambi kokuzalwa, ekuzalwemi kwazo nalapho sezikhulakhulile) zizwela kakhulu ezimwени zezinto eziphila kuzo.

Uhlaka Lohlelo Lwemfundo Kazwelone (NCF) Iwezingane kusukela zizalwa kuya eminyakeni emine (4) luyimpendulo yezinselelo ezibhekene nomkhakha wokuthuthukiswa kwezingane ezinganeni. Isinyathelo sokuqala esiholele ekwakhiweni kwe-NCF saba ukwakhiwa kwe-Zilinganiso Zikazwelone Zokufunda Nokuthuthukiswa kwezingane (NELDS)no-2009. Ukuqedelwa kwe-NCF kwensiwa ngemuva kokubonisana nemiphakathi. Lezi zinqubo zasetshenziswa ukulolonga nokuqedela i-NCF.

I-NCF ifike ngesikhathi lapho sigubha iminyaka engamashumi amabili (20) yentando yeningi ezweni, futhi ingeminye yemisebenzi okuhloswe ngayo ukuthuthukisa izinga lemfundo eyisisekelo ngokubeka isisekelo esiqinile ezinganeni lapho zisencane. Ukwakhiwa kwe NCF kuyimpumelelo enkulu ezweni lethu njengoba kuwumqulu vokuqala walolu hlobo. Lokhu kuyoqinisekisa ukuthi izingane ezivela ezimweni ezahlukahlukene ziyakwazi ukuthola izinkonzo eziseqophelweni eliphezulu Zokuthuthuka Kokuqala Kwezingane Ezincane.(ECD).

I-NCF izosetshenziswa ezimweni nezinhloso ezahlukahlukene ukuze kuthuthukiswe ukufunda kwezingane. Izophinde isetshenziswe nayizinhlangano eziqequeshayo, amayunivesithi, abafundisi bezingane ezincane, abazali nabanye abanakekeli ukuze bathuthukise ukufunda nentuthuko yezingane.

A handwritten signature in black ink, appearing to read "Motseketu".

**UNkosikazi AM Motshekga, MP**

**Ungqongqoshe Wemfundo Eyisisekelo**

# ISINGENISO

Uhlaka Lohlelo Lwemfundo Kazweloneko (NCF) lunikeza isiqondiso kulezo zinhlelo ezsathuthuka nezisebenza ngezingane, ojahidada nezingane ezincane kusukela zizalwa kuya kwezinemyaka emine.

Le ncwadi iqondiswe kubantu abadala abasebenza ngezingane kusukela zizalwa kuya kwezinemyaka emine; okuhlanganisa

- Abazali nabanakekeli
- Abafundisi bezingane ezsakhula (ezikhungweni, emindenini nasezinkonzweni ezisekela umphakathi nabanakekela izingane)
- Abafundisi bezingane ezincane/othisha nabasebenzi abalekelelayo.
- Abahloli (bakahulumeni nabezinhlango zomphakathi) abavakashela izinhlelo ze-ECD.

Ingasiza nasekusekeleni izingane esezikhulile ezinekezelu usizo lwezinhlolo ze-ECD kwezinye izingane eNingizimu Afrika.

abantu abadala kufanele basebenzisane ukuqonda nokusebenzisa i-NCF banake ukuthi izinga eliphezulu lokufunda nokuthuthukiswa kwezingane eziselwe, ojahidada nezingane ezsencane ezhinhlowleni ezahlukahlukene njengasezikhungweni ze ECD, emakhaya, emiphakathini nasezikhungweni ezinakekela izingane liyanakekelwa.

eNingizimu Afrika, njengakwezinye izindawo emhlabeni, kunesifiso esikhulayo sokwazisa nokusekela intuthuko nokufunda kwezingane ezsencane. Ucwaningo luveza ukuthi izinsuku zokuqala eziyi 1000 (ngaphambi kokuzalwa, abazelwe, nezingane ezincane) zokuphila zizwela kakhulu ezimweni sezinto eziphila kuzo. Ubufakazi obuvela ocwaningweni eNingizimu Afrika buveza ukuthi iminyaka yokuqala iyizakhi zempilo, ikhono lomuntu, ubuyena nokuphilisana kahle nabanye.

Intu ebalulekile eyenza izinhlelo ze-ECD eNingizimu Afrika zihluke kwezamanye amazwe isidindo esiphuthumayo sokuguqulwa kwezinhlolo eziyinhlanganisela zokunakekela nezemfundu zeingane zethu ezincane. Lokhu kufanele kwenzeke ngenxa:

- yomlando wobandlululo;
- ukungalingani nezimo ezibeka abantwana bethu abancane engcupheni;
- ukuthuthukisa izinga lwezinkonzo ezinikezelwa ezinganeni kusukela zizalwa kuya eminyakeni emine.
- isidindo sokwenza abasebenzi basebenze ezingeni eliphakeme;
- isidindo sokugqquqzela umbono omusha ezakhamizini zeNingizimu Afrika yentando yeningi.

I-NCF ithuthukisa umbono ophelele we-ECD obhekisa lokhu:

- Izinsuku zokuqala eziyi-1000 ezinikeza amathuba okungenela ngaphambi kokuzalwa nangeminyaka yokuqala emibili yokuphila ngemva kokuzalwa; no
- nyaka wesithathu nowesine wokuphila, nesikhathi esingaphambi kokungena kwengane esikoleni. Yingakho-ke i-NCF igxila enganeni kusukela ingakazalwa kuze kube isikhathi lapho iqala khona u ibanga R (Grade R).

I-NCF ithathelwe kumagugu akumthetho-sisekelo wethu, izimiso ezisezincwadini zomthetho ezikhona, imigomo nezinhlolo, ukubuyekezwa kwemfundo yaseNingizimu Afrika kusukela ingane izalwa ize ibe neminyaka emine (Free State, Gauteng, Limpopo), okutholakele emibhalweni yeziwe ngezizwe ngo -ECD, okuphoqelekile nge-ECD, namazwi avela emikhakheni ye ECD (ngokuxhumana nababambe iqhaza okwenzekile eNingizimu Afrika). Izilinganiso zikazweloneko zokufunda nokuthuthukiswa kwezingane (NELDS) zakha isisekelo se NCF.

# UMBONO NGEZINGANE EZISENCANE

## NCF ilawulwa yilo mbono olandelayo:

Ukusebenza nezingane nokusebenzela izingane ezsencane ngendlela eholoniphekile ukuzinikeza amathuba afanayo naseqophelweni eliphezulu ukuze zithuthukise amakhono abanawo.

## Uhlaka Iwezemfundo

Uhlaka Iwezemfundo luyithulazi lokuhlela elifaka lokhu okulandelayo:

- ulwazi nokuqonda umhlaba
- amakhono adingekayo, kanye
- nesimo sengqondo nokuziphatha okulindelekile ukuthuthukisa umphakathi.

Lonke ulwazi, amakhono nokuziphatha okulindelekile kithi njengezakhamu kuchazwe ngokuthi kuwulwazi namakhono afanelekile. Izakhamu ezinolwazi namakhono afanelekile zinolwazi olwanele namakhono awusizo, nezimo zengqondo ezinhle eenza umuntu aphile impilo enhle, enenzuso nenentokozo.

Le- NCF ichaza ulwazi olufanelekile izingane ezsanda kuzalwa, ojahizada nezingane ezikhulakhulile ezifisa nezidinga ukuluthuthukisa.

I-NCF ichaza izinhloso

- zokukhula nokufunda kwezingane ezidunga ukusetshenziswa njengemihlahlandlela yokulekelela ukukhula kwezingane ngokuphelele nokuhlolwa kwezingane nokuhlola intuthuko yowlazi namakhono ezinawo.
- zabantu abadala abenza izingane zifunde ngokuhlela izimo ezisezingeni eliphezulu nangokubukisisa nokuhlola ukusebenza kwazo.

Okuqukethwe i-NCF mayelana nokuthuthukisa nokufunda kwezingane **AKUFANELE KUSETSHENZISWE NGEMPOQO**. Iyithulazi elingaphoqeleti elingasetshenziswa ukwakha amathuba ezinga eliphezulu olwazi lwabantwana, ojahizada, nezingane ezikhulakhulile.

## I-NCF inikeza umhlahlandlela wokwakha inqubomgomoyohlelo Iwezemfundo efanele abantwana, ojahizada nezingane ezikhulakhulile.

Inqubomgomoyohlelo Iwezemfundo yezingane ezsencane imayelana nalo lonke *ulwazi* izingane ezsukela zizalwa kuya kwezineminyaka emine ezizoba nalo ezimweni ezihlukahlukene. Lokho okuzwiwa izingane, ezikwenzayo, ezikulalelayo nezikubonayo lapho zisencane kuyingxenyebalulekile emfundweni yazo.

Inqubomgomoyohlelo Iwezemfundo ifaka izimo

- *ezihlelewe* izingane ezincane noma kukuphi lapho ezinakekelwa noma ezifundiswa khona (oluholwa- abantu abadala)
- *ezingahleliwe* ngokuqondile abantu abadala (ukufunda okungahleliwe)
- *ezidalwe* izingane ngokwazo ukuze zakhe umqondo ngezwe.

Inhloso yenqubomgomoyohlelo Iwezemfundo ukusiza yonke ingane ukuba ithuthukise ulwazi, amakhono, isimo sengqondo nendlela yokuziphatha yempilo, ukufunda nokusebenza.

Le ncacelo iqinisekisa ukuthi izinhlelo ze-ECD eNingizimu

Afrika zakhelwe phezu kwendlela ehlanganisa konke ngokuthuthukiswa nokufunda kwezingane. Le ndlela isiza abantu abadala ukuba bakhe indlela enempumelelo ngoku:


- hlela nokwenza imisebenzi ehangabezana nezidingo nezinto ezithandwa ingane ngayinye ezimweni ezihlukene
- hlanganisa lokho okusebenza kangcono ebantwaneni, ojahizada, nase zinganeni ezikhulakhulile emndenini, emphakathini, ezweni lonke nakwamanye amazwe.

## Ukuhlobana phakathi kwe-NCF neminye imizamo nezinhlaka Zenqubomgomoyezemfundo

I-NCF ingenye yemizamo yenqubomgomoyezemfundo. Zonke izinhlaka zenqubomgomoyezemfundo kuyo yonke imikhakha yezemfundo zisuselwa Emthethweni-Sisekelo WaseNingizimu Afrika.

Imikhakha ye -ECD ihlanganisa izingane ezsukela kwezelwe kuya kwezineminyaka eyisi-9: ngaphambi kokuba ziye esikoleni (kusukela zizalwa kuya eminyakeni emine 4) nasesigabeni sesikole (kusukela eminyakeni emi-5 kuya eminyakeni eyisi-9). I-NELDS, i-NCF, ne GPD nencwadi ye-CAPS zihlobene ngale ndlela elandelayo





## Inhoso ye-NCF

I-NCF ihlose:

- ukuqinisekisa ukuthi izingane zingabantu abanolwazi namakhono afanelekile ababamba iqhaza emfundweni yabo.
- ukuhlonipha ukwehluka kwezingane zethu ezincane, amakhono azo, izilimi namagugu azo.
- ukuthuthukisa izimo zolwazi lwezingane ezincane ngokwenhla namasiko nokwazisa amasiko endawo lapho kunakwa abantu ngokwezimo zabo ezahlukahlukene, ukungenzeleli nemisebenzi yentando yeningi.
- ukuqaphela ukabaluleka kwasimo sendawo nezinsiza zendabuko zemfundo yezingane ezincane ngakho-ke inikeza uhlaka lokusiza abantu abadala ukusungula, ukwakha nokuthuthukisa inqubomgomoyezemfundo ebhekelela izidiso nezinto ezithandwa izingane, iminden, izindawo abazakhele nemiphakathi.
- ukuqonda izinto ezibalulekile ezidiso ukufundwa nokuzihlobanisa nokwakha uhlelo oluvumelana nezindlela izingane ezincane ezingathuthuka futhi zifunde ngazo.
- ukwazisa inqubomgomoyezemfundo njengenqubo lapho ukabaluleka kokuhlolisa izinto kusiza ukufundisa, ukufunda, nokwakha, izindlela ezinenzozo ezimweni ezahlukahlukene.
- Ukusungulu indlela enenzozo yokuthuthukisa amakhono nolwazi uma kusizwa abantu abadala abanakekela futhi bafundise izingane ezincane.
- ukusiza ngokuhlolisa ukabaluleka nokuphumelela kohlelo Iwe-ECD
- ukuhlanganisa lokho okuhlukanisa ukunakekela izidiso nokufunda nokuthuthukisa ku:
  - NELDS (injongongqandi yezemfundo)
  - uMthetho Wezingane (Children's Act) Nezinkonzo zezingane ezincane neZimiso Zabantwana zezinkonzo zasekuqaleni (ukugxila ekunakekeleni, nokuthuthukiswa kwezenhlahlakahle).
- ukwakha umbono wabo bonke abantu nolimi olusezingeni eliphakeme lomkhakha we-ECD ngamagugu, imigomo nezinhoso zokuqondisa ukunakekela okuhlanganyelwe nemfundo ezimweni ezahlukahlukene.

## I-NCF nohlaka Lukazwelone Lweziyu Zemfundo

Uhlaka luka Zwelonke Lweziyu Zemfundo (NQF) luwuhlaka lapho izilinganiso neziyu nezimfanelo, okuvunyelwene ngazo kwezemfundo nokuqeleshwa kwababambe iqhaza kwezemfundo kubhaliswa khona.

I-NQF iyindlela yokuguqula imfundo nokuqeleshwa eNingizimu Afrika. Yakhelwe:

- ukwenza kube lula kubantu ukungena ohlelweni lwemfundo nokuqeleshwa futhi baqhubeke kulona.
- ukuvula amathuba okufunda nokusebenza kulabo ababebandlululwa ngesikhathi esidlule ngenxa yohlanga nobulili babo.
- ukwenza abantu bathuthukise amakhono abanawo ngokuphelele, ngaleylo ndlela basize ukuthuthukisa ezenhlahlakahle nezomnotho wezwe lonke.

I-NCF iyisiqalo salolu hlelo lwemfundo eqhubekayo ngaphansi kwemigomo namagugu ohlaka Lukazwelone Lweziyu zemfundo.

## I-NCF neMiphumela Enqala

Uhlaka Lukazwelone Lweziyu zemfundo lubalula imiphumela enqala eyakhelwe zonke izinhlelo zemfundo eNingizimu Afrika. I-NCF iveza lokhu okufanele izingane ezincane zikufunde:

- ukuhlonza nokuxazulula izinkinga futhi zenze izinqumo zisebenzisa ukucabanga okunzulu.
- zisebenze ngokuphumelela ngazodwana kanye nabanye njengamalungu eqembu;
- zihlele futhi ziphathe imisebenzi yazo ngendlela enokwethembeka nephumelelayo;
- Zihlele, zizilawule ngempumelelo ezintweni ezizenzayo
- ziyoqe zicwaninge, zibeke ngononina futhi zihlele ulwazi ngokucophelela.
- zixhumane ngendlela enempumelelo zisebenzisa izithombe, imifanekiso/ noma amakhono olimi ezimweni ezahlukahlukene;
- zisebenzise isayensi nezobuchwepheshe ngempumelelo futhi zibonise ngokucophelela ukunakekelwa kwemvelo nempilo yabanye
- zibonise ukuqonda izwe njengendawo enezinto ezinobudlelwane ngokuqaphela ukuthi izinkinga zixazululwa ngokubambisana.

Yilowo nalowo Mphumela onqala uxhumene nazo zonke Izingxeny Zokufunda Nokuthuthuka Zokuqala (ELDAS) eziyisithupha.

# IMIQONDO NGQANGI EYAKHA I-NCF

## Imithetho Nezimiso ZaseNingizimu Afrika

Ithuthukisa inkolelo yokuthi ingane idlala indima ebalulekile emfundweni nasentuthukweni yayo

## Umongo WeNingizimu Afrika

Inezinhloso ezibalulekile nezinsiza namathuba okuthuthukisa izingane

## Ubulungisa, Ukwehluka okoMdabu, noKwendawo Okudingwa i-Afrika

Ukuguqula umphakathi waseNingizimu Afrika nge-ECD kusho ukunaka ukulingana, ukwahluka nezimo ezahlukahlukene zendabuko yase Afrika ezisondelene nendlela yokuphila kwezingane zaseNingizimu Afrika

## Ukufunda Okungenamkhawulo Isikhathi Eside

Kumele kubekwe izisekelo eziqinile zokufunda okungenamkhawulo izingane zisencane.

## Abafundisi bezingane ezincane ababanokuzihlolisia

Izingqinamba ekukhuleni nasekufundi kwezingane zidinga ukuba abafundisi bezingane ezincane bahlolisise ukusebenza kwabo nezingane.

## Ukufakwa kweminden


Iminden ngokwahlukana kwayo ingabafundisi abayinhloko bezingane zayo futhi kumelwe ifakwe ezinhlelweneni ze -ECD

## Ukwedlulela

Wonke amazinga okwedlulela kokunye (kusuka emsebenzini kuya komunye, ekhaya kuya ohlelweni, olunye uhlelo kuya kolunye, isikhungo se-ECD kuya esikoleni) kudingeka kuqashelisiswe ekufundi nasentuthukweni yezingane

I-NCF kumele ihambisane nesimo sendawo, nesokuthuthuka kanye nesemfundo. Ngakho-ke kunezindikimda ezintathu ezivela ekuqapheleni lezi zinto ezibalulwe ngenhla. Izindikimba yilezi:

1. Izingane ezincane zingabantu.
2. Ukufunda nokuthuthuka kwezingane ezincane.
3. Ukuxhumana kwezingane ezincane nabantu abadala.



### **Umfanekiso 3 Izindikimba ezintathu ezisekela i-NCF**

# IMIGOMO ESEKELA IZINDIKIMBA EZINTATHU OKWAKHELWE KUZO I-NCF

Izindikimba ezintathu 3 ezichaziwe zisekelwe imigomo eyi-12 yokusebenza nazo zonke izingane nabantu abadala, kuhlanganise yonke iminden, bonke abafundisi bezingane ezincane, bonke abaphathi bezinhlelo, nazo zonke izisebenzi ezisekelayo nezingabahloli. Le migomo igxile ezidingweni naseintweni ezithandwa izingane nasekusebenzeni nezingane. Ithathwe ezwini lengane.

Indikimba 1: Ngingumuntu onolwazi namakhono alindelekile.

Indikimba 2: Ukufunda nentuthuko yami kubalulekile

Indikimba 3: Ngidunga ukuxhumana okukhulu nabantu abadala

## Kunemigomo eyi-12, efakwe ezindikimbeni.

### Indikimba 1: Ngingumuntu onolwazi namakhono alindelekile.

#### Imigomo

1. Ngingumuntu onolwazi namakhono alindelekile, obamba iqhaza ekwakheni ubumina nokuqonda izwe.
2. Ngihlukile futhi nginendlela ehlukile yokuphila.
3. Ngiyachuma uma kunakwa ukunikeza amathuba alinganayo lapho ngingabamba khona iqhaza ekuthuthukiseni ulwazi namakhono enginawo.
4. Ngiyawazisa ukwehlukana okukhona phakathi komuntu ngamunye namaqembu futhi kumele ngifundiswe ngezindlela ezingisizayo ukuba ngikujabulele ukwehlukahlukana.

### Indikimba 2: Ukufunda nokuthuthuka kwami kubalulekile

#### Imigomo

5. Nginelukuluku, nginomdlandla ngibamba iqhaza ngifunda ngokusebeniza amathuba okufunda ngezwe engiphila kulona.
6. Ulwazi olufanele lwendawo nolwendabuko namakhono kuyizinsiza ezingasetshenziswa ukuthuthukisa indawo yami yokufundela eqhakambisa ezenhlalakahle, amasiko, noLimi.
7. Ukudlala nokubamba iqhaza kwenza ngcono ukufunda nokuthuthuka kwami.
8. Uhlelo Iwe-ECD oluqlanganisa zonke izinto olubhekellela izinga eliphezulu nokulingana kwamathuba liqaphelisia lezi zinto:
  - intuthuko yami (kwezenhlalakahle, ngokwemizwa, ngokomqondo, ngokomzimba –kugxilwe empilweni nasekondliweni komzimba),
  - ulwazi oluqukethwe (izilimi nezibalo) kanye
  - nokuxhumana okukhulu nomndeni wami kanye nesikole ngokuhamba kwesikhathi.

### Indikimba 3: Ngidunga ukuxhumana okukhulu nabantu abadala

#### Imigomo

9. Abazali neminden ni ngokwehlukana kwabo babamba iqhaza elibalulekile entuthukweni yami yonke. Ngiyazuza ebuhlotsheni obufudumele nobunothando nabantu abadala.
10. 11. Abantu abadala banomthwalo wokuvikela nokuthuthukisa amalungelo ami kungakhathaleki ukuthi ngingakanani, imvelaphi yami, ubuzwe, ikhono nobulili.
11. 12. Singathanda ukuthi abantu abadala bakhuthaze ukuphatheka kahle kwezingane, ukuzazi okuhle, ukunakwa kwabo bonke abantu ngokwehlukahlukana kwabo, imisebenzi ebhekiswe ezinganeni nolwazi namakhono afanelekile okubhekana nezimo zempilo.

# ISIGABA ZOKUQALA ZOKUFUNDA NOKUTHUTHUKA (ELDAS)

Kunezigaba Zokuqala Zokufunda Nokuthuthuka (ELDAS) eziyisithupha-6 ezididiyela izindikimba ezintathu nemigomo elishumi nambili-12. Izigaba zokuqala zokufunda nokuthuthuka zihlela amathuba okufunda nokuthuthuka kwezingane ukusiza abantu abadala ukuze bahlele amathuba emisebenzi yabantwa, ojahadida, nezingane ezikhulakhulile.

Nazi:

1. Ukuphatheka kahle
2. Ubuwena nemvelaphi
3. Ukuxhumana
4. Ukuhlolisisa izibalo
5. UKusungula
6. Ulwazi nokuqonda izwe

I-ELDA ngayinye ihlobene eduze nemiphumela ehlosiwe ebalulwe Izimiso Zika Zwelonke Zokufunda Nokuthuthukiswa Kwezingane (i-NELDS.)

I-NELDS ithuthukisa indlela ehlanganise konke.

- Le ndlela ihlanganisa wonke amakhono ahlukahlukene, ulwazi, nokukwazi nalokho izingane okulindeleke ukuthi zikwazi ukukwenza ngempumelelo ezinhlakeni ezahlukene zokuthuthuka kwazo.
- Indlela ehlanganisa konke ilungile ngoba ihambisana ngqo nendlela izingane ezifunda ngayo. Izingane ziyakhula futhi zithuthuke ngokuvulelwu amathuba okwenza izinto ezahlukahlukene ngesikhathi esisodwa nangokubambisana, ezithinta izingxenye ezhlukahlukeni ekuthuthukeni kwengane.
- Isiboneko esihle siyoba lapho isimo esithize ingane ezithola ikuso noma umsebenzi kwakha namakhono afanelekile ezingxenyeni zenhlalakale, zomzimba nakwezomqondo. Ngakhoke kabalulekile ukugcizelela ulwazi namakhono alindeleke ukuba izingane ziwazuze ohlelweni nasemisebenzini, kunamakhono athile asengxenyeni ethile yentuthuko.

Ku (NELDS), kulindeleke imiphumela efanayo kuzo zonke izingane kusukela zizalwa kuya eminyaka emine (4) Umphumela ngamunye olindelekile unezinkomba nolwazi namakhono alindelekile. Lezi zinkomba zihlelwe ngokweminyaka ehlukahlukene.

Imiphumela elindelekile ihlose:

- ukusiza ukuqinisekisa ukuthi izingane zifunda ngendlela ehlanganisa konke.
- ukusiza abazali, abafundisi bezingane ezincane, nabanye abanakekeli ukunikeza izinhlelo ezifanela namaqhinga okulekulela imisebenzi yokufunda yezingane.
- ukunikeza isisekelo sokufunda okungenamkhawulo.



Ingxenye Yokufunda Nokuthuthuka Yokuqala	Ukuhlobana nezimiso Zikazwelonke Zokufunda Nokuthuthukisa-NELDS - Imiphumela Elindelekile	Ukuhlobana ne-CAPS - Izifundo zamabanga aphansi
<b>1. Ukuphatheka kahle</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Izingane ziya ngokuya ziziqaphela eziyikho njengabantu abahlukile abakha ukuzazi okuhle futhi zifunda indlela yokulawula ukuziphatha kwazo.</li> <li>Izingane zikhombisa ukunaka okukhulayo kokwahlukahlukana nesidingo sokuhlonipha nokunakekela abanye.</li> <li>Izingane ziqala ukukhombisa amakhono okunyakaza nokusebenzisa imizimba nokuqonda indlela yokuphila enempilo.</li> </ul>	Amakhono Empilo ULimi
<b>2. Ubuwena nemvelaphi</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Izingane ziya ngokuya ziziqaphela njengabantu, zakha ukuziqonda okuhle futhi zifunda indlela yokulawula ukuziphatha kwazo.</li> <li>Izingane zikhombisa ukuqaphela okukhulayo kokwahlukahlukana nesidingo sokuhlonipha nokunakekela abanye.</li> </ul>	Amakhono Empilo(ahlanganisa ukuqonda ubuwena ngokomlando nomndeni nokuma kwezwe) ULimi
<b>3. Ukuxhumana</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Izingane zifunda indlela yokucabanga okujulile, ukuxazulula izinkinga nokwakha imiqondo.</li> <li>Izingane zifunda ukuxhumana ngempumelelo futhi zisebenzise uLimi ngokuzethemba</li> <li>Izingane zifunda ngemiqondo yezibalo.</li> </ul>	ULimi Izibalo Amakhono empilo
<b>4. Ukuholisia izibalo</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Izingane zifunda indlela yokucabanga okujulile, ukuxazulula izinkinga nokwakha imiqondo.</li> <li>Izingane zifunda ukuxhumana ngempumelelo futhi zisebenzise uLimi ngokuzethemba</li> <li>Izingane zifunda ngemiqondo yezibalo.</li> </ul>	Izibalo ULimi Amakhono Empilo (kuhlanganisa ulwazi lwersayensi nezemvelo kanye namakhono)
<b>5. Ukusungula</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Izingane zifunda indlela yokucabanga okujulile, ukuxazulula izinkinga nokwakha imiqondo.</li> <li>Izingane zifunda ukuxhumana ngempumelelo futhi zisebenzise uLimi ngokuzethemba</li> <li>Izingane zifunda ngemiqondo yezibalo.</li> </ul>	ULimi Izibalo Amakhono empilo
<b>6. Ulwazi nokuqonda Izwe</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Izingane zifunda indlela yokucabanga okujulile, ukuxazulula izinkinga nokwakha imiqondo.</li> <li>Izingane zikhombisa ukuqaphela okukhulayo kokwahlukahlukana nesidingo sokuhlonipha nokunakekela abanye.</li> <li>Izingane zifunda ngemiqondo yezibalo.</li> </ul>	Amakhono Empilo (ahlanganisa ulwazi lomlando nolokuma kwezwe, ulwazi lwersayensi nezibalo kanye namakhono) Izibalo ULimi

## Ukuhleleka kohlelo Lwezemfundo Lukazwelone (NCF)

Uhlelo Lwezemfundo Lukazwelone luhlelwe ngaphansi kweSigaba Sokufunda Nokuthuthukisa (ELDA) ngasinye kanje::

Imininingwane Ngokufunda okuqala nokuthuthukisa	Incazelo
<b>1. Izinhloso</b>	<p>Izinhloso zinikeza isiqondiso sokunakekelwa kwezingane, ekufundeni nasekuthuthukeni ezigabenzi zokuqala zokufunda nokuthuthukisa (ELDAS) ezahlukahlukene.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izinhloso zigxile ezidingweni zengane esigabeni esithile sentuthuko yayo nothando lokufunda.</li> <li>• I-ELDA ineziinhloso zokusekela izidingo zabantu abadala zolwazi, ukuqonda nemibono yemisebenzi.</li> </ul>
<b>2. Umhlahlandlela wokuthuthuka ngokwengqondo</b>	<p>Umhlahlandlela wokuthuthuka uchaza kabanzi, ngokuthuthuka kwezingane kusukela zizalwa zize zibe neminyaka emi-5.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Unikeza abantu abadala icebo ngolwazi namakhono ezingane.</li> <li>• Akufanele ASETSHENZISWE NJENGOHLU LOKUHLOLA. Izingane azifani futhi zibona, zenze izinto ngendlela engafani nangezikkhathi ezahlukahlukene.</li> <li>• Umhlahlandlela wokuthuthuka wakha uhlaka lokubuka ingane ngayinye nokuxoxa nabazali.</li> </ul>
<b>3. Ilzibonelo zemisebenzi</b>	<p>Lezi zigaba ezine zichaza eminye imisebenzi izingane kusukela zizalwa zize zibe neminyaka emine-4 ezikwazi ukuyenza futhi ezikwazi ukuba ingxenyen yayo.</p> <p>Lezi zigaba ezine zitshengisa ukwahlukana kakhulu kobudala ngokwe Zimiso Zika Zwelonke Zokufunda Nokuthuthukisa Kwezingane (i-NELDS.)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Abantwana kusukela bezalwa kuya ezinyangeni eziyishumi nesishiyagalombili-18</li> <li>• Ojahidada: kusukela ezinyangeni eziyi-18 kuya kwezingama-36 iminyaka emi-3</li> <li>• Izingane ezikhulakhulile: kusukela eminyakeni emithathu -3 kuya kwezineminyaka emi -4</li> <li>• Isigaba sesine sikhombisa ushintsho elwazini namakhono engane neminyaka emi -5 (esilungele ukungena ebangeni R kumabanga aphansi).</li> </ul> <p>Lezi zigaba ezine zeminyaka, nakuba zisuselwe eminyakeni ehlukahlukene ku -(NELDS)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• zikhuthaza abantu abadala ukuba bafake zonke izingane emhlahlandleleni wentuthuko ngendlela eshintshashintshay</li> <li>• zifake nezingane ezinokubambezeleka kokukhula nokusalela emuva kokunye, Kanye nokukhula nokufunda ngokushesha kwezinye izikhathi kuze kufike eminyakeni emi-5 noma eyisi-6 (ekupheleni kwebanga- R) nangaphezu.</li> <li>• Zifaka izingane ezinezithyo ekufundeni nasekuthuthukeni (izingane ezinokukhubazeka nezinezidindo ezikhethekile)</li> <li>• <b>UNGENZI IFOMU ELINOHLU LWEZINTO EZIHLOLWAYO.</b> Ziwmhlahlandlela wokubheka nokuhlela, sikhumbula ukuthi izingane zinezidindo zokufunda ezahlukahlukene, futhi ziashintshashintsha usuku ngosuku.</li> </ul> <p><b>IMISEBENZI IYIZIBONELO AYIYONA IMIGOMO.</b> Inikeza amasu ngamathuba okufunda. Abantu abadala kumele baqaphele indawo ekhethekile ingane ephila kuyona nendlela okwenziwa ngayo izinto ngokwendabuko, nokwendawo nasemhlabenji jikelele.</p>

Imininingwane Ngokufunda okuqala nokuthuthukisa	Incazelo
4. Imihlahlandlela Yokuhlola	<p><b>IMIHLAHLANDLELA YOKUHLOLA</b> okubanzi inikeziwe ngenhoso ngayinye. Ihlobene ngqo nemihlahlandlela yokuthuthuka. Inikeza abantu abadala izinto okufanele baziqaphelisise enganeni ngayinye.</p> <p>Isiza abantu abadala bakwazi:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukubona (ukubheka nokulalela) izidingo zokuthuthuka nokufunda nezinto ezithandwa ingane ngayinye.</li> <li>• bathathe amaphuzu futhi</li> <li>• basebenzise ulwazi lwalokho abakubonile ukuhlela amathuba okufunda</li> <li>• nokuthuthukisa indlela abenza ngayo izinto</li> <li>• ukuxoxisana nabazali,</li> <li>• nokubambisana nabazali ukudlulisela ingane kwaba nikelaza ngosizo lwekhethelo uma kunesidingo.</li> </ul> <p>Ezinye izinto ezidinda ukuqashelisia zinikeziwe ukusiza abantu abadala ukukwazi ukubona izinselalo izingane ezingase zihlangabezane nazo. Okunye ukuboniswa kudingekile ukukwazi ukubhekisisa kabanzi intuthuko yezingane lolu lwazi luyotholakala ezifundweni zokuthuthukisa ulwazi nangokufunda nangokuxoxa ngezidindo ezikhethekile.</p> <p>Imihlahlandlela yokuhlolola inikeziwe engxenyeni yokugcina yaleli bhuku le-NCF.</p>


## Okuqukethwe i-NCF ngamafuphi



**Umfanekiso 4** Isakhiwo se-NCF

## Isakhiwo se-ELDA ngayinye

## **Ingxenye Yokufunda Nokuthuthuka Yokuqala (ELDA) ngasinye sihlelwe saba nezingxenye ezine (4)**



**Kunezigaba ezine ezibanzi zokuhlela imisebenzi ngabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezixhume kumhlahlandlela wobudala ngokwe Zimiso Zikazwelonke Zokufunda Nokuthuthukiswa Kwezingane -NELDS:  
Abantwana, Ojahidada neZingane Ezikhulakhulile**



**Umfanekiso 5** Isakhiwo se-ELDA ngayinye

## **Ukuphatheka kahle kuyingxene enqala yokufundwayo ukuthuthukisa abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile.**

Abantwana abanigi, ojahidada nezingane ezikhulakhulile eNingizimu Afrika zihlala ezimweni ezithinta ukuphila, ukuvikeleka, nokuthuthuka ngezindlela ezingezinhle. Izinhlelo zezingane ezincane, zisetshenziswa ukwenza ngcono amathuba okuphila kwazo. Uhlaka Lohlelo Lwezemfundo Luka Zwelonke (NCF) lugxile EKUPHATHEKENI KAHLE njenge Sigaba Sokufunda Nokuthuthukisa esinqala.

Uma abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile:

- zondleke kahle
- zinempilo enhle
- zivikelekile
- zinamandla futhi
- zisesimweni esingenangcindezi

ukuthuthuka nokukhula kwazo kuyachuma

### **UKUPHATHEKA KAHLE**

iSigaba Sokufunda Nokuthuthukisa esinqala.

**ELDA 1** Ukuphatheka kahle kusekela ukuthuthukiswa futhi kuLangene nezinye izigaba Zokuqala Sokufunda Nokuthuthukisa ezinhlanu (5)

**ELDA 2** Ubuwena Nemvelaphi

**ELDA 3** Ukuxhumana

**ELDA 4** Ukuhololisa Izibalo

**ELDA 5** Ukusungula

**ELDA 6** Ulwazi nokuqonda Izwe

---

**Umfanekiso 6** Ukuphatheka kahle Ingxene Yokufunda Nokuthuthuka Yokuqala esinqala esisekela zonke Izigaba Zokufunda Nokuthuthukisa (ELDAS)

## Ukusebenzisa Izingxeny Zokufunda Nokuthuthuka Zokuqala

Abantu abadala abasebenza ngoHlaka Lohlelo Lwezemfundu Lukazwelone (isibonelo, umzali, umnakekelo, umfundisi wezingane ezincane, umuntu owenza izingane zikwazi ukufunda, umfundisi wasesikhungweni semfundo ephakeme, abasebenzi abasekelayo nabahloli) bazoqonda ukuthi:

**Zonke izingane kufanele zithokozele amalungelo azo omthetho-sisekelo nemindeni nabasondelene nazo banomthwalo wokuqinisekisa ukuthi lamalungela kuyahlangabezwana nawo**

**Yonke ingane izalwa inamalungelo.** Lokhu okulandelayo kuthathwe ku "Isimo Sezingane Zomhlaba, 2001 UNICEF:

Ingxene 28":

1. Ukuvikelwa engozini.
2. Ukondleka okwanele nokunakekelwa kwempilo
3. Ugugonywa okufanele
4. Umuntu omdala okufanele abe nobudlelwane naye.
5. Umuntu omdala ongaqonda futhi aphendule lapho zenza izimpawu ezithile
6. Izinto engazibuka, izithinte, izizwe, izinuke, izinambithe
7. Amathuba okuhlolola kabanzi izwe layo
8. Ukukhuthaza okufanele ukufunda ulimi
9. Ukusekela ekutholeni amakhono amasha okunyakaza olimi nawokucabanga
10. Ithuba lokuthuthukisa ukuzimela.
11. Ukusiza ekufundeni indlela yokulawula ukuziphatha kwazo
12. Amathuba okuqala ukufunda ukuzinakekela ngokwazo
13. Amathuba ansuku zonke okudlala ngezinto ezhlukahlukena
14. Amathuba okwakha amakhono okusebenzisa icicubu ezincane.
15. Ukukhuthaza ulimi ngokukhuluma, ukufundelwa, ukucula
16. Imisebenzi ezoyenza ithuthukise umuzwa wokunqoba
17. Ukuzaama amakhono angaphambi kokufunda ukubhala nokufunda
18. Amathuba okuhlolisa ukufunda ngokwenza izinto ezithile
19. Amathuba okuthatha izinqumo eziphusile nokuzikhethela
20. Ukukhuthaza ukwakha ukuzithiba, ukubambisana, ukuphikelela ekuqedeni imisebenzi eyenzayo
21. Ukusekela umuzwa wazo wokuzizwa zibalulekile
22. Amathuba okuveza imizwa nemicabango yazo
23. Ukukhuthaza ukusungula

**Abantwana asebekhulakhulile nojahidada baqala ukuba nomuzwa wokuthatha izinqumo eziphusile uma**

1. besiza ngemisebenzi yansuku zonke njengo kuwasha, ukuhlanza nokushanelo
2. ukwenza izinto ezilula abazitshelwayo
3. ukulalela abanye
4. ukulandela imikhuba yosiko uma kudliwa

## Abantu abadala basiza izingane ukuba zazi amalungelo azo futhi kancane kancane zikwazi ukuthatha izinqumo eziphusile

1. ukukhuthaza ukuthuthukisa kolimi ngokukhuluma, ngokufundelwa izincwadi, ngokucula, amakhono angaphambi kokufunda ukubhala nokufunda
2. ukuzinikeza imisebenzi ezizoyenza ezizoyenza ukuze zithuthukise umuzwa wokunqoba
3. ukukhuthaza amathuba okuhlolisa ngokuzenzela izinto ezithile ngokwazo nokubamba iqhaza ekufundeni
4. ukunikeza amathuba okuthatha izinqumo eziphusile nokuzikhethela
5. ukukhuthaza ukufunda ukuzithiba, ukubambisana, nokuphikelela ekuqedeni imisebenzi eyenzayo
6. ukukhuthaza ukuba zizizwe zibalulekile
7. ukunikeza amathuba okuveza imizwa nemicabango yazo
8. ukukhuthaza ukusungula
9. ukuba isibonelo sokuziphatha okufanele ngazo zonke izikhathi (isibonelo, ukulalela izingane ngendlela efanayo okulindeleke ukuthi izingane zilalele ngayo)
10. ukuchaza ukuthi kungani izindlela zokuziphatha zidingeka noma zingadingeki
11. ukutshengisa izindlela ezilindelekile zokuziphatha isibonelo, indlela yokufinya efanele
12. ukutshengisa intshisekelo yokufunda ngezingane ezinganeni ngokwazo



**a. Izigaba Zokuqala Zokufunda Nokukuthuthukisa (ELDAS) zivele zizihlanganele nemisebenzi eminingi yansuku zonke nanemisebenzini enikwa izingane.**

Okulandelayo kuyisibonelo semisebenzi ehlanganise konke eminyakeni yokuqala yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile okuwukudlala ngesihlabathi namanzi:

<b>Umsebenzi: ukudlala ngamanzi nesihlabathi</b>	
<b>Ingxenye Yokufunda Nokuthuthuka Yokuqala (ELDA)</b>	<b>Izenzo esikhuthazwa umuntu omdala: ezinganeni</b>
<b>Ukuphatheka kahle</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• dlala ngokuphepha</li> <li>• khulisa amandla ezicubu ezincane, nokudidiyela</li> </ul>
<b>Ubuwena nemvelaphi</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• bazazi njengabafundi abanamakhono nokuzethembra</li> <li>• ukuthuthukisa umuzwa onamandla wokuzinakekela</li> <li>• ukwakha ubudlelwane obuqinile nezinye izingane kanye nabantu abadala</li> </ul>
<b>Ukuxhumana</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• ukukhuluma nokulalela</li> <li>• ukufunda (isibonelo: amalebula eziqukathi nezinto, )</li> <li>• ukuqopho nokubhala (imidwebo nokupenda, ukwakha ngobumba, nangodaka, amaculo nemilolozelo amayelana nokudlala ngesihlabathi namanzi</li> <li>• ukwakheka koLimi namagama asetehenziswayo kulo</li> </ul>
<b>Ukuhlolisisa izibalo</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• inombolo nokubala</li> <li>• ukuhlunga nokuhlela, ukuqhathanisa nokuxazulula izinkinga</li> <li>• umumo wezinto, isikhala, nokulinganisa</li> </ul>
<b>Ukusungula</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• ukuxazulula izinkinga zokwakheka kwezinto</li> <li>• ukwenza izithombe zonhlangothimbili (2D) nonhlangothintathu(3D)</li> <li>• ukudlala imidlalo yokulingisa</li> <li>• ukucula amaculo nokusho imilolozelo</li> <li>• ukudansa</li> </ul>
<b>Ulwazi nokuqonda umhlabi</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• ukwakha ngomqondo okuzokwakhiwa, ukwenza izinto nokuhlola ezobuchwepheshe</li> <li>• ukuhlola isikhathi nendawo</li> <li>• ukuhlola nokuphenyisisa izwe</li> </ul>

**b. Lokho izingane ezingaba namandla okukwenza**

Izidingo zezingane zihlukene kuzozonke izigaba ezibanzi ezine futhi izidingo zengane ngayinye kumelwe zifakwe ohlelwensi lokuthuthukiswa kwezingane ezincane (ECD)

Izingane zidinga imisebenzi ezingakwazi ukuyenza futhi ziyyithokozele engabuye ibaphonsele inselelo. Emingi yale misesbenzi izowela engxenyen iebanzi yesigaba sokuthuthuka kwazo (Abaqalayo, Abaqhubekayo, Abaqhubekela phambilii Abaqhubekela ebangeni R) kodwa ingane ngayinye ingase ibe nezingxenyi ezithanda kakhulu noma ezithanda kancane futhi enekhono lazo elincane. Abantu abadala kumele baqiniseke ukuthi banikeza ingane ngayinye imisebenzi eyothuthukisa lokho ekuthanda kakhulu nezidingo zayo zokuthuthuka.

**Iziqubu zokukhula ngokushesha noma izikhathi zokukhula nokuthuthuka ngokushesha**

Izingane zivame ukuba neziqubu zokukhula ezingxenyen iezahlukahlukene lapho zibonisa khona uthando olukhulu namakhono, isibonelo ingane ingase ikuthande kakhulu futhi 'ikwazi kahle' ukudweba nokupenda. Abantu abadala kumele babanikeze imisebenzi yobuciko obungaba inselelo enganeni.

Yenza imisebenzi esuselwe ezingxenyen ezingaphambili nezingane ezidinda futhi zikhombisa uthando emisebenzini eqhubekayo nebukhuni. Nikeza izingane ezingamelana nokungaphezulu kwalobo bukhuni eminye yemisebenzi yebanga R ebalulwe ezingxenyen ezipanele zezincwadi ze-CAPS.

**Ukuthuthuka okubambezelekile**

Izingane zingase zikhombise ukubambezeleka ekuthuthukeni kwazo okungathatha isikhathi eside noma esifushane. Zingase zivame ukukhombisa ukungawuthokozeli umsebenzi othile noma ingxoxo ethile.

- isibonelo, ujahidada ophila nokukhubazeka angase adinge imisebenzi ebekelwe ingane engakaqali ukuhlala, ebe esezingeni lokusebenza kwengqondo yengane eniminyaka emithathu.
- Isibonelo, ingane encane ingase iyithande kakhulu imisebenzi yokunyakazisa umzimba kunaleyoyokulalela izindaba. Umuntu omdala kudingeka anikeze amathuba amanangi ayinselelo okuthuthukisa ukukhula komzimba namathuba athokozisayo nakhangayo okulalela nokufunda izindaba ukuze ingane ibe nothando lokufunda izincwadi futhi.

Yenza imisebenzi esuselwe kwewayzigaba ezingaphambili nezingane ezidinga futhi zikhombisa uthando emisebenzini eludlana futhi engabukhuni kakhulu.

#### c. Izingane ezinezidingo ezikhethekile zemfundo nezokunakekelwa.

Izingane eziphila nokukhubazeka, isibonelo, emzimbeni, engqondweni noma ezinzweni, izingane ezibuthakathaka empilweni (isibonelo, ezinesifo sengculaza HIV) nezingane ezihluphekayo, zingase zibe nezithyo ekuhlanganyeleni emisebenzini yesikole nasekufundeni. Kugcizelelwa kakhlulu ukunikeza izinhlelo zemisebenzi emindenini nangabfundisi bezingane ezincane besekelwa ngongcweti bokuhlola nokuqequesha uma bedingekile.

Zonke izingane zifisa ukuba nelukuluku, umdlandla futhi zibambe iqhaza ekufundeni nasekuthuthukeni kwazo. Izingane ezinezidingo zemfundo ezikhethekile azihlukile kulokhu. Zidinga ukusekelwa nokubonelelwa, ukuze zibe namathuba alinganayo okwenza lokho ezingase zibe namandla okukwenza.

#### d. Ulwazi lomdabu nolwendawo, amakhono nokuziphatha

Kugcizelelwa kakhlulu ukunikezeni ukwakheka kohlelo nemisebenzi yezingane neminden yazo ngokwendabuko yazo, ngokolwazi lwendawo namasiko, amakhono nokuziphatha okuyothuthukisa ukukhula nokufunda kwezingane futhi okuyokhulisa kufake neminden ezinhelweni Zokuthuthuka kokuqala Kwezingane (ECD).

Ulwazi lwendawo, lomdabu namasiko kumele luthuthukise amalungelo ezingane futhi lugxile esidingweni sengane ngayinye sokuba nelukuluku ngomhlaba, ibe nomdlandla ekuhloleni umhlaba futhi iphephe.

#### e. Ukubaluleka kokudlala

Abantwana nezingane ezincane bafunda lapho bedlala. Ekuqaleni badlala ngabodwana noma nalabo abaseduze nabo, ngokuvamile umzali noma umuntu omgadayo. Beso kuba ilapho izingane zidlala imidlalo ehlukene zibe zindawonye. Uklala ngokubambisana kuyilapho ziqla ukudla umdlalo owdola zibambisene. Bayafunda lapho bedlala ngezinto ezibazungezile – bafunda ukuthi izinto zizwakala kanjani uma uzithinta, wenzani ngazo, zinuka kanjani, zinambitheka kanjani futhi zinemisindo enjani. Babuye bafunde nangokubuka ezinye izingane zidlala. Bafunda ngokubuka lokho okwenziwa abantu abadala. Lokhu kuthatha isikhathi futhi abantu abadala kudingeka baqiniseke ukuthi abantwana nezingane ezincane banamathuba amaninge okufunda ngokudlala, okubuye kubizwe ngokuthi ukufunda ngokwenza okuthile.

#### f. ULimi Lwebele nolwazi Iwezilimi ezihlukene

Zonke izingane kudingeka zizwe futhi zifunde ukukhuluma ngoLimi Lwebele.Uma zinesisekelo esiqinile solimi lwebele, ziyokuthola kulula ukufunda olunye ulimi njengoba ziyobe sezitholile indlela lololimi olwakheke ngayo nendlela yokuxhumana nabanye ngalo. Lokhu kuyozisiza uma zinakekelwa endaweni lapho kukhulunywa uLimi olungaphezu kolulodwa.

# ISIGABA SOKUQALA SOKUFUNDA NOKUTHUTHUKA: UKUHATHEKA KAHLE

## Izwi lengane



Ngifuna ukuba sendaweni lapho ngingajabulela khona impilo enhle, ukudla okunomsoco, ukuphepha nalapho ngingathuthukisa khona ukuzethemba nokubekezela. Ngifuna ukujabula. Lokhu kuyilungelo lami.

Ngokujwayelekile ngingumuntu ohlala enomdlandla, umzimba wami uthuthuka futhi ukhula ngokushesha. Ngidinga ukudla okunomsoco okwanele. Ukunakekelwa kwezemphile nesimo sendawo esiphephile kubaluleke kakhulu ukuqiniseka ukuthi ukukhula nokuthuthuka kuyenzeka. Lokhu kuyilungelo lami.

## Kumayelana nani ukuphatheka kahle

- Lapho izingane zinomuzwa onamandla wokuphatheka kahle
- Ziba nobudlelwane obunokuphepha nokusekelwa ngabantu abazinakekelayo
  - Zijabulela amalungelo azo futhi ziya ngokufunda ukwenza imisebenzi ebhekene nazo, ngabanye nangendawo eziphila kuyo.
  - Zijabulela impilo enhle (kusukela zingakazalwa)
  - Ziphila endaweni ephephile
  - Zondleke kahle kusukela ekukhulelweni (esibelethweni)
  - Zithuthukisa lokho ezikwazi ukukwenza nalokho ezikuthandayo emisebenzini enyakazisa imizimba
  - ziyakwazi ukumelana nezimo ezinzima nezingcindezi zansuku zonke (zinamandla futhi ziyabekezela futhi ziba nemizwa yenjabulo).

Ngakho-ke, ukuphatheka kahle kufaka izingxenyenokuthuthuka kwezingane okuqondene nokuzwela, inhlakahle kanye nanomzimba. Ukuphatheka kahle kubaluleke kakhulu ngoba lapho izingane zinempilo enhle, zinomdlandla futhi zondleke kahle ngaleyondlela zinenkuthalo yokufunda.

Isimo sokuphatheka kahle sezingane seyame ekutheni zithathwa ngokuthi zibalulekile, ziyahlonishwa futhi ziyasekelwa ngabantu abadala emindenini yazo kanye nasezinhlwelweni zeSigaba Sokuqala Sokuthuthuka Sezingane (ECD) ukuze zibhekane nezingcindezi zansukuzonke ezimpilweni zazo.

Ukuphatheka kahle akunakuhlukanisa nokufunda. Lengxenyenokuthuthuka kahle kubaluleke kakhulu kuzo zonke izingane kusukela ekukhulelweni.

## Abantu abadala kudingeka bakuqaphele ukuphatheka kahle kwezingane

- Amalungelo ezingane akha isisekelo sakho konke ukuphatheka kahle nokufunda.
- Zonke izingane, kuhlanganise nalezo eziphila nokukhubazeka nezinezidingo ezikhethekile zinelungelo lokuthola ukunakwa futhi kufanele zisekelwe ukuze zikwazi ukuthuthuka futhi zifunde ngendlela ezingakwazi ukufunda ngayo.
- Abantu abadala kudingeka bafake amalungelo ezingane kuyo yonke imisebenzi abayenzayo lapho besebenza nezingane futhi besebenzela zona.
- Ukubeka phambili izidingo zezingane eziselwe, ojahidada nezingane ezikhulakhlulile kuyisisekelo sokuxhumana futhi abantu abadala kufanele:
  - Babuke zonke izingane ngokucophelela ukuze babone izidingo zazo nezinto ezizithandayo. Babheke lokho ezikwenzayo nendlela eziphendula ngayo.
  - Balalelise izingane kusukela ziselwe. Izingane zixhumana ngokwenza imisindo (Isibonelo, ukukhala, ukumemeza, ukubhibhidla, ukuhleka), ngokunyakazisa umzimba (ngokwesibonelo ukunyakazisa izitho zomzimba, ukumamatheka, ukuvayiza ngezandla, ukwanga) nangolimi (Isibonelo, ngamazwi nangemidwebo, imidlalo elingisayo)
  - Cabanga kuqala ngokuthi ikuphi okubaluleke kakhulu enganeni
  - Inake imibono yazo zonke izingane.
  - Gcina amarekhodi ozoxoxa ngawo nabazali kanye nongcweti osebenza nabo (Isibonelo, abezempilo, abezenhlalakahle, abezemfundo) uma kudingekile.
- Izingane ziyakulangazelela ukuba nabantu abadala abaziqondayo, abazithandayo futhi abazisiza ukuba zikhule futhi zifunde ebudlewaneni obusekelayo.

- Abantu abadala kudingeka bavule amathuba ukuze izingane, ojahidada nezingane ezikhulakhulile zifunde
  - Ngamalungelo azo ngemisebenzi ebhekene nazo ngenkathi zikhula
  - Ngempilo nangokuphepha ngemisebenzini abayenza nsuku zonke efaka izikhathi zokudla ukudla okunomsoco nangendlela okuhlale kugcinwa ngayo inhlanzeko nokuvikeleka nokuphepha.
  - Ngemizimba nangamakhono abo okunyakaza nokusebenzisa amathuluzi.
  - Ukuthuthukisa ukuzimela nokubekezela ngokukhuthaza ukuthi bazikhetheli bona futhi bazithatheli izinqumo.




---

**Umfanekiso 7** Ukusebenza nemindeni nezingane zayo ezincane ukuthuthukisa ukuphatheka kahle

## Amaphuzu Okuhlolisa Ongacabanga Ngawo

- Isimo sasekhaya, umndeni nohlelo lwemfundo yezingane kukuthinta kanjani ngendlela enhle ukuphatheka komfana nentombazane ngayinye?
- Isimo sekhaya, umndeni nohlelo lwemfundo yezingane kungakuthinta kanjani ukuphatheka kahle kwezingane ngendlela embi?
- Kungakhelwa kanjani phezu kwamathuba amahle nezinsiza ukuze kusizwe izingane ukuthuthukisa umuzwa wokuphatheka kahle?
- Kungabhekanwa kanjani futhi kuncishiswe izinto ezinemithelela emibi?
- Ingabe uhlelo lwemfundo yezingane luzisekela ngokwanele zonke izingane ukuze zikhule zizizwa ziphatheke kahle ngayo yonke indlela?

### Izinhloso, imihlahlandlela yokuthuthuka, izibonelo zemisebenzi ekhuthaza ukuphatheka kahle

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabajali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
1. <b>Izingane zondleke kahle</b>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Bayakhula kusukela bezalwa ngokuvumelana neziqondiso Zencwajana Yendlela Yempilo</li> <li>baqala ukutshengisa abakuthandayo ngalokho abafuna ukukunambitha</li> <li>bahlola ukudla ngokukubuka nangokudlala ngakho</li> <li>bayazibika lapho belambile noma besuthi</li> <li>bayakwamukela futhi bacele ukudla abakuthandayo</li> <li>bazama ukudla okusha ngokuzithandela</li> <li>bakuhalafuna kahle</li> </ul> <p>Abanye abantwana bangase baphuze ukufunda ukwenza ezinye izinto, abanye bangase babe neziqubu zokukhula ngokushesha ezindaweni ezithile.</p>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Yenza umdlalo wokukala nokulinganisa abantwana nojahidada ukuze bakujabulele abakwenzayo</li> <li>Nikeza ingane ngayinye ukudla okuhlukahlukena. Khumbula ukuthi kungase kube nokuhlu kaamasikko kulokho okubonwa njengokudla okufanele abantwana</li> <li>Zinike isikhathi sokuba nengane ngayinye ngesikhathi sokudla</li> <li>Yenza isikhathi zokudla zibe mnandi ngokuxoxa, ukucula, ukusho imilozelo, ukuxoxela izingane izindaba</li> <li>Khuluma ngolimi abaluncela ebeleni ngalokho okwenzekayo ngezikhathi zokudla.</li> <li>Bafundise imikhuba emihle yokudla</li> <li>Lindela ukuba ingane ikuthande ukudla okusha futhi uyiphe kona ube uyikhuthaza ukuthi ikudle. Bhekisia abantwana wenze okufanele</li> <li>Lindela ukuba abantwana bazingcolise lapho bezama ukuzidlela ngokwabo</li> <li>Zinike konke ukudla neziphu zo ngendlela ekhangayo</li> <li>Qaphela futhi usebenzise imibono namasiko endawo namasiko-mpilo ngemikhuba emihle yokudla.</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese uxoxa nabazali ngabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ngemikhuba yabo yokudla nokuphuza</li> <li>Ngokudla neziphu zo abazithandayo</li> <li>Amazinga okujabulela ukudla</li> <li>Amazinga omdlandla</li> <li>Amazinga okulamba</li> <li>Ukukhula (usebenzisa Incwajana Yendlela Yempilo) kuhlanganise ukuba mncane kakhulu nokuba mkhulu ngokweqile ngomziba kanye nobude</li> <li>Ulwazi <ul style="list-style-type: none"> <li>Iwezinlobonhlobo zokudla, ukunambitheka ukubaluleka</li> <li>imikhuba yokudla</li> <li>imikhuba yenhlanzeko yokudla namanzi</li> <li>'imikhuba emihle' yomphakathi neyabanye yemikhuba yokudla enempilo</li> </ul> </li> <li>Ukuthuthukisa amakhono nendlela yokuziphatha ukuze <ul style="list-style-type: none"> <li>ulungisele, unikeze futhi ususe ukudla</li> <li>usebenzise izitsha zokudla</li> </ul> </li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebezena nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebani yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ojahidada bayaqhubeka nokukhula ngokuvumelana neziqondiso zeNcwajana Yendlela Yempilo</li> <li>Ojahidada baqala <ul style="list-style-type: none"> <li>ukubona ukudla okusha nokuhluhuklukene</li> <li>ukukwazi ukwahlukanisa ukudla ngokunambitheka nangokubukeka kwakho</li> <li>ukuqonda ukuthi ikuphi ukudla okunomsoco</li> <li>ukusiza ekunikeni abanye ukudla noma ukubeka izitsha</li> <li>babajulela ukudla kwendawo nokomdabu kanye nezindlela zokudla ngenqubo yomndeni</li> <li>Abanye ojahidada bangase baphuze ukufunda ukwenza ezinye izinto, abanye bangase babe neziqubo zokukhula ngokushesha ezindaweni ezithile.</li> </ul> </li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Qhubeka nemisebenzi kanye namacebo asengxenyeni edlule ethi 'abaqalayo' nojahidada abadinga lokhu, bese unika imisebenzi ethathelwe ku-'Abaqhubekeyo' ezinganeni 'ezineziqubu' zokukhula ngokushesha.</li> <li>Banike ukudla okuncane khona bezo khuthazeka ojahidada bazizwe bekwazi ukukudla konke</li> <li>Khuthaza ojahidada ukuba bacele okunye ukudla lapho bekudinga ukhumbula izidingo zabo zokukhula</li> <li>Banikeze ukudla okuhluhuklukene ngezikhathi zokudla</li> <li>Siza izingane ukuba zidle lapho sezikhathela ukuzidlela</li> <li>Xoxa ngokudla nange mvelaphi yako</li> <li>Khuthaza ukudla komdabu nokutholakala endaweni</li> <li>Buka izinto ezilotshiwe nojahidada (njengezikhangiso zokudla) bese nioxoa ngokudla okunomsoco kanye nokudla okungenawo umsoco</li> <li>Yenza izithombe zokudla okunomsoco nezingane</li> <li>Cula amaculo nemilolozel, wenze imidlalo yaseshashalazini nemidlalo yokulingisa nezingane, kanye nemisebenzi yezithombe njengokudweba, ukusika nokunamathisela nokupenda emayelana nokudla</li> <li>Sekela izingane ngokupatha izitsha ezihlukahlukene, isibonelo, ipuleti, indishi yokudlela, inkomishi, isipuni, imfologo nommese (ubabhekisisce kulokhu kokugcina)</li> <li>Sekela izingane ukuba zenze izinto ezihlukahlukene njengo. - kuthela, ukukha, ukusula, ukuhlanza, ukugeza izitsha, ukuzibeka</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa ebantwaneni, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezisisengozini yoku ngondleki, ukuze uzibhale phansi bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa</b></p> <p><b>a. Ukungondleki</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Izimpawu zesifo sendlala (ukuvuvuka kwezinyawo, ukuhukhumala kwesisu, ukuncipha kwezinwele, ukuphuma amazinyo, ukushintsha kwasikhumba umbala nokuqubuka)</li> </ul> <p><b>b. Ukugula</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ukungakuthandi ukudla njengophawu lokugula</li> <li>Ukuphalaza nokuhuda (indle emanzi izikhathi eziningana ehoreni noma indle enegazi) (thintana nabosizo lwezokwelapha ngokushesha, mniike amanzi abilisiwe apholiswa anosawoti noshukela omncane futhi uqiniseke ukuthi ingane iyaqhubekeyo nokudla ukudla okuncane njalo)</li> <li>Izinga lokushisa lapho iphalaza futhi ihuda</li> <li>Ukoma kakhulu noma ukungawkazi ukuphuza</li> </ul> <p><b>c. Ukuhuluphala ngokweqile</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Isisindo njengo kweNcwajana Yendlela Yempilo iwubufakazi (xhumana nabazali kanye nomtholampilo)</li> </ul>

<b>Izinhloso</b>	<b>Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b>	<b>Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebezena nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b>	<b>Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabajali nokudlulisel a kongcweti uma kunesidingo.</b>
	<b>Abaqhubekela phambili</b> Izingane ezincane <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ziyakwazi ukabaluleka kokudla ukudla okuhlanzekile</li> <li>• Ziyathanda ukuzama ukudla okusha</li> <li>• Ziyakwazi ukubona okunye ukudla okunomsoco</li> <li>• Ziyasiza ekuhanzeni noma ikuphi ukudla noma iziphuzzo ezichithekile</li> </ul>	<b>Abaqhubekela Phambili</b> Qhubeka nemisebenzi kanye nemibono esengxenjeni edlule ethi 'Abaqalayo' nethi 'abaqhubekayo' nazozonke izingane, ikakhulukazi lezo ezikhula kancane ngokomqondo neziphila nokukhubazeka. <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qala ingadi yokudla bese unikeza izingane imisebenzi ethile ukuba ziyanakekele.</li> </ul>	
<b>2. Izingane zinempilo futhi zinomuzwa omuhle wokuhlanzeko</b>	<b>Abaqalayo</b> <b>Abantwana</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bavame ukujabulela ukukhahlela nokulala emanzini afudumele nokuwashaya nokudlala emanzini begadwe abantu abadala</li> <li>• bakhombisa ukukuthanda ukugeza izandla nezingubo nezitsha lapho besizwa</li> <li>• bayakuthanda ukwazi ngemikhuba yokuphila enempilo nenhlanzeko</li> </ul>	<b>Abaqalayo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Yenza isibonelo semikhuba yenhlanzeko, njengo - kugeza izandla ngaphambi kokudla nangemva kokuya endlini yangasese</li> <li>• Xoxa futhi ucle ngenhlanzeko nangempilo lapho wenza imisebenzi enempilo neyehlanzeko nabantwana</li> <li>• Tshengisa izingane ezikhulakhulile indlela yokugeza izandla zazo futhi uzinike amathuba amaningi okwenza lokho.</li> <li>• Yenza imisebenzi eseizingxenjeni ezilandelayo nezingane ezidanga nezibonisa uthando emisebenzini ethethuthu.</li> </ul>	<b>Bhekisisa bese uxoxa nabajali ngabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ngamazinga omdlandla</li> <li>• ngothando lokudla</li> <li>• ngerekhodi lomgommo ukuze uqinisekise ukuthi alisalele emuva (bheka Incwajana Yendllela Yempilo)</li> <li>• ngokukhula kwamazinyo okunempilo</li> <li>• Ngokuqaphela nokubonisa imikhuba yenhlanzeko njengokugeza izandla, ukufinya, imikhuba yasendlini encane</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebezena nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebani yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudluliselwa kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p>Ojahidada bayaqhubeka</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• nokulingisa ukugeza ubuso, izandla, njll.</li> <li>• nokulingisa ukuxubha amazinyo</li> <li>• nokugeza izandla kahle</li> <li>• nokucela ukuba bafinyiswe lapho kunesidingo</li> <li>• nokuqonda imithetho eyisisekelo yokuphepha</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p>Qhubeka nemisebenzi kanye nemibono esengxenjeni edlule Yabaqalayo nazo zonke izingane, ikakhulu lezo ezikhula kancane neziphila nokukhubazekai.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Sebenzisa imibono esengxenjeni elandelayo ethi Abaqhubekela phambili nethi Abaqhubekela ebangeni R nezingane ezikulungele ukwenza imisebenzi elandelayo.</li> <li>• Xoxa 'ngokuhlanzeka' kanye 'nokungcola' futhi</li> <li>• hlela imisebenzi yezingane ukuze zizwe ukuthi kunjani ukungcola lapho zidlala ngaphandle njengento enhle, bese kulandela into enhle ukugeza umzimba nezitsha ngemva kwalokho</li> <li>• Lapho zihlanza nomu zigeza izingane, zikhuthaze ukuba zizigeze izingxenye ezihlukahlukene zomzimba wazo</li> <li>• Khuthaza futhi uzincome izingane lapho zikhumbula ukugeza izandla ngemva kokusebenzisa indlu encane nangaphambi kokudla.</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezisengozini yokugula, ukuze uzibhale phansi bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ingabe ingane inemfiva?</li> <li>• Ingabe ingane ibuyisa yonke into eyidile?</li> <li>• Ingabe ingane ike yadlikiza (isifo sokuwa)?</li> <li>• Ingabe ingane ibhocobe (ibukeka ikhathele) noma iqulekile?</li> <li>• Ingabe ingane inesifo somgudu wokuphefumula (iyakhwehlela futhi iphefumula kanzima)?</li> <li>• Ingabe ingane inamazinyo athile abolile?</li> <li>• Ingabe ingane ihlala endaweni ehlanzekile nenempilo?</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel a kongcweti uma kunesidingo.
	<b>Abaqhubelela phambili</b> Izingane ezincane <ul style="list-style-type: none"> <li>• zigeza izandla, ubuso, nomzimba</li> <li>• zifinya ngenhlanzeko</li> <li>• zitshela abanye ngemithetho eyisisekelo yenhlanzeko nokuphepha kanye nezizathu zayo</li> <li>• zixubha amazinyo ngendlela efanele</li> <li>• zichaza ngamagama alula ukuthi ukugula kubangelwa yini (amagciwane nokungcola)</li> <li>• ziyanibona izimpawu zokungaphili</li> </ul>	<b>Abaqhubelela phambili</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nemisebenzi kanye nemibono esengxenyeni edlule Yabaqhubekela Phambili nazo zonke izingane, ikakhulu lezo ezikhula kancane neziphila nokukhubazeka.</li> <li>• Qiniseka ukuthi izingane zisebenzisa futhi ziyajabulela yonke imikhuba ehlobene nenhlanzeko yazo</li> <li>• Cula amaculo nemilozelo ekhulumna ngezempiro nangemikhuba yenhanzeko</li> <li>• Yenza imidlalo yezingane ukuze zibonise ukudansa nokunyakaza</li> <li>• Funda uxoxe izindaba zezempiro nezenhlanzeko</li> <li>• Cela izivakashu ukuba zize zizotshengisa zioxo ngezempiro nenhlanzeko. isibonelo, umhlengikazi, udukotela, osusa izibi</li> <li>• Cela izingane ukuba zisize ngemisebenzi elula njengokuhlanza, ukugeza, ukushanelu. Yenza le misebenzi ngendlela ejabulisayo ukuze izingane zikujabulele ukuyenza.</li> </ul>	
	<b>Abaqhubelela ebangeni R</b> Izingane ziyaqhubelela ukudinga inqubo ezayiqala ziselwe noma sezingojahidada futhi ziyaqhubelela nokuqonda kahle <ul style="list-style-type: none"> <li>• Indlela izifo ezidluliseka ngayo</li> <li>• Izimpawu zokugula nokulimala</li> <li>• Lapho kudingeka zibize umuntu omdala azozisiza.</li> </ul>	<b>Abaqhubelela ebangeni R</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza imisebenzi ezinganeni ezikhulakhulile 'ezineziqubu' zokukhula ngaphambi kokuba zingene ebangeni R usebenzisa izingxenye ezifanelekayo encwadini yeCAPS Yamakhono Okuphila</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidata nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidata nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo.
3. <b>Izingane zakha umuzwa wokuphepha nokulondeka (ezempilo yendawo)</b>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bathuthukisa ukuzizwa bephephile futhi belondekile lapho izidiso zabo ezingokomzimba nangokozwelo zinakwa ngokushesha</li> <li>• Bathuthukisa izinga lokwethemba nokuba yingxene lapho abantu abadala bebanaka futhi bexhumana nabo ngendlela enothando</li> <li>• Basabela ezixwayisweni zengozi</li> <li>• Baqala ukuqonda imithetho eyisisekelo yokuphepha</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zinike ithuba lokunaka wonke umntwanakngempatho enothando nangokuxhumana naye njalo (Isibonelo, ukukhulum, ukucula, ukumamatheka, ukubuka nokulalela)</li> <li>• Sebenzisa amagama nezimpawu ukuze ubonise izingozi, isibonelo, zamaplaki kagesi nezomlilo</li> <li>• Cula amaculo nemilozelo amayelana nokuphepha nokulondeka</li> <li>• Xoxa izindaba ezimayelana nokuphepha nokulondeka okusiza abantwana ukuba bathuthukise amakhono okubhekana nalezimo (kodwa qaphela ukuthi izingane azigcini zesatshiswa)</li> <li>• Yenza imisebenzi eseizingxenjeni ezilandelayo nabantwana abadingayo nabakhombisa uthando emisebenzini eseizingeni eliphezulu.</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese ukuxoxa nabazali ngabantwana, ojahidata nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwazo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukunakekela ukuphepha kwazo endaweni eziphila kuyo</li> <li>• ukufuna usizo kubantu abadala nokwenza okulindelwe yibo</li> <li>• ukukhombisa ukuqaphela endaweni ezihlala kuyo futhi nakwezinye izimo ezingabingozi (Isibonelo, ezitebhisi, ezimotweni, ezilwaneni, imimese, izikelo, amapeni acijile)</li> <li>• ukukhombisa ukuqaphela nokukwazi ukulandela izindlela ezijwayelekile zezempiro nezokuphepha (Isibonelo, okwenziwayo mayelana nomlilo, ukuqaphela uma uphakathi kwabantu ongabazi, ukwazi igama nesibongo sakhe nalapho ehlala khona ukuze lokhu kwaziwe)</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabajali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo.
	<b>Abaqhubekayo</b> Ojahidada bayaqhubeka nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlule <ul style="list-style-type: none"> <li>• bafuna ukuhlola zonke izinto ezsendaweni abakuyo ngenxa yelukuluku labo lemvelo</li> <li>• bavame ukungaziqapheli izingozi kodwa bayazilalela izixwayiso</li> </ul>	<b>Abaqhubekayo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nemisebenzi kanye nemibono esengxenyeni edlule ethi 'Abaqalayo' nabo bonke ojahidada futhi ikakhulu labo abakhula ngokungasheshi nabaphila nokukhubazeka.</li> <li>• Khuthaza ojahidada ukuba bahlolisise, babenelukuluku lokwazi ngezwe labo               <ul style="list-style-type: none"> <li>- khumbuza izingane ngezingozi</li> <li>- bafundise ngokuphindhaphinda ukunakekela kwasesikhungweni</li> <li>- babonise izingozi ezsendaweni abakuyo.</li> </ul> </li> <li>• Buza ojahidada imibuzo evulekile mayelana nokuphepha lapho zihlolisia njengokuthi <i>Yini esingayenza uku ...</i></li> <li>• Khombisa ukuyinaka ngokunothando ingane ngayinye ngesikhathi ihlolisa ukuze iphephe futhi ibe nomuzwa wokuba yingxene nokuvunyelwa ukuba ilokhu eyikona</li> <li>• Sebenzisa imisebenzi esesigaben esilandelayo ebantwaneni abadinga futhi abakhombisa ilukuluku emisebenzini esezingeni elingaphezulu kwaleli.</li> </ul>	<b>Izinto ezidinga ukuqashelisiswa ebantwaneni, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini yokungaphephi nokungalondeki</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• izimpawu zokuhlukunyeza ngokomzimba noma ngokocansi</li> <li>• izimpawu zokuhlukunyeza ngokomoya</li> <li>• Izimpawu zokunganakekelwa</li> <li>• ingane engakuboni ukusha nokulimala</li> <li>• Ukungakwazi ukwenza izinqumo ngezokuphepha (isibonelo ukungakwazi ukubona izimoto ezihambayo nezinengozi</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubekela phambili</b></p> <p>Izingane ezincane ziqaqhube ka nezidindo nemisebenzi yesigaba esidlule futhi ziya ziqhube ka zikwazi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukubona ezinye izimo eziyingozi, izinto nezimpawu</li> <li>• ukunikeza amagama namakheli azo</li> <li>• nokuqonda imithetho eyisisekelo yokuphepha</li> <li>• ukulandela iziqondiso eziilula zalokho okufanele zikwenze lapho zisengozini</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekela phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nemisebenzi kanye nemibono eseizingxenjeni ezidlule ezithi 'Abaqalayo' nalena ethi Ábaqhubekayo' nazo zonke izingane ikakhulukazi lezo ezisalelayo ekukhuleni neziphila nokukhubazeka.</li> <li>• Siza izingane ukuba zikhumbule amakheli azo noma zichaze indawo lapho zihlala khona</li> <li>• Zibonise izimpawu zokuphepha, isibonelo, uphawu oluthi yima, bopha ibhande lemoto, ushev u</li> <li>• Uma izingane zikutshela ngesehlakalo esizenze zazizwa zingakhululekile, khombisa ukuthi uzimisele ukulalela</li> <li>• Nikeza imisebenzi izingane ezincane 'ezineziqubu zokukhula' ngaphambi kokuba ziqale Ibanga R usebenzisa izingxenye ezifanele ze ncwadi yeCAPS</li> </ul>	
	<p><b>Abaqhubekela Ebangeni R</b></p> <p>Izingane ziqaqhube ka nezidindo nemisebenzi yesigaba esedlule futhi ziya zikwazi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukubona nokubika izingozi eziendaweni ezihlala kuyo</li> <li>• ukuzizwa zizethembwa ngokubika ingozi</li> <li>• ukunikeza imininingwane yazo – igama, iminyaka, ikheli, izinombolo zocingo- kabantu ezibaziyo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekela Ebangeni R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza imisebenzi ezinganeni ezincane 'ezineziqubu zokukhula' ngaphambi kokuba ziqale Ibanga R usebenzisa izingxenye ezifanele zencwadi ye CAPS Amakhono Empilo.</li> </ul>	

Izinhoso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebezena nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo.
<p><b>4.</b>  <b>Izingane zinamandla ngokomzimba futhi zibonisa amakhono nothando emisebenzini eyenziwa ngemizimba</b></p>	<p><b>Abaqalayo Izicubu ezinkulu</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Basebenzisa imizwa kusukela bezalwa njengokuthuka, ukuhamba nokucathula, ukuncela, ukubamba</li> <li>• banyakazisa izingalo nemilenze ngokukhululeka</li> <li>• Bathuthukisa futhi baqinise intamo, nezicubu zomzimba ukuze basonteke babuye baphenduke, bahlale, bame</li> <li>• basebenzisa izicubu ezinkulu ukuze banyakakaze ngezinidlela ezihlukahlukene kuhlanganise ukugaqa, ukhudula nokuphakamisa</li> <li>• basuka ekulaleni phansi bahlale</li> <li>• basuka ekuhlaleni bame</li> <li>• bahambe bodwa uma bebanjwe isandla</li> <li>• bahambe, bame babuye baqale ngokuphephile</li> <li>• bakhuphuka izitebhisi ngokusizwa</li> <li>• bayagijima</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p>Ukukhula kwezicubu ezinkulu</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Dlala imidlalo enyakazisa umzimba nabantwana ukuze bazivocavoce bakhulise izicubu zabo ezinkulu isibonelo, ukudonsela phezelu kancane, ukuhaya nokucula amaculo ahambisana nalokho kunyakaza</li> <li>• Sebenzisa amaculo nemilolozelo ahambisana neminyakazo nabantwana kusukela bezalwa futhi ukhulume nabo lapho ubasiza ukuba bazivocavoce.</li> <li>• Khuthaza ukwenza imisebenzi emihle yendabuko neyendawo isibonelo, ukumasaja ngokuvumelekile emasikweni omndeni</li> <li>• Yenza iminyakazo emncane futhi udlale umculo okhalele phansi</li> <li>• Nikeza amathuluzi aqinile, azinzie naphephile asiza abantwana ukuba banyakakaze, njengezingodo, amasondo, amabhokisi okhuni.</li> <li>• Sekela ingane ngayinye ezidingweni zayo zokukhulisa izicubu ezinkulu isibonelo, ukusizana, umshini wokunyakaza, ukucaca izitebhisi</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese uxoxa nabazali, ngabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• abasanda kuzalwa basebenzisa izinzwa (isibonelo, ukuthuka, ukuncela, ukubamba)</li> <li>• Ikhono lokunyakazisa izandla nemilenze nomzimba</li> <li>• ikhono lokusonta, ukuhlala nokuma</li> <li>• Ikhono lokugaqa, ukuhamba, ukugijima, ukuzimelela, ukugxuma, ukugijima kakhulu nokucaca</li> <li>• ukuhambisana (isibonelo kweso nesandla, ukuhambisana kweso nonyawo)</li> <li>• amakhono okuqonda (isibonelo ukubona, ukuzwa, ubudlelwane nendawo akuyo)</li> <li>• ikhono lokusebenzisa ngokwengeziwe izicubu ezincane ukuze ubambe, uqukule ubambe, usebenzise</li> <li>• ukusebenzisa indlela efanele yokubamba ipeni lomsizi</li> <li>• ukuthanda nokujabulela imisebenzi ehlukahlukene enyakazisa umzimba (isibonelo imidlalo, ukudansa nemisebenzi enyakazisa umzimba)</li> <li>• ukusebenzisa izinzwa ukuze uxhumane nendawo kanye nabantu</li> </ul>



Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebani yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Izicubu ezincane</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• basebenzisa izicubu ezincane ukuhlolisa izinto ngokubamba, ukuthinta, ukusebenzisa izinto,</li> <li>• bakhombisa ukusebenzisana phakathi kweso nesandla</li> <li>• badudula futhi badonse amathoyizi amakhulu, amabhokisi nezinto ezelula eziphansi</li> <li>• bacosha izinto ezincane ngesithupha noma ngocikicane</li> <li>• bawisa noma baphonse izinto phambili</li> <li>• bayazifunza ngosizo lothile</li> <li>• bakha imibhoshongo enezitezi ezintathu (3)</li> <li>• bayadla besebenzisa isipuni, babambe inkomishi ngazo zombili izandla</li> <li>• babamba ipeni lomsizi amakhilayoni ukuze babbale.</li> </ul>	<p><b>Ukukhula kwezicubu ezincane</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza umntwana ngamunye amathuba amanangi okusebenza ngezinhlobonhlobo zezinto njengokuzifunza, ukudweba, imishini yokwakha nsukuzonke.</li> <li>• Khuthaza abantwana ukuba babambe, baqukule, babambe, baxukuze futhi banambithe, balalele, banuke futhi bathinte izinto ezihlukahlukene.</li> <li>• Sebenzisa izinto ezifanele eziphephile zasendaweni, njengamatsho, izinduku, iziqukathi zepulasitiki, ukuze abantwana bazisebenzise <ul style="list-style-type: none"> <li>- Ukubona ukwakhiwa kwazo (ipulasitiki, u kukhanya, okunombala ogqamile, okubusheleze, njll.)</li> <li>- Ukuthela nokugcwala</li> <li>- Ukugingqa, ukusonta, ukuyisa phambili nasemuva</li> <li>- Ukwakha, ukubhalansa, ukunqwabela ndawonye</li> </ul> </li> <li>• Nikeza izitsha zokudla kubantwana abakulungele ukuzisebenzisa futhi bakusize ukuzihlanza lapho sebeqedile.</li> <li>• Nikeza amathuba amanangi okudweba usebenzisa amakhilayoni amakhulu, ucikicane nezinduku, namanzi nokupenda ephepheni nasesihlabathini</li> <li>• Nikeza ojahidada amathuba okusika ngezikelo ezincane (basize bazibambe ngendlela efanele futhi bazisebenzise kahle benyakazisa izandla ngendlela efanele.)</li> <li>• Siza abantwana ukuba babambe amathuluzi okudweba ngendlela efanele (ukubamba ipeni lomsizi)</li> <li>• Yenza imisebenzi esezingxenjeni ezilandelayo nabantwana abadinga nababonisa uthando ngemisebenzi eqhubekayo yezinto ezenziwa ngomzimba.</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa ebantwaneni, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini, engokomzimba ukuze uzibhale phansi bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izicubu ezithambile (amalunga omzimba antekenteke)</li> <li>• izinkinga zokubona nokuzwa</li> <li>• ubunzima bokusebenzisa ilunga lomzimba</li> <li>• ubunzima bokuhlala, ukugaqa, ukuma, ukuhamba noukujijima</li> <li>• ukuzwa ubuhlungu lapho unyakaza</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudluliselka kongcweti uma kunesidingo.
	<b>Ojahidada abaqhubekayo</b> Baqhubeka nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlule futhi <ul style="list-style-type: none"> <li>Baqhubeka nokuthuthukisa izicubu zabo ezinkulu nezincane, nezicubu zesingenhla semizimba yabo( isifuba ,ingemuva kanye nesisu)njengoba benayo esigabeni sokuqala</li> <li>Benza ngcono amakhono abo futhi bese bebangcono ekusebenziseni izicubu ezinkulu nezincane</li> </ul>	<b>Abaqhubekayo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Qhubeka nemisebenzi kanye nemibono esengxenyeni edlule ethi 'Abaqalayo' nazo zonke izingane futhi ikakhulu lezo ezisesimweni sokuthuthuka kancane kanye nokuphila nokukhubazeka.</li> </ul>	
	<b>Izicubu ezinkulu</b> Ojahidada baqhubeka nezidingo kanye nemisebenzi yesigaba esidlule futhi <ul style="list-style-type: none"> <li>bazama ukukhahlela ibhola elikhulu</li> <li>banyakaza behambisana nesigqi somculo</li> <li>bagijima kahle</li> <li>bacaca izindonga ezimfushane noma ezinye izinto</li> <li>bagxuma ngazo zombili izinyawo</li> <li>bayama futhi bacothoze ngezinzwane</li> </ul>	<b>Imisebenzi yezicubu ezinkulu</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Banikeze imisebenzi nemidlalo eyengeziwe ukuze bakhulise izicubu ezinkulu namakhono okusebenzisa umzimba (ukucaca, ukubhalansa, ukusontasonta, ukugingqika, ukugijima)</li> <li>Dlala imidlalo enyakazisa umzimba nengane yakho</li> <li>Dlala umculo futhi ujayive nezingane zakho</li> <li>Banikeze amabhola amakhulu namancane futhi ubakhuthaze ukuthi bawakhahlele ,bawaphonse kuwe noma kokuthile</li> <li>Hlela ukuvakashela izindawo ezipulekile noma amapaki lapho izingane zingagijima khona ngokukhululekile nangokuphephile</li> <li>Banikeze izinto zokubhalansa, ukucaca nokugijima</li> <li>Dlala imidlalo yokujahana</li> <li>Dlala imidlalo yebhola.</li> </ul>	

<b>Izinhloso</b>	<b>Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b>	<b>Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b>	<b>Imihlahlandlela Yokuhlola Ebani yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.</b>
	<p><b>Izicubu ezincane</b></p> <p>Ojahidada baqhubeka nezidingo kanye nemisebenzi yesigaba esidlule futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Baqala ukusebeniza izikele namanye amathuluzi kahle</li> <li>• Basundu futhi badonse amathoyizi</li> <li>• Baphonsa ibhola elikhulu</li> <li>• Bafaka ukotini ebuhlalwini obukhulu</li> <li>• Bakha umbhoshongo onezitezi eziyisihlanu noma eziyisithupha</li> </ul>	<p><b>Izicubu ezincane</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza imisebenzi eminingi yokusebeniza iminwe nezandla ukwenza imisebenzi eyinkimbinkimbi. Isibonelo, ukudweba, ukupenda, ukusika</li> <li>• Banike amaphazili alula (anezicucu ezingadluli kweziyisithupha) nemidlalo ezothuthukisa ukubambisana kweso nesandla.</li> <li>• Banikeze imidlalo eminingi yamabholo nezikhwama zikabontshisi ukuze bathuthukuse amakhono okuphonsa nokunqaka</li> <li>• Banikeze amaculo nemilozelo nemidlalo yeshashalazi ekhuthaza ojahidada ukuba basebenzise izandla nezinyawo, izinzwane neminwe nemizimba yabo ukunyakaza okuhambisanayo.</li> <li>• Banikeze izinto ezincane ezsiongiwe futhi ubakhombise izindlela zokuziqaqa baphinde bazisonge</li> <li>• Banikeze ubumba nenhlama yokudlala nodaka ukuze baqinise izicubu ezincane</li> <li>• Dlala imidlalo yokushaya izandla nokunyakaza</li> <li>• Banikeze amathoyizi okwakha nezinto zokwakha</li> <li>• Sebenzisa imiqondo eseizingxenjeni ezilandelayo ezithi Abaqhubekela phambili nethi Abaqhubekela Ebangeni R nezingane esezikulungele ukuzama imisebenzi eseizingeni elithe ukuphakama.</li> </ul>	

Izinhloso	<b>Imihlahlandlela Yokuthuthuka</b> <b>Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b>	<b>Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b>	<b>Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudluliselka kongcweti uma kunesidingo.</b>
	<b>Abaqhubekela phambili</b> Izingane ezincane ziqhubeka nokuthuthuka njengasezigabeni ezimbili ezidlule. <b>Izicubu ezinkulu</b> Izingane ezincane <ul style="list-style-type: none"> <li>• ziaygxuma zitshakadule futhi zigjime ngejubane</li> <li>• zigxume ziye phambili nasemuva</li> </ul> <b>Izicubu ezincane</b> Izingane ezincane <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zisebenzisa izikele ukusika zilandela emgqeni</li> <li>• Zibamba ngokufanele izinto zokudweba uma zidweba izimo kanye nabantu</li> </ul>	<b>Abaqhubekela phambili</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nemisebenzi kanye nemibono esengxenyeni edlule ethi 'Abaqalayo' nethi 'Abaqhubekayo' nazo zonke izingane futhi ikakhulu lezo ezikhula kancane kunezinye neziphila nokukhubazeka.</li> </ul> <b>Izicubu ezinkulu</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khuthaza izingane ukuba zilandele izinyathelo ezilula zokujayiva</li> <li>• Yenza imizila elula enezithiyo ngamabhokisi, imiqamelo, njll.</li> <li>• Cela izingane ukuba zisize ngemisebenzi elula, ukuphakamisa nomu ukusunduza izinto</li> </ul> <b>Izicubu ezincane</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Banike izikelo eziyimbulunga phambili nomagazini namaphephandaba amadala ukuze bawasike</li> <li>• Banike amathuluzi ahlukahlukene okudweba nokupenda</li> <li>• Banikeze ubumba nenhlama yokudlala nodaka ukuze baqinise izicubu zeminwe</li> <li>• Yenza imilolozelo ebukhunyana yeminwe nezingane</li> </ul>	
	<b>Abaqhubekela Ebangeni R</b> Izingane ziqhubeka nezidindo nemisebenzi yesigaba esidlule futhi ziya ziqhubeka <ul style="list-style-type: none"> <li>• zinyakaza ngezindlela eziyinkimbimbi nangokuzethemba</li> <li>• zenza imithetho yokudlala imidlalo</li> <li>• Zisebenzisa amakhono ezicubu zazo ezinkulu nezincane nokuthuthukisa ukuqonda kwazo</li> </ul>	<b>Abaqhubekela Ebangeni R</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza imisebenzi izingane ezincane 'ezineziqubu' zokuhula ngaphambi kokuba zingene Ebangeni R usebenzisa izingxenye ezifanelekayo eziku CAPS-Amakhono Empilo nemibono yemisebenzi Yemfundo Yokunyakazisa Umzimba.</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebezena nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebani yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo.
5. <b>Izingane zithuthukisa izinga lokukwazi ukuqina (ukuba namandla okumelana nengcindezi yansuku zonke)</b>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p>abantwana bathuthukisa izinga lokukwazi ukuqinisela uma befunda kusukela bezalwa ukuthi abantu abadala</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bayabethemba futhi bayabathanda, noma sekunjani</li> <li>• babbekela imingcele ukuze bazi uma sekudingeka bayeke ngaphambi kokuba kwenzekе ingozi noma bangene enkingeni</li> <li>• babatshengisa indlela efanele yokwenza izinto ukuze bakhuthaze ukuzimela</li> <li>• bayobasiza lapho begula, bezwa ubuhlungu, besengozini noma bedinga ukufunda</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza umntwana ngamunye uthando olungenamibandela</li> <li>• Khombisa uthando ngokugona, ngokukhuluma, ngokumdlalisa, nokushushuzela nangokusebenzisa amazwi ehlisa umoya nenduduzo.</li> <li>• Khuthaza abantwana abadadlana ukuba behlise umoya ngosizo lomuntu omdala</li> <li>• Khombisa indlela yokuziphatha ekhombisa ukuzethemba, ukuba nethemba, nemiphumela emihle</li> <li>• Yamukela imizwa yomntwana ngokukhuluma naye kusukela ezalwa futhi umkhuthaze ukuthi aqaphela futhi akhombie imizwa yakhe nokuba aqaphela imizwa yabanye (njengokuphatheka kabi, ukudumala, ukujabula, ukuzwela, intokozo, intukuthelo, ukwesaba)</li> <li>• Linganisa inkululeko yokuhlola ngokusekela ukuphepha</li> <li>• Nikeza imingcele ecacile ('imithetho') yokuziphatha kwezingane ngencazeloz nezingxoxo ezilula nomntwana njengoba ulimi lwakhe luthuthuka</li> <li>• Nikeza izincazeloz ngemiphumela ngemuva kwezinselele kuya emingceleni nasemithethweni lapho ulimi lusathuthuka;</li> <li>• Duduza umntwana futhi umkhuthaze ezimweni ezicindezelayo.</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese ukuxoxa nabazali ngabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ngezinto ezikhombisa injabulo</li> <li>• amazinga okwethemba abantu abadala</li> <li>• amazinga okuzimela ahambisana nobudala nesigaba</li> </ul> <p><b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa bese uthatha izinyathelo ezifanelekile kubantwana, ojahidada nezingane ezincane ezsengozini yokuba nengcindezi</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• amazinga aphakeme ngokumangalisayo okwesaba lapho ebhekene nesimo noma abantu abajwayele</li> <li>• ukungahlaliseki nokungalali ngenxa yezinto ezethusayo ezenzeka</li> <li>• ukunamathele ngokweqile</li> <li>• ukukhala njalo nokuhlupha (kube kungekho sizathu njengokugula noma ukulimala)</li> <li>• amazinga aphakeme ovalo</li> <li>• ukungawkazi ukugxila ezintweni kanye namazinga aphakeme ovalo</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubekayo</b></p> <p>Ojahidada bayaqhubeka nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlule bathuthukise izinga lokuqinisel a lapho befunda ukuthi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bayathandeka</li> <li>• bayakujabulela ukwenzela abanye izinto ezinhle futhi bakhombise ukubakhathalela</li> <li>• bayazihlonipha bahlonipha nabanye</li> <li>• baqala ukuzimisela ukwenza izinto eziqondene nabo</li> <li>• banesiqiniseko sokuthi konke kuzolunga</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nayo yonke imisebenzi kanye nemibono esengxenyeni edlule ethi 'Abaqalayo' nazo zonke izingane ngazo zonke izikhathi.</li> <li>• Qhubeka unikeze bonke ojahidada uthando olungenamibandela ngisho nalapho bengayilaleli imithetho beqa nemingcele</li> <li>• Qhubeka unikeze izincacelo ezicacile zemithetho nemingcele</li> <li>• Khuthaza ukuzenzela izinto ngokusekela ujahidada ngamunye</li> <li>• Qhubeka ukukhombosa inhlonipho elinganayo enganeni ngayinye kungakhathaleki ukuthi ikhula kancane noma ineqiqubu zokukhula ngokushesha.</li> <li>• Ncoma ojahidada lapho benza izinto ezinhle njengokusiza, ukuhlonipha nokuba nemikhuba emihle ehambisana namasiko omndeni nawendawo</li> <li>• Sebenzisa imiqondo eseizingxenyeni ezilandelayo ethi Abaqhubekela phambili nethi Abaya ebangeni R ezinganeni esezi lungel ukuqinisel a okusezingeni elithe thuthu.</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebenza nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubelela phambili</b></p> <p>Izingane ezsencane ziyaqhubecka ukuba nezidindo nemisebenzi yesigaba esidlule nokuthuthukisa izinga lokuqinisela uma zifunda ukuthi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zingakhuluma nabany abantu ngezinto ezisisabisayo nezizikhathazayo</li> <li>• zingaqala ukuthola izindlela zokuxazulula izinkinga ezihlangabezana nazo</li> <li>• zingazilawula lapho zizizwa zifuna ukwenza okuthile okungalungile noma okuyingozi</li> <li>• zingazi uma kuyisikhathi esihle sokukhuluma nothile noma sokuthatha isinyathelo</li> <li>• zingakwazi ukuthola umuntu ozozisiza uma zidinga usizo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nayo yonke imisebenzi kanye nemibono esengxenyeni edlule ethi 'Abaqalayo nethi 'Abaqhubekeyo' nazo zonke izingane ngazo zonke izikhathi.</li> <li>• Lungiselela izingane ezincane izimo ezingajabulisi nezinanza (kancane kancane, uma kungenzeka) ngokukhuluma ngazo, ukuzifundela izincwadi ezikhuluma ngazo, ukudlala, njll.</li> <li>• Qinisa ikhono lokubhekana nobunzima lengane ngayinye, uyigqugquzele ukuthi ingakwazi ukwenza kwenzeke</li> <li>• Khuthaza ukuzenzela izinto enganeni ngayinye nokuzethemba ukuthi ingakwazi ukuxazulula izinkinga zayo</li> <li>• Khumbuza izingane ezincane ngobukhona bobuhlobu ezingethembela obuthembekile nobududuzayo ezingethembela kubo njengokuzikhumbuza ukuthi ukhona lapha.</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela Yokuthuthuka Abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Esezikhulile abangayenza lapho besebezena nabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela Yokuhlola Ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubelela ebangeni - R</b></p> <p>Izingane ziyaqhubeke nezidindo nemisebenzi yesigaba esidlule futhi ziyaqhubeke ukufunda</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukuthi imithetho ibekiwe futhi kudingeka ziylalele ukuze ziphephe futhi zisebenze ndawonye</li> <li>• ukwehlisa umoya</li> <li>• ukuzwa imizwa yazo bese ziyisho ngamazwi</li> <li>• ukuthola ezinye izindlela zokuxazulula izinkinga</li> <li>• ukuhlola ngokuphephile nangokuzethemba</li> <li>• ukuzimisela ukuthatha izinyathelo ezengeziwe</li> <li>• ukuzethemba</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela ebangeni - R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nemisebenzi kanye nemibono eseizingxenjeni ezidlule nazo zonke izingane</li> <li>• Qaphela amandla engane ngayinye ('Nginawo, Ngiyakwazi futhi ngingakwenza')</li> <li>• Yamukela amaphutha nokwehluleka ube unlikeza iziqondiso ukuze zenze</li> <li>• Zwelana nengane futhi uyitshela ukuthi uyayiqonda indlela ezizwa ngayo</li> <li>• Siza izingane ukuba zikhulume ngemizwa yazo</li> <li>• Tshela izingane zicabange ngezinye izindlela zokuqeda imisebenzi</li> <li>• Khuthaza ukuzenzela izinto</li> <li>• Khombisa ukusekela okunothando</li> </ul>	

# ISIGABA SESIBILI SOKUFUNDA NOKUTHUTHUKA: UBUWENA NEMVELAPHI

## Izwi lengane



Ngidinga ulwazi lwendawo lapho ngikhulela khona  
Umuzwa onamandla wobumina siqu, ngibe nobuhlobo  
obuhle futhi ngithokozele ukungefani.

## Kumayelana nani ubuwena nemvelaphi?

Ubuwena nemvelaphi kuhlobene kakhulu nokuphatheka kahle. Kuncike entuthukweni yomuntu siqu, intuthuko yezenhlalakahle, ubuhlobo obuvikelekile nokuthokozela ukungefani. Uma ingane inokuzazi okuqinileyo yazi nemvelaphi yayo, iba nokuqinisela okukhulu ezimweni ezithile ebhekana nazo.

- Ubuwena buhambelana nentuthuko nokuzazi kwezingane.
  - Ziba nomuzwa wokuthi zingobani ngokuthola ngalokho ezikwaziyo, lokho ezingakwenza nalokho ezingenakukwazi ukukwenza.
  - Zakha imiqondo yezinto ezizithandayo namakhono. Ukuqwashisa ngamandla nokuzethemba ezinawo, ekuzazini zona nezwe lazo zidinga ukukhula ngokwenhlalakahle.
  - Kubalulekile ubuhlobo nabantu abadala (abafundisi bezingane ezincane, umndeni namalungu omphakathi) nezinye izingane ukwakha umuzwa wobuyena.
- Imvelaphi ihlobene kakhulu nokuzazi kwezingane.
  - Uma izingane zinomuzwa onamandla wemvelaphi yazo ziba nobuhlobo obuqinisekile nabantu abadala futhi/ noma nemiphakathi enamagugu, amasiko nezinkolelo ezithile.
  - Lokhu kuzinika imiyalezo yokuthi zincike kanjani kwabanye abantu ukuze zizazi ukuthi zingobani.
  - Umuzwa wemvelaphi uzisiza ukuthi zazi ukuthi ziphila nobani futhi zivelaphi..

- Ubuwena nemvelaphi kuhlobene. Kuthinta izimo zengqondo zeingane ngazo nangabanye. Kulolonga nemibono yazo ngokulingana nokungefani kwabantu.
- Amalungelo ezingane akha isisekelo sokuzazi zona nemvelaphi yazo. Ingane ngayinye inelungelo lokuba negama, umndeni, indawo yokuhlala njalo njalo.
- Izingane eziphila nokukhubazeka nezinezidindo ezikhethekile (ezingaphakathi, nezidalwa yindawo eziphila kuzo) zinelungelo lokuthola ukunakekelwa futhi kufanele zisekelwe ukuze zikwazi ukuthuthuka futhi zifunde zize zifinnyelele kulokho ezinamandla okukwenza.

## Abantu abadala kudingeka banake uBuwena neMvelaphi yezingane

- isimo sengqondo sokufunda nokuzethemba ukuzama izinto ezintsha – ukuthokoza kwezingane, izinto ezizithandayo ukucwaninga, ilukuluku nokuhlolola izinto.
- umuzwa wokuzinakekela – imizamo yezingane yokuzuza ukuzihlonipha nokunaka inhlanzeko nokunakekelwa kwazo
- ubuhlobo nabanye- ikhono lazo lokwakha ubuhlobo nokusebenza nabanye
- umuzwa wemvelaphi – ikhono lezingane lokuqonda nokuhlonipha izidingo zazo nokungefani kwemibono yabanye, amasiko nezinkolelo okuthinta ubuhlobo bazo nabanye

Konke lokhu kwakha izinhloso ezine ze Sigaba Sokugala Sokufunda Nokuthuthukiswa (ELDA 2) -Ubuwena ne Mvelaphi.



---

**Umfanekiso 8** Ukusebenza neminden nezingane zayo ezincane ukuze kuthuthukiswe ukuphila kahle.



## Amaphuzu Ongacabanga Ngawo

- Indawo ezihlala kuyo ekhaya, umndeni nezikhungo zabantwana abancane ziyyithinta kanjani intuthuko yezingane yobumina nemvelaphi?
- Uhlelo lokuqala lokufunda kwezingane lubasebenzisa kanjani abazali nemindeni njezinsiza ekuthuthukiseni izingane?

- Uhlelo lokuqala lokufunda kwezingane luzisiza kanjani izingane ukuba zibe nokuzethemba ekuhloliseni izinto?
- Iziphi izinto endaweni ezenza izingane zibe nomuzwa wokuthi lena yindawo yazo?
- Hlobi luni Iwezehlakalo ezigujwayo futhi zigujwa kanjani?

## Izinholo, umhlahlandlela wokuthuthuka nezibonelo zemisebenzi ezithuthukisa ubuwena nemvelaphi

Izinholo	Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahidada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo	Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahidada nezingane Ezincane	Iziqondiso Zokuhlolola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhalaphansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhethekile lapho kudingeka.
1. <b>Izingane ziqala ukuzazi njengabafundi abakwazi ukuphumelela futhi aba nokuzethemba</b>	<b>Abaqalayo Abantwana</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>baqala ukuziqaphela bona ngokwabo ngolimi (ukwenza imisindo ehlukahlukene, ukubhibhidla), ukuhlola nokunyakaza</li> <li>baqala ukuziqaphela bona nabanye</li> <li>banentshisekelo enkulu yokuhlola indawo eseduze nabo</li> </ul>	<b>Abaqalayo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Khuthaza abantwana ukuba bashaye izandla, bafinyelele ezintweni ezithize, bamamatheke, bavayize, bakhombe futhi bakhulume besebenzisa imisindo.</li> <li>Dlala umdlalo wokuthinta nokusho igama isibonelo: ukukhomba izitho zomzimba nokuzisho ngamagama</li> <li>Yisho amagama abantwana, yisho amagama abanye abantu elandelwa izithombe zabanye abantu.</li> <li>Khipha amathoyizi/izinto eziphephile zabantwana ukuze abantwana bafinyelele kuzo futhi bazihlolisise.</li> </ul>	<b>Bhekisisa bese ukuxoxa nabazali, abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngamakhono ezingane:</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>okuhlola ukunyakaza kwabo nendawo yabo ngokwabo</li> <li>okuba nelukuluku nelokuzazi bona kanye nabanye</li> <li>okugxilisa ingqondo emisebenzini abayenzayo</li> <li>okusingatha imisebenzi emisha</li> <li>okuthokozela impumelelo namakhono abo</li> <li>okulalelisisa</li> <li>okwenza umsebenzi baze bawuqede</li> <li>okwabelana ngemibono yabo nalokho abakusungulile nabanye</li> </ul>

Izinhloso	<b>Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahidada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo</b>	<b>Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahidada nezingane Ezincane</b>	<b>Iziqondiso Zokuhola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhalaphansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhethekile lapho kudingeka.</b>
	<b>Abaqhubekeyo</b> <b>Ojahidada</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bakha amakhono, izinto ezipenza babe yilokho abayikhona, izinto abazithandayo nabazikhethayo okubenza bathuthukise ukuzethembra</li> <li>• ukukhulisa ilukuluku lokufuna ukwazi ngabantu, izindawo nezinto</li> <li>• bafunda ngabo kubantu abadala abanaka amandla abanawo nokungathuthukiswa kubo</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Lalela izingane unakisise izinkulumo zazo. Beka ngamanye amagama lokho ezikushoyo isibonelo, uma ingane ithi, Mina <i>ibhola</i>, umuntu omdala uphendula ngokuthi, <i>Ufuna ibhola</i>, <i>Thandi</i>?</li> <li>• Vumela izingane zihlolisise ingaphakathi nengaphandle lendawo nezinto ngokusizwa abantu abadala. Zenze zinake indawo ezipungezile futhi uxoxisane nazo.</li> <li>• Nikeza izingane amathuba okusungula izinto nokuzimbandakanya emisebenzini. Isibonelo, izingane zisebenzisa inhlama yokudlala ukwakha izinto zikhuthazwa ukuba zioxo futhi zinikezwa umphumela.</li> </ul>	<b>Izinto ezidinga ukuqashelisiswa bese uthatha izinyathelo, ezifanele kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezipengozini,</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• yomlando wokuhluunyeza futhi/noma ukunganakwa</li> <li>• Umndeni onezinkinga – abazali abangakwazi ukubheka kahle abantwana nabenza izinto ezingamukelekile emphakathini</li> <li>• Ingcindezi kubantwana ngenxa yodlame, ukuhlukaniswa nabanakekeli abayinhloko, ukugula, ukufika komntwana omusha nokushona kothile emndenini</li> <li>• Izinkinga zokuxhumana – ukungakwazi ukwabelana ngemibono ngenxa yezinkinga zomphefumulo.</li> <li>• Ukuba namahloni – ukungazimiseli ukuzihlanganisa nabanye</li> <li>• Ukungabi namakhono okuzwana nabanye – ukulimaza abanye ngamabomu, ukuba nolaka, nokuba nobunzima bokulalela lapho ulungiswa</li> </ul>
	<b>Abaqhubekeyela Phambili</b> Izingane ezincane <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zikhombisa uthando olukhulayo nokuzimela ekuhlolisiseni indawo ezihlala kuyo</li> <li>• Zizimisele ukuxhumana nabanye ukuze zithole usizo</li> <li>• Ziyakwazi ukuchitha isikhathi eside zenza imisebenzi</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyela Phambili</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khuthaza imisebenzi eqondene "nengane siqu sayo" usebenzisa imidwebo, izithombe, izinkulumo nezinto ezipithandayo</li> <li>• Xoxa nazo ngalokho okuzenza zizizwe zibalulekile futhi zenze ukuba zioxo nabanye ngemibono yazo</li> <li>• Zibeke ezipheni ezenza zikwazi ukukhuluma ngezinto ezinamandla okuzenza kanye nezinto ezipithandayo.</li> </ul>	

Izinhloso	<b>Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahidada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo</b>	<b>Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahidada nezingane Ezincane</b>	<b>Iziqondiso Zokuhola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhetekile lapho kudingeka.</b>
	<p><b>Abaqhubelekela Ebangeni R</b></p> <p>Izingane ziqhubecka nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlule futhi ziya ziqhubecka</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ziphendule ngokwenza okuthile ezimweni ezizithola zikuzo futhi zikhombise imizwa ehlukahlukene ezimweni ezihlukahlukene</li> <li>• ziyayiqaphela imibono yazo, imizwa futhi ziqaala zikhombise uzwelo ezidizingweni zabanye, imibono nemizwa yabo</li> <li>• zithuthukisa inhlonipho yamasiko azo nawabanye ngokusekelwa</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelekela ebangeni R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Yenza izingane zihlanganyele emisebenzisi lapho zingakwazi khona ukuzwa imizwa ehlukahlukene. Zidedele zikhombise imizwa yazo ngesimo sobuso, nokuqhathanisa imizwa yazo nezithombe.</li> <li>• Khuthaza izingane ukuba zisebenze ndawonye emisebenzini lapho zincike khona kwezinye isibonelo, umacashelana</li> <li>• Chaza ukuthi kungani ezinye izingane zidinga ukusekelwa okwengeziwe lapho zizizwa zingememe.</li> <li>• Memu abantu abavela emphakathini ukuba bazoxoxela izingane izindaba ezimayelana nezinto ezithile zezimpilo zazo nangemvelaphi yazo yamasiko ngendlele efanelekile yokuthuthuka.</li> </ul>	
2. Izingane zinomuzwa onamandla wokuzinakekela	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Bayayiqaphela indlela ehlale isetshenziswa uma kuḍliwa ebekwe abantu abadala</li> <li>• Bayakwazi ukukhombisa ukuthi balambile, bomile noma abaphathekile kahle</li> <li>• Bakhombisa ukuziqaphela izidingo futhi basebenzisa izimpawu ezithize ukukhombisa lezo zidingo isibonelo, bakhomba ukudla</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Bheka abantwana futhi wenze okuthize mayelana nokuziphatha kwabo ubadedele basebenzise izinzwa zabo isibonelo, ukuthinta idokwe, ukubamba ibhodlela noma inkomishi.</li> <li>• Dedela abantwana ukuba kancane kancane bakwazi ukuzidlela. Banike amathuba okunuka, ukunambitha, ukuthinta, ukufinyelela ezintweni nokubamba.</li> <li>• Khuthaza abantwana ukuba bazame ukuzenzela izinto isibonelo, ukufaka ithoyizi ebhokisini.</li> </ul>	<p><b>Bhekisisa bese ukuxoxa nabazali, abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwabo uku:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khombisa izidingo zazo qaphela izindlela eziwayelekile zokwenza izinto</li> <li>• bamba iqhaza ezintweni ezenziwa njalo</li> <li>• ukusebenzisa izindlela ezelukene zokukhuluma zisebenzisa umzimba namazwi ukukhombisa izinto ezizithandayo nezingazithandi</li> <li>• zenzela izinto nokwenza izinto zisekelwa abanye</li> <li>• khombisa ukujwayela ukwenza izinto ezenziwa njalo</li> <li>• kuthokozela impumelelo yazo</li> </ul>

Izinhloso	<b>Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahidada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo</b>	<b>Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahidada nezingane Ezincane</b>	<b>Iziqondiso Zokuhola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhalaphansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhethekile lapho kudingeka.</b>
	<b>Abaqhubekeyo</b> <b>Ojahidada</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Bafuna ukubamba iqhaza ezintweni eziwayele ukwenziwa njalo Isibonelo: ukugqoka nokuhlanza</li> <li>Basebenzisa inkulomo nezimpawu ukukhombisa izinto abazithandayo nabangazithandi</li> <li>Bazimisele ukuzenzela izinto ngokwabo benomuzwa wokuthi abantu abadala baseduze ukuba babasekele</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Beka izinto izingane ezizidingayo lapho zizozibona khona, isibonelo:, ijezi okudingeka iligqoke.</li> <li>Khuthaza izingane ukuba zikhulume ngezinto ezizithandayo nezingazithandi. Sebenzisa izithombe noma ezinye izinto ukuze zikhombise lokhu ngazo</li> <li>Ncoma izingane lapho zenze okuthile kahle, isibonelo, ukucela usizo lapho zinamafinyila. Dlalani imidlalo efaka ukuthi <i>Wenze kahle! – Wenze kahle uRehana ngokuzigqokisa ngokwakhe izicathulo</i></li> </ul>	<b>Izinto ezidinga ukuqashelisiswa bese uthatha izinyathelo ezifanele kojahidada nasezinganeni ezikhulakhulile ezisengozini</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Izimo zemndeni ekuzo – isimo somnotho, izintandane, ikhono labanakekeli abayinhloko lokuqapha izingane ezincane kakhulu, ukungahleleki, ukuthi ingane engeyesingaki emndenini isibonelo ukuba uzinyobulala noma uthunjana kungakhuthaza ukuncika kwabanye njalo</li> <li>Ukwesaba novalo – izingane zingase zibe novalo ukubamba iqhaza kunoma imuphi umsebenzi omusha futhi odinga zenze noma yini ukuzinakekele ngokwazo</li> </ul>
	<b>Abaqhubekeyela phambili</b> Izingane ezincane ziqhubeke nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlule futhi <ul style="list-style-type: none"> <li>Ziya zижwayela ukufunda inhlanzezo yazo isibonelo, ukugeza izandla njengokujwayelekile ngemva kokuya endlini yangasese</li> <li>Zithatha izinyathelo futhi ziyaziqhenya ngokufeza izinjongo zokuzinakekela – ukugeza, ukugqoka nokuhlanza</li> <li>Ziyaziqhenya ngokusebenza zingasizwa muntu, ukuzama nokucela usizo lapho ziludinga khona</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyela phambili</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Dedela izingane zicule amaculo nemilolozelo ukuze ugxitise ukuziphatha okunokuzinakekela nenhlanzeko isibonelo, <i>Sekuyisikhathi sokuqoqa izinto.</i></li> <li>Nika imiklomelo izingane ezizifezile izinjongo zazo ngokuzikhombisa ukuziphatha kwazo okuhle.</li> <li>Sungula izindlela zokwenza eziqagelekayo. Buza izingane <i>yini elandelayo? Zisekele lapho zizama ukusingatha izidingo zazo kanye nezinye izinto eziyizinsiza.</i></li> </ul>	

Izinhloso	<b>Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahidada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo</b>	<b>Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahidada nezingane Ezincane</b>	<b>Iziqondiso Zokuhola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhalaphansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhetekile lapho kudingeka.</b>
	<p><b>Abaqhubele Ebangeni R</b></p> <p>Izingane ziyaqhubecka nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlule futhi ziya</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zikwazi ukusebenza ngokuzimela futhi zikhombisa ukuzethemba ukucela ukulekelelwa nokuqondiswa uma kudingekile</li> <li>• Zikwazi ukuzigqokisa nokuzikhumula futhi nokugcina ihlanzezo yazo</li> <li>• Zikwazi ukukhetha nokwenza imisebenzi nokusebenzisa izinto zabo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubele Ebangeni R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza izingane ithuba lokuzizamela ngaphambi kokuzinika usizo</li> <li>• Yakha isimo lapho impumelelo yezingane izokwaziswa khona kakhulu</li> <li>• Khuthaza umqondo wokuxazulula izinkinga. Qondisa izingane ngokuzinika izinyathelo/imibono yokuxazulula izinkinga zazo.</li> <li>• Nikeza izingane imisebenzi futhi uzichazele izinto okufanele zizenze ngokukhuluma nazo nangeshadi lomsebenzi/lomsizi.</li> <li>• Nikeza imiklomelo futhi uncome izingane ngemisebenzi ezizenzele yona ngempumelelo</li> </ul>	
3. <b>Izingane zakha ubuhlobo obuqinile</b>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Bayingxene yomphakathi futhi bakujabulela kakhulu ukuba nabanye abantu</li> <li>• bakhombisa ukunamathele kulabo abachitha nabo isikhathi esiningi</li> <li>• bakha ubudlelwano ngokufuna ukunakwa, ukuxhumana nabanye futhi benze izinto nabanye abantu</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p>Sebenzisa umsindo nezenzo ukuxhumana nabantwana. Dlala imidlalo efaka abanye neyokulingisa futhi ikakhulu imidlalo yendabuko</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza abantwana amathuba okuba nezingane ezindadlana ukuze bazibuke futhi baziialele</li> <li>• Yenza ishadi lezinto ezenziwa nsuku zonke lapho abantwana bengabona khona izithombe zabantwana bexhumana nezingane futhi bexoxa. Sebenzisa lokhu njengethuluzi lezingxoxo.</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese uxoxa nabazali babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwazo uku:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• kuthinteka zenze okuthile uma zinabanye abantu</li> <li>• kuxhumana nabanye zisebenzisa izindlela ezihlukahlukene ukwenza lokho, isibonelo izimpawu, ukukhuluma nokunyakaza</li> <li>• kufunda ngazo kwabanye abantu</li> <li>• kuthuthukisa amakhono azo okuxhumana nabanye lapho benabantu abadala nanezingane (Isibonelo: ukulalela, ukushintshashintshana)</li> <li>• xoxa nabanye ngezimo abadlule kuzo</li> <li>• kwakha ubungane</li> <li>• khombisa ukwethemba, ukuzithiba, nokuziphatha ngezindlela ezihlukene ezimweni ezingafani naseintweni eziwayelwe ukwensiwa ngezindlela ezithile</li> </ul>

Izinhloso	<b>Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahidada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo</b>	<b>Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahidada nezingane Ezincane</b>	<b>Iziqondiso Zokuhola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhalaphansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhetekile lapho kudingeka.</b>
	<b>Abaqhubekayo</b> <p>Ojahidada baqhubeka nezidingo kanye nemisebezi yesigaba esidlule futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bafunda kwabanye ngamakhono abo nangezinto okudingeka bathuthuke kuzo</li> <li>• bathuthukisa amakhono okuxhumana nabanye ngokuxoxa nabantu abadala nezingane nokuba nabo laphobekhona</li> <li>• bafuna ngenkuthalo ukuba nabanye ukuze babaxoxele ngezimo abadlule kuzo</li> </ul>	<b>Abaqhubekayo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Sebenzisa izingxoxo, izithombe zezimo ezihlukene nezindaba ukuze uxoxe ngobudlelwano obuhlukahlukene</li> <li>• Vumela izingane zizame ukudlala izindima ezihlukahlukene – ukwenza okuthile, ukuba isibukeli, ukuholo, nokuphikisana nokwenzekayo. Zenze ukuba zixoxe ngezimo ezidlule kuzo</li> <li>• Qamba amathuba lapho izingane zingaxoxa khona ngemibono yazo, isibonelo isikhathi sesiyingi.</li> </ul>	<b>Izinto ezidinga ukuqashelisiswa bese uthatha izinyathelo ezifanele kojahidada nasezinganeni ezikhulakhulile ezisengozini</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Amakhono angemahle okuxhumana ngokukhuluma nangezinye izindlela</li> <li>• Ukuphatha ingxabano ngendlela engeyinhle – ukhombisa iconsi, isibonelo ukuziphonsa phansi</li> <li>• UKulimaza izinto zayo nezabanye</li> <li>• Ukuba nobunzima ekuthuthukiseni amakhono okubambisana nabanye, isibonelo ukungabolekani amathoyizi nokunye nontanga</li> <li>• Ukungabi nandaba nemizwa yabanye – ukungabasizi abanye</li> <li>• Ubunzima bokucela usizo noma ulwazi</li> <li>• Ukulingisa ukuziphatha okungekuhle kontanga kunokukhetha ukuziphatha okuhle</li> </ul>
	<b>Abaqhubekela Phambili</b> <p>Izingane ezincane ziqhube ka nezidingo kanye nemisebezi yesigaba esidlule futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zisebenzele ukwakha ubungani</li> <li>• zikhombisa umuzwa wokwethembra</li> <li>• zamukela izimo nezinto ezihlukile kalula, zibonisa ukuzithiba futhi zingashintsha nendlela yokuziphatha ukuze zihambisane nezimo kanye nezindlela ezihlukene zokwenza izinto eziwayelekile</li> </ul>	<b>Abaqhubekela Phambili</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Sebenzisa imisebenzi lapho izingane zingabekwa khona ngokwamaqembu obungani bazo. Zivumele ukuba zidlae izindima zobuholi, ukuba umsizi, njll.</li> <li>• Yenza izindawo zokufunda ezenza izingane ukuba zibesezimweni ezixube izingane ezingafani ukuze zizwe ukuba sezimweni ezinabantu abanangi abangafani – ukudlala ngababili/ngamaqembu nokuxazulula ingxabano.</li> <li>• Yakha izindlela ezithize zokwenza izinto futhi ezikhombisa ukulandelana kwazo</li> </ul>	

Izinhloso	<b>Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahadada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo</b>	<b>Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahadada nezingane Ezincane</b>	<b>Iziqondiso Zokuhola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhetekile lapho kudingeka.</b>
	<p><b>Abaqhubele Ebangeni R</b></p> <p>Izingane ziyaqhubeka nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlule futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• zakha ubudlelwano nabadala nontanga</li> <li>• basebenziana nabanye beshintshana futhi babelana ngokuthile</li> <li>• balandela imithetho elula yokusebenziana nabanye</li> <li>• <i>baqala ukuqonda imithetho yokuziphatha ezimweni ezithize</i></li> </ul>	<p><b>Abaqhubele Ebangeni R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nezinto ezenzeka njalo eziqagelekayo.</li> <li>• Yakha izinto ezenzeka njalo lapho izingane zizoba namathuba okudlala nezinye izingane eziningi ezahlukahlukene</li> <li>• Sungula amathuba lapho izingane zizobuza ezinye imininingwane ethile noma zicele usizo.</li> <li>• Yenza abantwana baqaphela izikhathi lapho kunoshintsho khona lokwenzwayo, ubudlelwano nabanye nokuziphatha isibonelo:ukushintsha emidlalweni edlalwa ngaphakathi kuya esikhathi sokuya endlini yangasese, izindaba kuya esikhathini sukuhamba.</li> </ul>	
4. <b>Izingane zinomuzwa wokuba yingxenye yeqembu elithile futhi nowokujabulela ukwahlukahlukana</b>	<p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Baqaphela okuthile okuhluile endaweni abahlala kuyo</li> <li>• Bakhombisa ukwesasa noma ukwesaba entweni noma kumuntu ohluile futhi bafuna usizo nokududuzwa okuvela kubantu abadala</li> <li>• bakhombisa ukuqonda ukuthi kokubili imisindo nezenzo kuyabathinta abantu</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khulumu nabantwana ngezindawo ezahlukahlukene (ngaphakathi nangaphandle) nangabantu ezibaziyo</li> <li>• Tshela abantwana okuthile ngabantu ababaziyo Isibonelo, UBrandon uthanda ukudlala izimoto nawe</li> <li>• Nikeza abantwana amathuba okubona abantu abahlukahlukene ngezikathathi ezihlukahlukene zosuku – Lapho besebenza khona ngamaqembu kungaba nezikathathi lapho abantwana nezingane ezikhulakhulile zingaba ndawonye.</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese uxoxa nabazali babantwana, ojahadada nezingane ezikhulakhulile ngokwazi kwazo uku:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• khombisa ukuthi ziyaqaphela izinto ezihlukahlukene ezipendaweni yazo.</li> <li>• bonisa uwelo ngezikathathi zemisebenzi</li> <li>• khombisa ukuqonda imisindo, izenzo nezehlakalo</li> <li>• bonisa ukuthi bayakuqonda ukufana nokwehluka</li> <li>• tshengisa ukuzazi maqondana nezinto ezihlukene ezimpilweni zazo nokuxhumana kwazo namasiko.</li> <li>• tshengisa inhlonipho yalabo abahlukile kubo nokuhlanganyela ezintweni ezikhombisa ukuthokozela ukwahlukahlukana</li> </ul>

Izinhloso	<b>Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahadada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo</b>	<b>Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahadada nezingane Ezincane</b>	<b>Iziqondiso Zokuhola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhetekile lapho kudingeka.</b>
	<b>Abaqhubekayo</b> <p>Ojahadada baqhubeka nezidingo kanye nemisebenzi yesigaba esingaphambili bese</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Bekhombisa ukunaka izinto ezifanayo nezihlukile ezibaxhumanisa nabanye abantu noma zibenze bahluke</li> <li>Bakhombisa umuzwa wokuzazi bengamalunga emndenini okungahlobana neqembu losiko lwabo nendawo abahlala kuyo Isibonelo:Ingane izibize ngokuthi ingumfana womZulu kususelwa lapho idabuka khona</li> <li>Bakhombisa uthando nokunakekela abantu abahlukile kubo</li> </ul>	<b>Abaqhubekayo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Vakashisa izingane ezindaweni ezingafunda kuzo endaweni ezihlala kuyona</li> <li>Nikeza izincacelo zezinto ezifanayo nezingafani</li> <li>Badele bahlangane nezingane ezineminyaka namasiko ahlukahlukene</li> <li>Sebenzisa izinsiza nezinye izinto ezikhombisa umehluko emindenini, ebullilini, emakhonweni nasemasikweni.Hlela izingosi zokufundela ezinezingubo, izinhlobo zokudla nezinto zokudla zamasiko ahlukahlukene</li> <li>Dlala umculo wamasiko ahlukahlukene</li> </ul>	<b>Izinto ezidinda ukuqasheliswa bese uthatha izinyathelo ezifanele kojahadada nezingane ezikhulakhulile ezisengozini,</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Imicabango yomndeni ngabantu abangafani nabo</li> <li>Ingcindezi ezinganeni edalwa yilabo abehlukile kuzo ngokwakhekha komzimba.</li> <li>Amakhono angemahle okuhlanganyela nabanye – azifuni ukudlala nezingane ezihlukile kuzo</li> <li>Zibalekela imisebenzi ezihlanganisa nontanga abanamasiko, ubulili, amakhono angefani nawazo, njll.</li> <li>Indlela yokuziphatha enokwenzelela, Ukwenzelela – amazwi abonisa ukubandlulula, ukuba ibhoklolo, ukuba nodlame kulabo abangafani nabo.</li> </ul>
	<b>Abaqhubekela phambili</b> <p>Izingane ezincane ziqhube ka nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlulile futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>bakwazi ukuhlanganisa izingxenyenye ezahlukahlukene zempilo yabo nezimo abadlule kuzona.</li> <li>bahlanganyela emigubweni nasemasikweni afanele</li> <li>baqaphela ukwehluka kolimi, amasiko nenkolo</li> </ul>	<b>Abaqhubekela phambili</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>qaphela futhi bagubhe izehlakalo isibonelo, izinsuku zokuzalwa, uKhisimusi, i-Diwali, i-Eid, i-Ramadan, i-Rosh Hashanah, iPhasika (ama Easter).</li> <li>akha amathuba ahlukahlukene okuba izingane zikhulum, zilalele futhi ziziwi abanye ngalokho okuzenza zibe ezikhethekile nezihlukile kontanga yabo.</li> <li>qopha ukulandelana kwezigameko ngeminden, ngezehlakalo zomlando eziphathlene nabo kusukela ekuggokeni kuya ezithombeni namathoyizi.</li> </ul>	

Izinhloso	<b>Umhlahlandlela wokuthuthuka kwabantwana, Ojahadada Nezinangane ezikhulakhulile ngokomqondo</b>	<b>Izibonelo Zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezindala Abangayenza ngesikhathi besebenza Nabantwana, Ojahadada nezingane Ezincane</b>	<b>Iziqondiso Zokuhola Okubanzi ngokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokubhekisela ekunakeni okukhetekile lapho kudingeka.</b>
	<p><b>Abaqhubelekela Ebangeni R</b></p> <p>Izingane ziqbeka nezidingo nemisebenzi yesigaba esidlulile futhi:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• zixhumana nezinhlangothi ezihlukahlukene zempilo zazo (isibonelo, ikhaya, isikhungo, inkolo)</li> <li>• Zikhululekile ngalokho eziyikho</li> <li>• Ziyakuqonda ukuthi ukwahlukahlukana kwabantu kukhona futhi kumelwe kuhlonishwe</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelekela Ebangeni R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Siza izingane zibe yingxene yamasiko nenkolo yazo ngendlela eyakhayo.</li> <li>• Khuthaza izingane ukuba zikhulume ngokufana nokungefan. Sebenzisa izindaba futhi unikeze izizathu.</li> <li>• Vumela izingane zicabange futhi zikhulume ngokuthi zifana nobani nokuthi ubani ongafani nazo</li> <li>• Thuthukisa indlela engenzeleli yokusiza izingane ukuba zifunde ngobuhlanga, ubulili, amakhono</li> </ul>	

# ISIGABA SESITHATHU SOKUFUNDA NOKUTHUTHUKA: UKUXHUMANA

## Izwi lengane



Ngidina ukuhlala endaweni lapho nginga funda ukulalelisa, ngikhulume ngokukhululekile, ngifunde ukuthanda izincwadi, izindaba nokufunda, ukuqopho nokubhala bese ngilungela ukufunda nokubhala okuhleliwe njengoba ngikhula futhi ngithuthuka.

## Kumayelana nani Ukuxhumana?

Izingane eziningi zizalwa zinekhono lokuxhumana. Abantwana abasanda kuzalwa bakhuluma ngezidingo zabo ngokukhala, abantu abadala bayalalela futhi basabele. Ukusabela kwakha ukwethembra nokuthi umntwana osanda kuzalwa azizwe amukelekile.

Ukuxhumana kabaluleke kakhulu ekwaheni ukuzizwa uphatheke kahle, nokuzazi ubuwena nemvelaphi, ukuhlolisa nokwenza umqondo ngezibalo, izinqubo zokusungula nolwazi nokuqonda izwe.

Izingane eziningi zingabantu abathanda ukuxhumana nabantu baxoxe ngemicabango, imizwa nolwazi eseziluzule. Zikwenza lokhu ngokukhuluma ngezindlela ezaahlukene, njenge zimpawu, ukukhuluma usebenzisa umzimba, ukwenza imisindo yokuzama ukukhuluma, ukuhahaza, ukukhuluma ngokushesha, ukukhuluma, ukulalela, ukucabanga nokuqonda. Sonke siyaqonda izimo esidlule kuzona ngokuxhumana.

Ukuxhumana ngamazwi nangezimpawu (nokusiza ukuxhumana nezingane ezinezidingo ezikhethekile zokuxhumana) kabaluleke kakhulu.

Izingane zisebenzisa izindlela eziningi zokuxhumana ezingale kwamagama, izigaba nemisho. Izindlela zokuxhumana zihlanganisa, umdanso, umculo, ukudweba, izithombe, ukukhuluma ngezimpawu, ukunyakaza komzimba nokudlala kokusungula. Zonke lezi zindlela zisetshenzi selwa ukudlulisela nokuhlolisa ulwazi oluzuziwe, nokuhlolisa umhlaba nemiqondo emisha. Ukuqonda izwe kuyakhula ngesikhathi ukuxhumana kwezingane kuya kuthuthuka futhi kuba inkimbinkimbi.

Izingane eziningi zifunda ukuxhumana ngolimi ngokuqale zilalele futhi zibuke, zizwe bese zilusebenzisa ngokukhuluma amagama neziqeshana. Abantwana bayalalela, babuke nokunyakaza kwezindebe nezindlela abantu abenza ngazo.

Izingane ezilufunda kahle ulimi ezaluncela ebeleni zikwazi kangcono ukufunda imiqondo namagama amasha. Zisebenzisa ulimi ezaluncela ebeleni ukuthuthukisa ukuzazi ubuzona nokuthuthukisa umqondo.

### Izingane ezincane zifunda ukuxhumana

- ngokulalela imisindo yezwe neyabanye abantu ikakhulu eyabantu abadala. Zizwa imisindo nokunkeneneza kwemisindo (ephakeme nephansi, epholile neklabalasayo, enensayo nesheshayo, emnandi nenesankahlu). Zenza imisindo yenze umqondo othile. Izingane ezinobunzima bokuzwa zilalela ngokubhekisa okukhulunywayo nangobuka izinto.
- ngokukhuluma ngokwenza imisindo enengqondo kwabanye njengabantwana abasanda kuzalwa (ukukhala uma belambile, begodola, bemanzi), bese abantwana (bayahahaza, bahleke, bakhale, balingise imisindo), ojahidada (bayasho futhi bazama ukusho amagama nemisho) njengezingane ezikhulakhulile (zikhuluma ngemisho). Zilingisa imisindo, amagama kanye nemisho ezyiyizwayo. Zilingisa ngisho nendlela amagama nemisho okushiwo ngayo (njengoku, khulumela phansi, noma ukumemeza). Ezinye izingane zikhuluma ngezimpawu ngakhoke abantu abadala abazinakekelayo kudingeka bafunde ukuxhumana nazo ngale ndlela.
- ‘**ukufunda**’ nokwenza ulimi lwabanye abantu lusho okuthile, isimo sezwi nokunyakaza komzimba. Ngokuhamba kwesikhathi, ojahidada nezingane ezikhulakhulile bangase babone ukuthi imidwebo nezimpawu ezibhaliwe kusho okuthile. Bazoxoxa ngemidwebo yabo nangalokho abakubonayo ezithombeni nasemidwebweni yezinye izingane.
- ‘**ukubhala**’ ngokudweba nangezimpawu, kusiza ojahidada nezingane ezikhulakhulile ukuba zenze umqondo ngezimo esezihlangabezane nazo. Kancane kancane izingane zingase zibone imibhalo esemthethweni njengamagama azo.

- Inqubo yokuqala ukufunda iqala ekuzalweni futhi isekelwa iminden'i nabafundisi bezingane ezincane abasiza ekubekeni isisekelo sokufundisa ukufunda nokubhala okuhlelive okuyoba ngesikhathi ingane ingena ebangeni lokuqala (1).

### **Abantu abadala kudingeka banakisise amakhono ezingane okuxhumana**

Amalungelo ezingane ayisisekelo sakho konke ukuxhumana: ilungelo lokuzwiwa nelungelo lokukhuluma nelungelo lokuxhumana ngolimi Iwayo Iwebele.

Izingane eziphila nokukhubazeka nezinezidiso ezikhethekile zinelungelo lokuthola ukunakwa futhi kufanele zisekelwe ukuze zikwazi ukukhula, ukuxhumana nokufunda ngokwezinga ezingafinyelela kulo. Ukuze zonke izingane zihlanganyele ngokulinganayo kudingeka zikwazi ukuxhumana kahle ngendlela efanelene nezidiso zazo zokufunda futhi zingase zidinge ukusekelwa ngezinye izindlela zokuxhumana isib. ulimi Iwezimpawu

Ukuze kusizwe izingane zibe ngabantu abakwazi ukuxhumana nabanye, abantu abadala kudingeka balalele izingane, bahlaziye lokho ezikushoyo, basabele futhi baphendule ngolimi oluhle (hhayi 'inkulomo yabantwana'). Izingane zidinga ukuba abantu abadala babe isibonelo esihle sokuxhumana. Lokhu kuzisiza ukuba ziqinise amakhono azo okuxhumana ngokulingisa.

Abantu abadala kudingeka baqaphele imiyalezo edluliselwa kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngendlela abanyakazisa ngayo umzimba, nemiyalezo equkethwe izinkulomo zabo, nokunyakaza nokuziphatha kwabo.

Abantu abadala kumele bakhulume, bacule, bafundele futhi balalele izingane ezincane ukuze bazisekele ekufundeni ukukhuluma nokulalela ngokuhamba kwasikhathi ukufunda nokubhala.

4.

**Children record their experiences and ideas through language, sounds, art, drama and later on through "writing"**

**1.  
Izingane zilalela imisindo  
nezinkulomo**

**Abantwana, ojahidada nezingane  
ezikhulakhulile bayakwazi  
ukuxhumana**

**2.  
Izingane zikhuluma zisebenzisa  
izindlela ezelukene zokuxhumana**

**3.  
Izingane ziqonda izinto  
"ngokufunda" ezikubonayo,  
ezikulalelayo ezikuzwayo,  
ezikunambithayo kanye  
nezikuthintayo**

---

**Umfanekiso 9** Ukusebenza neminden'i nezingane zayo ezincane ukuthuthukisa ukuxhumana

## Amaphuzu Ongacabanga Ngawo

- Indawo eseduze nekhaya, umndeni, nezinhlelo zokuqala zokufunda zeingane ezincane ziwathinta kanjani amakhono ezingane okuxhumana ngendlela enhle?
- Indawo eseduze nekhaya, umndeni nezinhlelo zokufunda zeingane ezincane ziwathinta kanjani amakhono ezingane okuxhumana ngendlela engeyinhle?
- Kungakhelwa kanjani ohlangothini oluhle njengamathuba nezinsiza ukuthuthukisa amakhono ezingane okuxhumana kuleyo naleyo ngxenye ekhonjiswi emdwebeni ongenhla?
- Zingancishiswa kanjani izinhlangothi ezingezinhle?

## Izinhloso, imihlahlandlela yokuthuthuka, izibonelo zemisebenzi ethuthukisa ukuxhumana

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela ebanzi yokuhlola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo
1. <b>Izingane zilalela imisindo nokuhlobana kwezinkulomo</b>	<b>Abaqalayo</b> <b>Abantwana</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>baqala ukuzwa kusukela benamasonto angaba ama25 besesibelethweni</li> <li>bayasabela emazwini abantu kusukela bezalwa</li> <li>Baqala ukulalela lapho kukhulunywa nabo ngqo</li> <li>Baqala ukukhombisa ukuqonda amagama athize afaka nelithi "cha"</li> <li>Balingisa izingxoxo zabantu abadala ngokubhibhidla</li> <li>Bakhombisa uthando olukhulu lwemisindo namagama ahlukahlukene</li> <li>Babajulela imidlalo enemisindo, isigqi, ukuphakama nokwehla komisindo neminkenenezo elula</li> </ul>	<b>Abaqalayo</b> Sebenza futhi udlale nomntwana ngamunye: <ul style="list-style-type: none"> <li>Biza igama lomntwana futhi ukhulume naye usebenzisa igama lakhe.</li> <li>Khuluma ngokucacile futhi umbheke emehlwani</li> <li>Mnyakazise ngokunesigqi, khuluma noma ucule</li> <li>Phindaphinda imisindo namagama enziwe samdlalo, nishintshane</li> <li>Siza umntwana ukuba enze izimpawu, isibonelo, ukuvayiza, ukushaya izandla</li> <li>Khuluma ngezikhathi zemisebenzi yansuku zonke, ubize amagama ezinto, okudla, ezingubo, ezelwane, njll.</li> </ul>	<b>Bhekisia bese uxoxa nabazali babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwabo:</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>ukwenza okuthile ngenxa yemisindo emikhulu kusukela zizalwa</li> <li>ukuphendula ngokulingisa imisindo</li> <li>ukubona lapho imisindo iqhamuka khona</li> <li>ukuzwa izinhlobo zemisindo</li> <li>ukulandela imiyalelo eshiwoyo</li> <li>ukulalelisisa izindaba abazitshelwayo</li> <li>ukukhuluma ngokucacile</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela ebanzi yokuhola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo
	<p><b>Abaqhubekayo</b></p> <p><b>Ojahidada</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bayalalela uma kukhulunywa nabo futhi bayakuqonda okusuke kushiwo ezingxoxweni</li> <li>• bayathanda ukulalela izindaba</li> <li>• balalela futhi balingise imisindo abayizwayo ezindaweni abahlala kuzo</li> <li>• bayakuthokozela ukudlala imidlalo enemisindo</li> <li>• balandela imiyalelo eshiwoyo</li> <li>• babuza imibuzo futhi bafune ukuzwa izimpendulo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• khuluma ulalele ube nengxoxo nabo</li> <li>• bafundise amagama amasha ukhombise ukuthi asho ukuthini usebenzisa ukunyakaza nezinto eziphathekayo</li> <li>• banikeze imiyalelo ubancome uma bekwenza okushilo</li> <li>• kancane kancane banike imiyalelo emibili noma emithathu kuye ngokuthi ingane iyakwazi yini ukuyilandela</li> <li>• phendula imibuzo ngokweqiniso. Buza imibuzo elandeleyo ukukhuthaza ukuthi zicabange ngokungeziwe ngezinto.</li> <li>• Baxoxele izindaba zakudala</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa bese uthatha izinyathelo ezifanele kabantwana, ojahidada nasezinganeni ezikhulakhulile ezsengozini</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ayiliphenduli ikhanda noma iqaphele uma kwensiwa imisindo eduze nayo</li> <li>• ilalela umabonakude noma umsakazo odlalela phezulu kunezinye izingane</li> <li>• icela ukuba imiyalelo iphindaphindwe</li> <li>• iphazamiseka kalula noma ihlushwe imisindo ezwakala emaceleni</li> <li>• inobunzima bokuzwa umehluko phakathi kwemisindo</li> <li>• inenkinga yokungakwazi ukunaka okushiwoyo noma okwenzekayo</li> <li>• ikhombisa izinkinga ekuziphatheni – ‘ayilaleli’</li> <li>• ikhononda ngokuthi izwa kanzima noma ivaleke izindlebe</li> <li>• iphathwa izindlebe ngenxa yokugula noma ukuvaleka</li> <li>• inikezwa izimpendulo ezingahlangene nokubuziwe</li> <li>• abantu kufanele baphakamise amazwi abo ukuze ingane ibalalele</li> <li>• ilbheka ubuso bokhulumayo eduze ukuze ithole ukuthi lowo mutu uthini</li> <li>• iphendula ikhanda ukuze ibone ukuthi umsindo uvelaphi</li> <li>• ikhulumela phansi kakhulu noma ngezwi eliphakeme</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela ebanzi yokuhlola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo
	<p><b>Abaqhubelela phambili</b></p> <p>Izingane ezincane</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• zikhumbula izindaba ezizizwile</li> <li>• zikwazi ukwehlukanisa imisindo eminingi ehlukahlukene</li> <li>• ziyaqhubeka zilalela amagama amasha ngenjabulo</li> <li>• ziya ngokuya zijabulela amaculo nemilolozelo engelula</li> <li>• zijabulela amagama ahlekisayo</li> <li>• ziyalalelisisa</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Sebenzisa imisebenzi lapho izingane zingabekwa khona emaqenjini obungani. Zidedele zithathe izindawo zokuhola, zokuba abasizi njll.</li> <li>• Yenza izindawo zokufundela ezivumela izingane ukuthi zisebenze nezingane ezahlukene – ukudlala ngambil/emaqenjini nokukwazi ukulawula izingxabano</li> <li>• Enza izindlela zokwenza izinto ezilandelwayo njalo nezinto ezingaqageleka nezigameko ezilandelanayo</li> </ul>	
	<p><b>Abaqhubelela ebangeni R</b></p> <p>Izingane ezincane ziyaqhubeka noku</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• lalela izindaba ngokucophelela</li> <li>• lalela futhi ziphindaphinda amaphethini anesigqi</li> <li>• zilalela futhi zikhumbule ukulandelana kwamagama alula, isibonelo, cela, ceba, ceza</li> <li>• zilandela imiyalelo ebukhuni</li> <li>• zilalela abanye, zihlanganyela ezingxoxweni futhi zibuza imibuzo</li> <li>• zihlukanisa amagama angonhlamu mbili, nhlamvuntathu njalonjalo isibonelo icici, icebo, isicephu njl.</li> <li>• ukuhlukanisa imisho ibe amagama ngamanye ngokwesibonelo, <i>Ngiyayibona imoto ihamba emgwaqweni</i></li> <li>• ziqaphela onkamisa abasekuqaleni nongwaqa emagameni akhulunywayo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela ebangeni R</b></p> <p>Qhubeka nokusiza izingane uma zidinga futhi zikhombisa uthando:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ezindabeni eziningi ezibukhuni</li> <li>• emaculweni nemilolozelo nemidlalo yamagama</li> <li>• emisindweni yamagama nemisindo yokuqala yonkamisa</li> <li>• emagameni asemishweni</li> <li>• wenze imidlalo elandela imiyalelo ebukhuni njengokuthi <i>Yiya ebhokisini, vula umnyango, landa izikele, yiya etafuleni, hlala phansi usike isithombe sakho</i></li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela ebanzi yokuhola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo
2. <b>Izingane zikhuluma zisebenzisa izindlela ezahlukahlukene ezihlobene zokuxhumana</b>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Bazwakalisa izidingo zabo ngokukhala nokunyakazisa izingalo nemilenze (ukunyakaza komzimba)</li> <li>Baphendula ngokulingisa uma kusetshenziswe izimpawu zokulingisa.</li> <li>babuka ubuso, baphendule bahleke</li> <li>babhibhidla bekhombisa ukushirtsha kwezwi nokuphakama kwalo</li> <li>baqala ukusho amagama alula futhi bahlanganise amagama amabili noma amathathu ndawonye</li> <li>bathanda imilolozelo namaculo alula</li> <li>baqala ukucula amagama</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Khuluma ngesigqi nangezwi elipholie</li> <li>Sebenzisa izimpawu ukutshengisa imibono nezincazelo</li> <li>Humusha lokho okushiwo umntwana uma ekhala, ebhibhidla, ehleka futhi enyakazisa umzimba, isibonelo, "Ngiyabona ukuthi ulambile. Manje ake ngikufunze."</li> <li>Phindaphinda amagama nezigaba zezinkulomo isibonelo, Gxuma, gxuma, gxuma!</li> <li>Cula futhi usho imilolozelo izikhathi eziningana osukwini.</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese uxoxa nabazalli, babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwabo uku:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>xhumana ngemisindo bese bethuthukela emagameni nasemishweni</li> <li>lingisa imisindo namagama</li> <li>buza imibuzo</li> <li>sebenzisa ulimi oluqinile</li> <li>cula usho imilolozelo</li> </ul>
	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p><b>Ojahidada</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>basebenzisa amagama angaba ngama-50</li> <li>babona amagama amanangi kunalawo abangawasho</li> <li>bahlanganisa amagama amabili noma amathathu</li> <li>basebenzisa izabizwana zoqobo isibonelo, "mina", "okwami"</li> <li>babamba izingxoxo ezelula</li> <li>basho amagama amaningana uma sebenezinyanga eziyi-18</li> <li>basebenzisa izinkulomo ezinamagama ama-2 – 3 neziningi lapho sebeneminyaka emibili</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Sebenzisa amagama alungile uma ukhuluma nojahidada</li> <li>Phindaphinda lokho okushiwo ojahidada ukuze utshengise ukuthi uyabaqonda futhi uyabazisa</li> <li>Yiba isibonelo sokukhuluma ngendlela efanele</li> <li>Yethula amagama nemiqondo emisha</li> <li>Dlala imidlalo yoLimi.</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa kabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini yokuba nobunzima.</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ingane enenkinga yokukhuluma iyehluleka ukuphimisa imisindo isibonelo, ukuthefula, ukungingiza.</li> <li>Ingane enenkinga yoLimi inobunzima bokuqonda noma ukuhlanganisa amagama ukuze iveze imiqondo futhi <ul style="list-style-type: none"> <li>- iqonde loko okushiwo abanye abantu</li> <li>- inezinkinga zokulandela iziqondiso ezishiwo ngomlomo</li> <li>- inezinkinga zokuhlela imicabango</li> </ul> </li> </ul>

Izinhoso	Imihlahlandela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela ebanzi yokuhlola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo
	<p><b>Abaqhubelela phambili</b></p> <p>Izingane ezincane</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• zikhulumu zisebenzisa imisho ephelele</li> <li>• ziayashintshana ezingxoxweni</li> <li>• zikhulumu ngokucace ngokwanele ukuze ziqondwe ngisho nayilabo abangajwayelene nazo</li> <li>• zithokozela imidlalo yoLimi nemilolozel</li> <li>• zikhulumu imisho ebukhuni, zisebenzisa uhlelo loLimi namagama ngendlela efanele futhi zifunda imiqondo namagama amasha nsuku zonke</li> <li>• zisho imisho engaphezu kwamihlanu</li> <li>• zisebenzisa inkathi ezayo</li> <li>• zixoxa izindaba ezinde nezindaba ezingelona iqiniso</li> <li>• zineqoqo lamagama angaba yizi-2000</li> <li>• zibonisa iningi lamakhono aboniswe nezansi</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka nayo yonke imisebenzi ebalulwe ngenhla</li> <li>• Faka izingane ezingxoxweni noma nini uma kungenzeka</li> <li>• Khuthaza izingane ukuba zisebenzise amagama amasha</li> <li>• Yethula amagama nemiqondo emisha nsuku zonke ngolwazi oluzuzwe izingane ngokusebenza ngezihloko ezithile, isibonelo 'izinambuzane,' 'isimo Sezulu'</li> <li>• Xoxa ngezindaba eziningi zendabuko, ezenza ingane ikwazi ukuzenzela umqondo ngezindaba ezingelona iqiniso.</li> </ul>	
	<p><b>Abaqhubelela ebangeni-R</b></p> <p>Izingane ezincane ziyaqhubeka</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukukhombisa uthando lokuthola amagama anesigqi esifanayo kulokho ezikushoyo nokushivo abanye nakwimilolozelo nasemaculweni isib, umama umema uMimi</li> <li>• Ukusebenzisa inkathi edlule, yamanje nezayo</li> <li>• ukufunda amagama amaninge amasha nsuku zonke</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela ebangeni R</b></p> <p>Qhubeka noku</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Yethula amagama nemiqondo emisha ngemidlalo, nokudlala nokuxoxa izindaba</li> <li>• Uxoxa ngemiqondo yayizolo, yanamuhla neyakusasa, yangonyaka odlule, yangonyaka ozayo, njalo njalo</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebezena Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela ebanzi yokuhola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudluliselokongcweti uma kunesidingo
3. <b>Izingane ziqonda izinto nezimo 'ngokufunda' kulokho ezikubonayo, ezikuzwayo, ezikunambithayo nezikuthintayo</b>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Baqonda izinto nezimo abadluu kuzo ngemizwa yabo - 'bafunda' isimo</li> <li>'bafunda' izincwadi ezinezithombe ngokushesha nje lapho sebekwazi ukuhlala nokuzibamba</li> <li>'bafunda' izithombe ezisezindaweni lapho behlala khona isib., izithombe zabantu, nezezinto.</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Qaphela okushoyo ngokunyakaza umzimba, ikakhulu isimo sobuso nesimo sezwi lapho ukhulumu nabantwana kusukela bezalwa.</li> <li>Khombisa abantwana izithombe eziningi ngokushesha nje lapho sebekwazi ukuphakamisa amakanda bagxilise amehlo – ikakhulu ezithombe zobuso babantu.</li> <li>Khombisa indlela yokufunda futhi ukhuthaze abantwana ukuba bathinte izincwadi.</li> <li>Bakhombise izithombe namagama ezincwadini nasendaweni abaphila kuyona.</li> </ul>	<p><b>Bhekisisa bese uxoxa nabazali babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwazo:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>ukugxila ezintweni</li> <li>ukukhombisa ukuthanda izithombe nezincwadi ezinezithombe</li> <li>ukuhumusha izithombe</li> <li>ukuhumusha imizwa yabo abanayo</li> <li>ukuthanda amagama abhaliwe nezindaba</li> <li>ukuhlonza amagama athile isib. amagama abo</li> <li>uthando lokuphatha nokufunda izincwadi</li> </ul>
	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p><b>Ojahidada</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>bayaqhubecka 'befunda' izincwadi nezinto zasendaweni</li> <li>bayaqaphela izinto ezilotshiwe ezihlukile ezithombeni</li> <li>baqala ukuqaphela ukuthi ukufunda kuqala phezulu kuye phansi nakwesobunxele kuye kwesokudla</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p>Qhubeka noku</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>funda izincwadi nemibhalo yasendaweni</li> <li>khomba ngesikhathi ufunda ukuthi uqala kwesobunxele uye kwesokudla</li> <li>Khomba ukuma kwamagama nemibala futhi uxohe ngezithombe.</li> <li>Bhala bhansi amagama ojahidada lapho bexoxa ngezithombe abazidwebile</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqashelisiswa bese wenza okuthile kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezisengozini yokuba nezinkinga zokufunda,</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>azikubheki ebusweni lapho zinezinyanga ezintathu ubudala</li> <li>azibheki futhi aziyilandeli into ngamehlo azo lapho zinezinyanga ezintathu</li> <li>ukuba luvindi noma okumhlophe maphakathi neso</li> <li>ukunyakaza njalo nokunyakaza ngokudluthuleka</li> <li>ukuba ingxemu (iso libheka le noma amehlo aphambane)</li> <li>ukujikisa ikhanda lapho ebuka izinto</li> <li>ukufifiyela, ukuvala noma ukumboza elinye iso lapho ebuka izinto</li> <li>ukucikicca noma ukuthinta amehlo ngokwedlulele</li> <li>ukugwema noma ukuzwela ukukhanya okukhulu</li> </ul>

Izinhoso	Imihlahlandela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela ebanzi yokuhlola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo
	<b>Abaqhubelela phambili</b> Izingane ezikhulakhulile <ul style="list-style-type: none"> <li>• ziqala ukukhomba amagama nezithombe</li> <li>• ziyabona futhi zikhombe izinto ezisesithombeni</li> <li>• baphawula amagama asendaweni isib. uphawu oluthi YIMA, izimpawu zezikhangiso</li> </ul>	<b>Abaqhubelela phambili</b> Qhubeka noku <ul style="list-style-type: none"> <li>• funda izincwadi nemibhalo yasendaweni</li> <li>• khomba ngesikhathi ufunda ukuthi uqala phezulu kwesobunxele</li> <li>• Khomba ukuma kwezinto, imibala njil. futhi ukhuthaze ingxoxo ngalezi zinto</li> <li>• bhala phansi amagama ojahidada lapho bexoxa ngezithombe abazidwebile.</li> </ul>	
	<b>Abaqhubelela ebangeni-R</b> Izingane ziyaqhubeka <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukuhlela iqoqo lezithombe ngendlela yokuba zakhe indaba ethile</li> <li>• ukuhlaziya izithombe, isibonelo, ukuzenzela indaba yazo futhi 'zifunde' izithombe</li> <li>• ukubamba incwadi ngendlela efanele bese zivula amakhasi ngendlela efanele</li> <li>• ukwenza sengathi ziyaufunda futhi zibe 'nezwi lokufunda'</li> <li>• ukubona igama lakhe elibhalwe kanye namagama abanye</li> <li>• ukuphawula amagama ajwayelekile abonakala endaweni isibonelo, umnyango, ikhabethe</li> </ul>	<b>Abaqhubelela ebangeni-R</b> Qhubeka noku <ul style="list-style-type: none"> <li>• funda izindaba ezisezincwadini ezinezithombe</li> <li>• khombisa imikhuba emihle yokuphatha incwadi</li> <li>• khombisa izingxenye zencwadi isib. umgogodla, ikhava yencwadi, isihloko, izinombolo zamakhasi</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela ebanzi yokuhola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisel kongcweti uma kunesidingo
4. <b>Izingane ziqopha Ezidlule kuzo nama Su azo ngolimi. Imisindo, ubungcw eti, ukwenza Samdlalo nokudlala "nokubhala" Ngokuhamba kwesikhathi</b>	<b>Abaqalayo</b> <b>Abantwana</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>benza umsindo ukuze bakhulume ngolwazi lwabo isib. Ukukhala ukuhleka</li> <li>benza izimpawu ngama-khilayoni nangeminwe ephepheni nasesihlabathini (ukukwikwiza)</li> <li>baqala ukuqamba izinto abazidwebile amagama</li> </ul>	<b>Abaqalayo</b> <p>Nikeza abantwana imisebenzi ukuze batshengise ulwazi lwabo</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>lokusebenzisa amagama isib. ngokusebenzisa amagama baphendule ezimweni abakuzona</li> <li>Iwemisebenzi yobungcweti isib. ukukwikwiza nokukhuluma ngokukwikwiziwe</li> <li>ukwenza imisebenzi yobungcweti isib. amaculo, imilolozelo nokukhombisa ulwazi lwabo ngokunyakaza nangokulingisa (imidlalo eyenza ukholwe okungelona iqiniso)</li> </ul>	<b>Bhekisia bese ukuxoxa nabazali, babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwazo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>ukuxoxa ngezimo abadlule kule kuzo</li> <li>ukndlala imidlalo eyenza ukholwe okungelona iqiniso ngayedwa kanye nabanye uma beya ngokukhula</li> <li>ukusebenzisa amathuluzi ukuze badwebe futhi bapende abakwaziyo futhi baxoxe ngakho</li> <li>ukukhombisa uthando ekudwebeni izinhlamvu zamagama, ukubhala amagama abo namagama alula</li> </ul>
	<b>Abaqhubekeyo</b> <p>Ojahidada baqala ukuhlolisisa izimo abadlule kuzo ngoku</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>khuluma ngezimo abadlule kuzo, 'Ngithanda....'</li> <li>Lingisa izimo abadlule kuzo emidlalweni yakho ukulingisa</li> <li>dweba iziyangi, ubuso nemifanekiso yabantu bebe beyetha amagama isibonelo, njengo mama noma njengaye uqobo</li> <li>dweba izinto abahlangabezane futhi bathintana nazo isibonelo, amabhola</li> <li>kwenza nokuniyeza amagama imikwikwizo njengokubhala ezikufundayo</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyo</b> <p>Nikeza ojahidada imisebenzi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>enjengokukhuluma ngezimo abadlule kuzo ubabuza imibuzo enjengokuthi Ungani lomdwebo?; <i>Ngitshele ngalokhu; Yini okuthande kakhulu?</i></li> <li>enjengokudweba ephepheni ngama-khilayoni anamafutha amaninge, ngeminwe emabhokisini anesihlabathi bese bexoxa ngemidwebo</li> <li>'njengokubhala' amagama abo emsebenzini wabo.</li> <li>enjengokucula amaculo besebenzisa izinhlamvu isibonelo, 'i ikhukhunathi' eyenziwa ngokunyakazisa umzimba</li> </ul>	<b>Izinto ezidina ukuqashelisiswa bese uthatha izinyathelo ebantwaneni kojahidada nasezinganeni ezikhulakhulile ezsengozini</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>ukungabi nothando noma ukungakwazi ukusebenzisa ulimi ukuchaza izimo ingane edlule kuzo</li> <li>ukungabi nothando noma ukukwazi ukuqopha izimo abadlule kuzo emdlalweni wokulingisa</li> <li>ukungakwazi ukubamba amathuluzi okubhala njengama-khilayoni namapensela</li> <li>ukuba nobunzima ekudwebeni izithombe, ukwakha izimo, futhi kamuva ukubhala izinhlamvu zegama lakhe</li> <li>ukudweba ngobumzima ukwakha izimo futhi ngokuzama okukhulu</li> <li>ukubamba umsizi ngendlela engajwayelekile</li> </ul>



Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthuka yabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile abangayenza lapho besebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela ebanzi yokuhola ukubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika, ukuxoxa nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo
	<b>Abaqhubelela phambili</b> Izingane ezikhulakhulile <ul style="list-style-type: none"> <li>Ziqhubeka nokuhlolisa, nokuqopho nokubhala ezakuqala zingabantwana nojahidada</li> <li>Ziqala ukubhala nokudweba izinhlamvu zamagama</li> <li>Ziqala uninika izinhlamvu zamagama amagama</li> <li>Zicela ukuthi izindaba zazo zibhalwe phansi</li> </ul>	<b>Abaqhubelela phambili Qhubeka</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ubhale phansi indaba ingane eyixoxayo ngomdwebo wayo (ngokujwayelekile umusho owodwa nomu emibili)</li> <li>Uxoxe izindaba ngohlamu Iwegama ngalinye nangokuma kwalo</li> </ul>	
	<b>Abaqhubelela ebangeni R</b> Izingane ezincane ziqhubeke noku <ul style="list-style-type: none"> <li>khulisa amakhono ezicubu ezincane ngokudlala ngeminwe (isibonelo, inhlama yokudlala, ukubophela amanathi emabhawodini)</li> <li>Bathuthukisa ukulawula ukusebenzisa icicubu ezincane besebenzisa izikele ukusika imigqa eggamile ezithombeni nasemumweni njll.</li> <li>Bathuthukisa ukuhambisana kweso nesandla, isibonelo ngokunqaka nokuphonsa, ukudweba nokupenda</li> <li>ukudweba imiphetho yezithombe elula, amaphethini nezinhlamvu ezesemagameni azo</li> <li>zakha izinhlamvu zipenda ngomunwe, ngamabhlashi okupenda, ama-khilayoni anamafutha anohlonze njll.</li> <li>zikopisha amaphethini, amagama, izinhlamvu zamagama eziendaweni ezihlala kuzo zisebenzisa amathuluzi okubhala ahlukahlukene (isibonelo, amabhlashi okupenda, amakhilayoni anamafutha anohlonze)</li> </ul>	<b>Abaqhubelela ebangeni R</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Siza izingane zisike kahle ngezikele</li> <li>Qhubeka nokukhuthaza imidlalo yamabhola</li> <li>Siza izingane zibhale izinhlamvu zamagama ezinkulu emoyeni</li> <li>Nikeza izinto zokufunda nokubhala njengengxenye yokwenza samdlalo ukuze izingane zenze sengathi ziyafunda futhi ziyabhala futhi zikhombise ukuthi ziyaqonda ukuthi kubhalweni.</li> </ul>	



# ISIGABA SESINE SOKUFUNDA NOKUTHUTHUKA: UKUHLOLISISA IZIBALO

## Izwi lengane



Ngidinga ulwazi ngendawo lapho ngingathola khona amaphethini, njihlanganise, ngiqaphele ubuhlobo, ngisebenze ngezinombolo, ngihlele izinto, ngifanise futhi nighlele izinto. Lokhu kungisiza ukuba ngicabange, ngixazulule izinkinga futhi ngibuze imibuzo.

## Kumayelana nani ukuhlolisisa izibalo?

- Kumayelana nezingane zithuthukisa ukuqonda ukuthi izinkinga zixazululwa kanjani, ukucabangisia intso nokusebenzisa imiqondo yezibalo endaweni abahlala kuyo.
- Izingane ziyocebena imizimba yazo, izingqondo nezinzwu ukuze zihlolisisi izwe lazo. Kumelwe kube namathuba eziwanikezwaya ukuhlolisisa.
- Lapho zenza lokhu ziyakwazi ukuthuthukisa ulwazi, amakhono nezimo zazo zengqondo.
- Zakha imiqondo ngezinto ezithile futhi ziyihlole. Zifunda nokuhlaiza le miqondo ngenkathi zixoxa nontanga kanye nabantu abadala.
- Imiqondo yezibalo iyakhula njengoba izingane ziphenyisisa futhi zixhumana ngemicabango yazo, ngezinombolo, ngokubalo, umumo, indawo nokukala.

## Kumele abantu abadala banake ukuhlolisisa kwezingane okuhlobene neZibalo.

- Ikhono lokusungula lihlobene kakhulu nokucabanga ngeZibalo neSayensi (ilukuluku, ukuhlolisisa, ukubona nokuyixazulula izinkinga)
- Izingane eziphila nokukhubazeka nezinezidingo ezikhethekile zinelungelo lokuthola ukunakwa futhi kumele zisekelwe ukuze zikwazi ukuthuthukisa imiqondo yeZibalo futhi zifunde zifinyelele kulokho ezingakwazi ukukwenza.
- Izingane zidinga ukukhuthazwa ukuhlolisisa izwe ukuze zikwazi ukuxazulula izinkinga, zakhe izinto ngokomqondo, zifanise, zibale futhi zisungule imibuzo yazo.
- Zidinga ukusekelwa oLimini oludingekayo ukuze zithuthukise imiqondo yeZibalo futhi zidlulise imicabango yazo.
- Abantu abadala kudingeka bazazise izindlela ezihlukahlukene izingane eziyoveza ngayo imicabango yazo

1.

**Izingane zikhombisa ukwazi futhi zikhombisa ukwenza okuthile ngezinombolo nangokubalai**

3.

**Izingane zihlola umumo, indawo kanye nokukala**

2.

**. Izingane ziyahlela, zibeka ngohlobo, ziyaqhathanisa futhi zixazulula izinkinga**

**Umfanekiso 10** Ukusebenza neminden nezingane zayo ezincane ukuthuthukisa iZibalo zokuqala.

## Amaphuzu Okucatshangwa (Amaphuzu okungacatshangwa njalo)

- Hlobo luni lwamathuba olunikwa indawo ngaphakathi nangaphandle ezinganeni ukuze zihlolisise, zifunde futhi zikhombise ukuqonda kwazo izibalo okuqalayo?
- Imisebenzi yezingane (imidwebo, ukudlala, ukulinga) ilibonisa kanjani ikhono lazo lokuxazulula izinkinga, ukucabanga okuhlelekile nokwenza izinqumo?
- Kunolwazi olwanele yini lwezimo izingane ezidlule kuzo lokuba ukuhlolisia izinkinga zokuphila ezingokoqobo, ukwenza amaphethini, ukubala, ukuqhathanisa nokukala?
- abantu abadala bazisekela kanjani izingane ezisebenzisa ezinye izindlela zokuxhumana ngaphandle kokukhuluma ukubonisa imiqondo yazo yeZibalo?
- Sihlanganiswa kanjani isipiliyon i sokuqala sezimo izingane ezidlule kuzo eZibalweni namanye amathuba okufunda?

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhalaphansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
<p><b>1.</b>  <b>Izingane zibonisa ulwazi futhi zikhombisa ukwenza okuthile ezinombolweni nasekubalen</b></p>	<p><b>Abaqalayo</b>  <b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Bakhombisa ukwenza okuthile kubantu nasezintweni ezbazungezile</li> <li>Bezwa ukushintsha komsindo, abakubonayo nezinto eziphambi kwabo</li> <li>Bathuthukisa ulwazi lokuqamba izinto amagama ezinombolo ngesipiliyon i sezimo abadlule kuzo.</li> <li>bajabulela amaculo nemilolozelo emayelana nokubala</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Yisho amagama nabantu abantwana abawabonayo</li> <li>Khuluma ngezindawo abantwana abakuzo, isibonelo, emva kwendlu, indawo lapho bedlela khona.</li> <li>Cula imilolozelo yezinombolo ngesikhathi begqoka noma beshintsha amanabukeni, Isib. 1, 2, Ngiyakubona</li> <li>Khuthaza abantwana ukuba bakulingisele, isib. umuntu omdala ukhomba ikhala lakhe, umntwana uyakubona lokhu abese enza okufanayo</li> <li>Khuthaza umntwana ukuba ahanganyele emisebenzini ngokushaya izandla nokunyakazisa izinyawo sakudansa.</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese uxoxa nabazali, babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwazo u:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>kuphendula ngokufanele kubantu, izindawo nasezintweni ezsendarawi</li> <li>ukusebenzisa izinzwa zabo ukuze benze umqondo ngalokho okwenze ka endaweni abahlala kuyo.</li> <li>ukuhlanganyela, naka, uxazulula izinkinga nokuthola izixazululo</li> <li>kukhombisa uthanda lwamaculo nemilolozelo ethile ehlobene nezinombolo</li> <li>ukukhomba izinto eziphambi</li> <li>kubonisa ulwazi lwezinombolo</li> <li>kuxxa ngezinombolo, usebenzisa uLimi lwezinombolo</li> <li>ukwazi ukubona izinombolo ezincwadini</li> </ul>

Izinhloso	<b>Imihlahlandela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile</b>	<b>Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile</b>	<b>Imihlahlandela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.</b>
	<p><b>Abaqhubekeyo</b> Ojahidada bayaqhubekeyo</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• nokuzama ukusho amagama athile okubala</li> <li>• thuthukisa ulwazi lokubeka izinto ngezimpawu nomaka</li> <li>• nokusebenzisa uLimi Iwezinombolo njengokuthi kunye, kubili, nangaphezulu</li> <li>• ukulinga ngezimpawu nomaka</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyo</b> <b>Qhubeka</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• nokuphindaphinda amagama okubala izingane eziwasebenzisayo nokutshengisa ukuthi ukubala kuzisiza kanjani ekutholeni ukuthi “kungaki”</li> <li>• xoxa ngezinto eziqoqelwe ndawonye isibonelo, amathoyizi, izingubo, izicathulo</li> <li>• cela izingane zikutshele ngezimpawu ezizenzayo (ephepheni, nasesihlabathini)</li> <li>• sebenzisa uLimi IweZibalo ngenkathi uxhumana nojahidada isibonelo, <i>Ngingathanda ukukunikeza elinye ithoyizi. Uzobe usuba namabili</i></li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga</b> ukuqashelisiswa bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini yokuba nobunzima.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukukhombisa ukuhamba ngokungakhululeki ebhimba ehlale ewa noma eshayisa izinto</li> <li>• ukukhula kancane kolwazi lwamagama</li> <li>• ukukhombisa ukuba madolo nzima ukuhlanganyela ezintweni</li> <li>• ukungathandi ukulalela</li> <li>• ukuthola kunzima ukuhlala ndawonye nokuqaphelisisa</li> <li>• ukukhombisa ukukhohlwa i izinto ezenziwa njalo nokungakhumbuli imisebenzi</li> <li>• ukukhombisa ubunzima bokufunda izinombolo nokubala</li> </ul>
	<p><b>Abaqhubekeyela phambili</b> Izingane ezincane</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ziqhubekeyo “nokubalo”</li> <li>• zithokozela ukubala izinto endaweni ezihlala kuyo</li> <li>• zithokozela ukulalela izindaba nemilolozelo enezinombolo</li> <li>• baqala ukulinganisa okuncane kunoku/okukhulu kunoku</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyela phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qgugquzela izingane ukubala ngokubuza ukuthi “kungaki”</li> <li>• Xoxa izindaba nemilolozelo enezinimbolo</li> <li>• Gqugquzela izinganeukubala nokukhomba izinombolo usebenzisa amakhadi enzinombolo</li> <li>• Gqugquzela izingane ukuthi zibale izinto eziseduze kwazo</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubelela ebangeni R</b></p> <p>Izingane ziqbekela noku</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• nokubala izinto eziphathetkayo</li> <li>• nokusebenzisa iminwe omaka ephepheni nasezithombe ukuze bamele izinombolo</li> <li>• nokwenza ukulinganisa okulula</li> <li>• nokuthola ukufana nokungefani kwezinto</li> <li>• nokubona izonombolo ezithile noLimi lwezinombolo nokucula imilolozelo namaculo ezinombolo</li> </ul>	<p><b>Ukuqhubelela Ku-Grade R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khuthaza izingane ukuba zisebenzise uLimi lwezinombolo ngokwesibonelo, kunye kubili, njll.</li> <li>• Vumela izingane zinamathisele amalebuli ezinombolo ezintweni isibonelo; zingafaka unombolo 1 entweni okungeyazo.</li> <li>• Dlala imidlalo yokubala futhi uvumele izingane "zibale" ezimweni ezahlukahlukene.</li> <li>• Lingisa futhi ukhuthaze izingane ukuba zibuze imibuzo lapho kusetshenziswa khona uLimi lwezibalo isibonelo, <i>ucabanga ukuthi mangaki amaswidi akuleli bhodlela?</i></li> <li>• Yakha imisebenzi lapho izingane kufanele zithole khona izinto ezifanayo.</li> <li>• Yakha imisebenzi lapho izingane kufanele zithole khona izinto ezihlukile kulezo ezizinikeziwe.</li> </ul>	
2. Izingane zihlela, zibeke ngezigaba, ziqhathanise futhi zixazulule izinkinga	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• benza imizamo yokucabanga ngendlela ehlelekile</li> <li>• bafuna indawo indawo abahlala kuyona futhi bathole ulwazi ngezinto eziyinselele kubo</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Hlala ukhulumu nabantwana ngalokho okwenzayo nangalokho okwenzekayo</li> <li>• Dlala imidlalo isib., <i>manje uyangibona, manje awusangiboni</i></li> <li>• Khulumu nabantwana ngezinto eziyinselele kubo isib., indlela yokuthola ithoyizi elikude nabo</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese uxoxa nabazali, ngezinto abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezikwazi ukuzenza</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukukhombisa uthando emisebenzini ehloselwe zona</li> <li>• ukuba nelukuluku lapho kunento eyenzekayo endaweni ezikuyo</li> <li>• ukuphikelela lapho zizama ukwenza izinto nokuthola izixazululo</li> <li>• ukuba nentshisekelo yokusebenza ngokukhulumu ngalokho ezikwenzayo, ukuba za imibuzo nokufinyelela eziphethweni</li> <li>• ukusebenzisa izinsiza ukuze zenze umqondo</li> <li>• ukuhlela, zibeke ngononina futhi zisebenzise ulimi olufanle lwezibalo ukukhombisa ukuthi ziyaqonda</li> <li>• ukuhlanganyela emidlalweni, zidlala indima, ziyalingisa lapho kusetshenzizwa ulimi lwezibalo</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubekeya</b></p> <p>Ojahidada baqhubecka nokuhlolisa indawo abahlala kuyo</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• baqala ukubiza izinto ngamagama</li> <li>• bahlela baqhathanise izinto ezifanayo</li> <li>• babona izinto ezijwayelekile eziseduze nabo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p>Qhubeka noku</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• khulumha nojahidada uma benza izinto ezithize njengokuphuza amanzi enkomishini</li> <li>• biza izingubo ngamagama azo uma kugqokwa</li> <li>• dlala imidlalo yokubeka ngononina nokuqhathanisa</li> </ul>	
	<p><b>Abaqhubekela Phambili</b></p> <p>Izingane ezincane</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zizama ukuxazulula izinkinga zezinombolo</li> <li>• Zihlukanisa izinto ngezindlela ezihlukahlukene</li> <li>• Zibala izinto eziseqoqwani</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekela Phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khuthaza ukukhuluma ngesikhathi semisebenzi okunjengokuxoxa izindaba, imilozelo. Buza imibuzo ukuze uxazulule izinkinga zezinombolo isib., USIndiwe unesicathulo esisodwa kuphela. Yini okufanele ayenze?</li> <li>• Cela izingane ukuthi zikhulume ngendlela ezixazulule ngayo inkinga isib., Ngingathanda ukwazi ukuthi ugibele kanjani kuleso sitebhisi somshushulizo. Ungathanda ukungifundisa indlela yokugibela?</li> <li>• Sebenzisa izithombe nezinto ngesikhathi kuxoxwa izindaba noma kushiwo imilozelo</li> <li>• Khuthaza izingane zihlele izinto ngokuthanda kwazo (izinto ezizithandayo nezingazithandi), ubukhulu, ukuma nombala. Zicele ukuba zizibalele zona ngokwazo. Khombisa indlela yokubala ezozisiza</li> <li>• Sebenzisa indima yokudlala nezindaba ukuze ubonise ulimi njengokuthi okumbalwa, okuncane, okungaphezulu kunoku,nokufanayo Yiba nolwazi</li> <li>• Iwamagama angaze afinyelele kwayi – 2000</li> <li>• Khombisa iningi lamakhono abaluliwe ngezansi</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidina ukuqashelisiswa bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezisengozini</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• intuthuko encane olimini</li> <li>• ukuhlaziya kancane ulwazi</li> <li>• ukuba nobunzima bokujonda amagama alula noma imisho (ukuphuza ukuqonda ulimi)</li> <li>• ukuthola kunzima ululandela imiyalelo</li> <li>• ukuphazamiseka kalula noma ukugxila kakhulu emsebenzini othile futhi ungakwazi ukumelana noshintsho</li> <li>• ukwenza izinto ungahlelanga noma ukucabanga ngemiphumela yezenzo zakho</li> <li>• kuyinkinga ukubona ukufana nokungefani kwezinto</li> <li>• ukudidanisa izinto, izinhlamvu, izinombolo</li> <li>• inobunzima ekuhlukaniseni imisindo</li> <li>• inezinkinga zokukhumbula</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela yokuhlola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubelela ebangeni R</b></p> <p>Izingane ziyaqhubeka</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• nokuhlela, ukubeka ngezigaba nokuqthanisa</li> <li>• zisebeniza ulimi Iwezibalo oluhlobene nokuhlela, ukubeka ngononina nokubeka ngamaqoqo zixazulula izinkinga ezilula ezhlobene nokusanda kwenzeka ezimpilweni zabo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela ebangeni R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Sebenzisa ulimi Iwezibalo ngokubonisa nangezibalo zendaba isib, Nginamaswidi amathathu. URani uthathe elilodwa nganika noMpho elilodwa. Manje sengi namaswidi ____.</li> <li>• Sungula imisebenzi lapho izingane zihlukanisa izinto ngamaqoqo angalingani nalinganayo.</li> <li>• Sebenzisa izindaba ukuze usize izingane zihlele, zibeke ngezigaba futhi zibeke ngamaqoqo.</li> <li>• Khombisa intshisekelo endleleni izingane ezixazulula ngayo izinkinga nasezimpendulweni ezizinikezayo.</li> </ul>	
3. Izingane zihlola ukuma kwezinto, indawo nezilinganiso	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bakhombisa ukwazi ukuma, nokwakheka nokuzwakala kwezinto ezipendulweni abahlala kuyo</li> <li>• bathola ukuthi izinto zensiwe ngani isb.amathoyizi ngokuwahlolisa</li> <li>• benza imizamo ukugcwalisa izitsha</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khulumia nabantwana ngezinto ezipendulweni abahlala kuyougxile ezimweni nasekwakhweni nasekuthini zizwakala zinjani uma uzithinta</li> <li>• Khombisa izingane ukuthi izinto zisebenza kanjani nanokuthi zishintsha kanjani, Isb.iqanda elingaphekiwe nelithosiwe.</li> <li>• banikeze izitsha ezingenalutho nezinto ezingathatheka kalula ukuzigcwalisa</li> </ul>	<p><b>Bheka bese uxoxa nabazali, babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngamahkono azo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• hlol isisa izindawo ezikuzo nokwenza imisebenzi ehlobene nezimo zezinto, indawo nezilinganiso</li> <li>• ukusebenzisa izimpawu zezandla, amagama, izinkulomo nemisho ukuze ukuchaza izinto, imisebenzi nabantu</li> <li>• ukusebenzisa izinsiza ukukhuluma ngokuqonda imiqondo</li> <li>• ukunaka lokho ezikwenzayo nokwenziwa ngabanye</li> <li>• ukuxoxa nabanye ngezimo ezidlule kuzo</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudluliselaka kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p><b>Ojahidada</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bakhombisa ukwazi okukhulu kokuma kwezinto namaphethini</li> <li>• ukuhlukanisa izinto ngokwakheka kwazolsb. Ubukhulu noma ukuma kwazo</li> <li>• badlala ngokuma kwezinto bese bezimisa ngezindlela ezelula</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khulumfa nezingane ngamaphethini</li> <li>• eziwabonayo eduze nazo Isb. amaphethini ezingubo emvelo,</li> <li>• nasezakhiweni.</li> <li>• Enza izingane zibone umehluko ekumeni kwezinto okuhlukene Isib. ikhekhe, umqamel.</li> <li>• Enza izingane zihlele izinto ezimbawla ngokwehluka kobukhulu nangomumo.</li> <li>• Xoxa izindaba ukuze ukhuthaze izingane ukuba zisebenzise umumo wezinto ukuze zizenzele ezazo izinto.</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa ebantwaneni, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• yokuphuza ukukhuluma</li> <li>• yokuthola kunzima ukuhlaziya ulwazi lwezinto ezizibonayo nezizizwile</li> <li>• yokuthola ubunzima ekuzihleleni ngokwazo endaweni ethize</li> <li>• yokungahleleki– iphazamiseka kalula futhi ikuthola kunzima ukuhlanganisa izenzo nemiphumela yazo</li> <li>• yokuba sesimweni esingesihle, yokuba idlabha futhi inobunzima bokunyakaza ngokuhlelekile isib. ukweqa, ukugxuma, ukubamba ibhola</li> <li>• yokungayibambi kahle imiqondo</li> <li>• yokungakhumbuli kahle</li> <li>• yokuthola kunzima ukuxoxa ngemibono abanayo kanye nokusebenzisana nabanye</li> </ul>
	<p><b>Abaqhubekeka Phambili</b></p> <p>Izingane ezincane</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zikhombisa ukunaka ukuma kwezinto ngokuzisebenzisa, ngokukhuluma ngazo nangokuphawula ukufana nokungefani kwazo</li> <li>• zidlala ngokushintsha izikhundla</li> <li>• zingathola izinto uma zinikezwu izindlela zokuzithola</li> <li>• zisebenzisa izinto ezizejwayele ukuze nzela amaphethini</li> <li>• zingabeka izinto ezimbili ngobude bazo (ubude nobufushane) ukuphakama (ukuphakama nobufushane) noma ngomthamo (ukungabi nalutho futhi nokugcwala)</li> <li>• zisebenzisa ulimi olujwayelekile oluqondene nesikhathi Isb. ekuseni, ebusuku</li> <li>• ziqala ukusebenzisa amagama ezibalo ezinto eziqinile 3D neziyisicaba 2D</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeka Phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khuthaza izingane ukuba zikhulume ngentshisekelo yazo ngokuma kwezinto. Nikeza izincacelo zokuthi kungani izinto zifana noma zihlukile.</li> <li>• Nikeza amathuba okudlala ngezikhundla Isb. phezulu, phansi</li> <li>• Dlala imidlalo “enjengokuqagela nokuhola”.</li> <li>• Nikeza izingane iziqondiso ngomlomo futhi uzisize ukuba zithole izinto. Dlala imidlalo “enjengokufuna amagugu”.</li> <li>• Yenza amathuba okudlala ngesihlabathi, amanzi nokulingisa izinto.</li> <li>• Funda futhi/noma wenze izincwadi ezikhuluma ngokuma kwezinto, indawo nezilinganiso.</li> <li>• Khuthaza izingane ukuba zihlole ukuma kwezinto futhi zikhulume ngakho isb. unxantathu namakhona/namachopho.</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela yokuhlola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubele Ebangeni R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izingane ziqhubeqa</li> <li>• nokubona amaphethini alula nokuma kwezinto ezesendaweni ezihlala kuyo</li> <li>• nokwenza amaphethini ahlukahlukene</li> <li>• nokuchaza izikhundla isb. ingaphambili, ingemuva</li> <li>• sebenzisa ulimi lwezibalo lokuma, indawo ukukala (isibonelo, ubude, umthamo, ukuphakama, isikhathi)</li> </ul>	<p><b>Abaqhubele ebangeni R</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khuthaza izingane ukuba zikhulume ngalokho ezikubonile.</li> <li>• Mema izingane ukuthi zikhulume ngezinto ezizakhile</li> <li>• Enza kube khona indawo lapho izingane zingabonisa khona ngezinto ezizakhile</li> <li>• Sebenzisa izimpawu eziqondene nengane ngayinye ukuze izingane zibone izinto okungezazo isb. ingane inesithombe senyanga kuzo zonke izinto zayo.</li> <li>• Dlala imidlalo lapho izingane kudingeka zicabange ngezikhundla bese zenza okuthile.</li> <li>• Yenza futhi ufunde izincwadi ezikhuluma ngokuma kwezinto namaphethini.</li> <li>• Nikeza amathuba lapho izingane zikala khona isikhathi (ngento yokukala isikhathi eyenziwe ngesihlabathi ngumuntu omdala) futhi uthole ukuthi into iyasinda noma ilula.</li> <li>• Vumela izingane ukuthi zidlate ngesihlabathi nangamanzi ukuze zazi ngokumumatha nangomthamo.</li> </ul>	

# ISIGABA SESIHLANU SOKUFUNDA NOKUTHUTHUKA: UKUSUNGULA

## Izwi lengane



Ngidinga ukuthola ulwazi ngendawo lapho ngingabona khona izinselele nezinkinga, ngizame izixazululo ngokuphephile nenkululeko futhi ngithole ulwazi ngokudlala, imdlaloyokulingisa, ukudweba, ukupenda, ukusika nokunamathisela, ngilingisa nomculo nomgqumo ukudansa nokwenza imidlalo yeshashalazi.

## Kumayelana nani Ukusungula?

Ukusungula kusho ukuthi izingane zikhqiza imibono emisha nelusizo nezixazululo zezinkinga nezinselele. Ukusungula kusho ukuqamba nokwenza izixazululo ngokubuza imibuzo enjengokuthi *Kwenzekani lapha? Kwenzekelani lokhu? Kunamiphi imiphumela? Singenzani ngakho? Kungenzekalani uma ngi....?*

Izingane ezincane zinamakhono okusungula kuzo zonke izingxene zokuphila kwazo, kuhlanganise ukuthuthukisa uLimi, ukuhlolisisa iZibalo, ukuthuthukisa ukuphatheka kahle kwazo, ukuthuthukisa umuzwa oqinile wemvelaphi, nokuziba imibuzo ngezwe.

Injongo esemqoka yokuSungula ukukhuthaza izingane ukuba zibe nekhono lokusungula, zibe abantu ababona izinto ngeso lengqondo, bazise ubiciko nokubaluleka kokucabangisa namakhono okuxazulula izinkinga.

Izingane ezincane zingabasunguli ngokwemvelo futhi ngokwemvelo zifunda zixazulule izinkinga ngokudlala, ngokuphenyisisa nokuthola nokuba imibuzo.

Lokhu zikwenza ikakhulu ngokwenza imidlalo yeshashalazi, ebucikweni bokubona (ukudweba, ukupenda, ukubumba, ukwenza izithombe) ngokwenza umculo ngezinsimbi nangokwenza isigqi) nangokudansa nokunyakaza.

**Ubuciko Bokubonwayo** kuthuthukisa amakhono ezicubu ezincane nezinkulu nokubambisana kwazo ngokusebenzisa izinto ngezinto nokukwazi ukusebenzisa izindlela ezihlukahlukene zobuciko.

- Onhlangothimbili (2D) bahloselwe ukucebisa ulwazi lwengane lwezwe ngokoqobo ngokubona nokusebenzisa izinzwa, ngokubamba izingxoxo nokuba, nangokukhuthaza ukudweba izimo ingane ehlangabezana nazo ezweni. Ayikho indlela yokudweba 'elungile', futhi izingane kumele zikhuthazwe ukuba zikhulume ngokukhululekile, ngaphandle kokwesaba ukugxekwa.

- Onhlangothintathu (3D) bathuthukisa umqondo womumo wezinto endaweni ngokudlala ngesihlabathi nangodaka, ukuhlanganisa nokubumba izingcezu zobumba, ukunamathisela noma ukunamathisela amaphepha emaphepheni, ukusika izimo, ukugoqa, ukubopha nokusonga.

**Ubuciko bokwenza** bunikeza izingane ezincane ithuba lokuxhumana ngendalela efanele, ngokulingisa, ngomculo, nokwenza umculo, nokudanso nokukunyakaza.

- Ngobuciko bokwenza, abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile zithuthukisa amakhono azo okunyakazisa imizimba nawokusungula.
- Ubuciko bokwenza kukhulisa umqondo, kukhulise ubudlelwano futhi kwakhe ukuzethemba nokuzithiba.
- Ukukwazi ukuciciyela usebenzisa izinto nokuchaza kusiza izingane ukuba zisungule umculo, zinyakaze zenzesamlalo zizodwa futhi zinabanye

Ukusungula kuhlobene kakhulu neZibalo nokucabanga ngeSayensi (ilukuluku, ukuhlolisisa, ukubona inkinga nokuyiazulula).

## Abantu abadala kudingeka banake isifiso sezingane sokusungula

Amalungelo ezingane akha isisekelo sakho konke ukusungula. Izingane zinelungelo lokuhlolisisa, ukuba nelukuluku nokuphenyisisa izindlela zokuqopho nokukhombisa izimo ezidlule kuzo.

Izingane eziphila nokukhubazeka nezinezidingo ezikhethekile zinelungelo lokuthola ukunakwa futhi kufanele zisekelwe ukuze zikwazi ukukhula nokufunda zifike kulokho ezingaba namandla okukwazi ukukwenza.

Gqugquzelu izingane ezincane ukusebenzisa ingqondo

ukuxazulula izinkinga ngothando nangokuzethemba ukuthinta nokusebenza ngezinto ukunyakaza, ukudansa nokwenza umculo.

Izingane ezincane kumele zihlolise zikhulise imibono yazo esekelwe izimo eseidlule kuzo, zisebenzisa izinzwa, imizwa nokubheka.

Inqubo yokusungula ibaluleke ngaphezu kwezinto ezakhiwe.

Inhloso yayo yonke imisebenzi kumele igxile ekuthuthukiseni amakhono ngezindlela ezithokozisayo ngokwenza, kunokuba zigxile ekusebenzeni ekufinyeleleni emkhiqizweni osezingeni eliphezulu

**1.  
Ukubona, ukufuna nokusungula  
izixazululo zezinselelo  
ngokuxazulula izinkinga**

**4.  
Ukubona, ukufuna nokusungula  
izixazululo zezinselelo  
ngokuxazulula izinkinga ngomculo,  
ukudansa nomdlalo weshashalazi**

**Abantwana, ojahidada nezingane  
ezikhulakhulile zingabaSunguli  
abaxazulula izinkinga**

**2.  
Ukubona, ukufuna nokusungula  
izixazululo zezinselelo  
ngokuxazulula izinkinga ngokudlala  
imidlalo nokulingisa**

**3.  
Ukubona, ukufuna nokusungula  
izixazululo zezinselelo  
ngokuxazulula izinkinga  
ngemisebenzi yobuciko  
okubonwayo**

**Umfanekiso 11** Ukusebenza neminden nezingane zayo ezincane ukuthuthukisa ikhono lokuSungula

### Amaphuzu Ongacabanga Ngawo

- Hloba luni lwamathuba izindawo ezingaphakathi nezingaphandle eziwanika izingane ukuba zisungule?
- Imisebenzi yezingane(imidwebo, ukndlala, ukulinga) ibonisa kanjani ikhono lokuxazulula izinkinga besebenzisa ubuciko bokubonwayo nobuciko bokwenza?
- Akhona yini amathuba okuba izingane zihlolise izinkinga zempilo zangempela nokuba ngabasunguli?
- Abantu abadala bazisekela kanjani izingane ezisebenzisa ezinye izindlela zokuxhumana ngaphandle kolimi olukhulunwayo, ubuciko bokubonwayo nobuciko bokwenza ukuveza ikhono lokusungula?
- Ukuthola ikhono lokusungula kusenesikhathi kuhlobene kanjani namanye amathuba okufunda?



## Izinhloso neziqondiso zokukhula ngokomqondo, izibonelo zemisebenzi ethuthukisa ikhono lokusungula

Izinhloso	Imihlahlandela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela yokuhola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
1. Izingane zibona, zifune futhi zakhe izixazululo ngendlela yokuxazulula izinkinga	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>kusukela bezalwa baxazulula izinkinga zokulamba nokungakhululeki ngokukhalela usizo</li> <li>Bahlela ukuxazulula izinkinga zokuhlala, ukugaqa, ukuma, ukuhamba nokugijima ngokuzama okungazibeka engozini (bathola izindlela zokuhamba)</li> <li>Benza okuthile ngazozonke izinto abahlangabezana nazo ngokusebenzisa izinzwa ukuze bathole ukuthi zisho ukuthini ngayinye</li> <li>babuza imibuzo enjengokuthi <i>Kungani? Yini?</i></li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Tshela umntwana ukuthi iyini inklinga yakhe bese umtshela lokho ozokwenza ngaley ookinga</li> <li>Buza ukuthi umntwana uyaludinga yini usizo kunokuba umane umnike lona ngaphandle kokukhuluma. Yithi <i>Ngingakusiza yini ukuba uhambe?</i></li> <li>Nikeza izinto ezihlukahlukene eziningi ukuze ingane ithole ukuzisebenzisa. Uzofaka yonke into emlonyeni ngakho qiniseka ukuthi yonke into eseduze kwakhe ihlanzekile futhi iphephile.</li> </ul>	<p><b>Buka bese uxoxa nabazali babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ngamazinga elukuluku</li> <li>amazinga omdlandla wokuhola nokuphenyisisa izwe</li> <li>amazinga okunaka ukuthola izixazululo zezinkinga nanokusebenzela ukuzixazulula</li> <li>intshisekelo yokubuza imibuzo evulekile. <i>Kungani? Kanjani? Yini?</i></li> </ul>
	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p>Ojahidada baqhubecka</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>nokuthola izixazululo zezinsele zokuhamba</li> <li>ukuthola ukuhlobana phakathi kwabo nezinto</li> <li>ukuvama ukukhungatheka futhi bangase bakhale noma bathukuthele lapho behluleka ukuxazulula izinkinga</li> <li>nokubuza imibuzo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyo</b></p> <p>Qhubeka nemibono esengxenjeni engenhla, futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Nikeza ojahidada izindawo zokunyakaza ngokucaca, ukuhamba, ukugaqa nokuhlelemba</li> <li>Nikeza ojahidada amaphazili ukuba bawahlanganise lsb. imigodi esebehokisini enezimo ezihlukene okufakwa kuyo</li> <li>Siza ojahidada babhekane nokukhungatheka ngokubatshela imibuzo abangayibuza nezinyathelo abangazithatha lsb., ukuthi <i>Ngicela ungisize ngalokhu; Angikwazi ukukwenza - yini okufanele ngikwenze?</i></li> <li>Qhubeka nokubuza imibuzo eyosiza ojahidada ukuba bacabange ngezixazululo</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqashelwa bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa kojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>ingane ibonisa ilukuluku elincane kanye nokufisa ukuhlola noma ukuphenyisisa okuncane</li> </ul>
	<p><b>Abaqhubekeyela phambili</b></p> <p>Izingane ezincane</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>zibuza kanangi umbuzo othi<i>Kungani?</i></li> <li>Ziqhubeka nokulinga ukunyakaza nokuhlola ubudlelwano obuphakathi kwazo nezinto</li> <li>zikwazi kangcono ukusebenzisa izixazululo ezihlukahlukene ezinkingeni kunokuba zikhungatheke bese ziyakhala</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekeyela phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Lalela ngesineke imibuzo futhi uphendule ngokuzimisela ingane ize yanelisekile</li> <li>Beka izinsele zokunyakazisa umzimba endaweni yokudlala ukuze izingane zinyakazise imizimba</li> <li>Beka izinsele ezindabeni ngokubuza izingane ukuthi <i>Nicabanga ukuthi yini eyalandela? Ukube wawulapho, wawuyokwenzenjani?</i></li> </ul>	

Izinhoso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<b>Abaqhubele Ebangeni R</b> Izingane ziyaqhubecka <ul style="list-style-type: none"> <li>• nokubona izinkinga nezinselele, zizisho, zikhulumene ngazo nokuthola izindlela zokuziazulula</li> <li>• nokubuza imibuzo efaka ukuthi <i>Yini? Kungani? Nini? Kanjani? Ubani? Kungenzekani uma?</i></li> <li>• nokuthakasela imidlalo yokuxazulula izinkinga ezinjengokuthola izindlela ezihlukahlukene zokusuka kwenye indawo ziye kwenye, ukudweba isihlahla, ukuthola ulwazi ngezwe</li> <li>• nokujabulela iziphicaphicwano, 'Qagela ukuthi kuyini lokhu?' nemidlalo 'yokuthi Ngiyinholi'</li> </ul>	<b>Abaqhubele Ebangeni R</b> Qhubeka nemibono esezingxenyeni ezidlule futhi <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukhuthaze izingane ukuba zizibuze imibuzo zibuze nabanye ukuze zithole izixazululo futhi zithole ulwazi namakhono amasha</li> <li>• ubuze imibuzo futhi umeme izikhulumi ezingongcweti ukuba zize zizophendula izingane lsb. imibuzo mayelana nezilwane,</li> <li>• izinyoni, imisebenzi, amasiko endawo ezizungezile</li> <li>• Yenza izikhulumi zilunglele imibuzo yezingane</li> <li>• wenze amaculo nemilolozelo eyakhayo ngokubuzwa kwemibuzo</li> <li>• uzikhombise izindlela zokubuza imibuzo ngesizotha</li> <li>• Dlala iziphicaphicwano eziningi, imidlalo yokuqagela, unikeze izinkomba lsb. <i>Kuyimbulunga, ibomvu futhi kunoboya. Kuyini?</i></li> </ul>	
2. <b>Izingane zibona, zifune futhi zakhe izixazululo ngokudlala nokulingisa</b>	<b>Abaqalayo</b> <b>Abantwana</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Bahlola indawo ebazungezile baqambe nezinkinga abazoxiazulula ngokudlala</li> <li>• Badlala bodwa, badlala eduze kwezinye izingane, badlala nomuntu omdala, nangokubuka izingane ezindatlana zidlala, abantwana abadatlana bangatlala nezinye izingane</li> <li>• Baqala ukudlala izimo abake badlula kuzo mathupha isib., ukudlala ukuba 'uMama, 'uBaba, 'uDokotela'</li> </ul>	<b>Abaqalayo</b> Yenza imisebenzi <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ozoyidlala nomntwana</li> <li>• yabantwana abayidlala ngezinto eziphephile</li> <li>• yabantwana yokubuka abanye bedlala</li> <li>• yabantwana abadatlana beqala ukubambisana</li> <li>• ukulingisa isibonelo, ukuggoka izingubo ezinjenge zigqoko, izikhafu, othayi, izingubo zokulala ezincane, icathulo, izikhwama nezikhwama ezigaxwayo; izinto zasendlini isib., amabhodwe, izipuni, amathuluzi, izingingo; ikakhulu amathuluzi ahlobene nesihloko isib., umtholampilo, isikole.</li> </ul>	<b>Bheka bese uxoxa nabazali, ngezinto abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezikwazi ukuzenza</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukujabulela ukndlala</li> <li>• ukujabulela ukulingisa ngazodwa kanye nabanye ngokuhamba kwsikhathi zikhula</li> <li>• ukusebenzisa izinto ezihlukahlukene ukuqamba imidlalo namacebo</li> <li>• zilingisa izindawo ezihlukahlukene ukuze zixazulule izinkinga zokuba yizo nezokukhula nezobubona(ezenhlalakahle nezomoya)</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudluliselaka kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubekayo</b></p> <p>Ojahidada bayaqhubeka nokudlala nokulingisa</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bayu ngokuya bedlala ndawonye, bethola izixazululo zokwabelana nokubambisana</li> <li>• badlala imidlalo yokulingisa ebukhuni izikhathi ezinde ikakhulu ngempilo yasemakhaya nangobudlelwane bazo nabantu abadala</li> <li>• Bathanda ukusungula bakhe ngamabhokisi, intambo, izinduku namatshe</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekayo</b></p> <p>Qhubeka ubanikeze imisebenzi efana nesengxenyeni engenhlabe</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Wandisa izindawo zokudlala zibe nezinto ezengeziwe ukuze izingane zikwazi ukubuza nokuphendula imibuzo enjengokuthi <i>Ngimude kangakanani?</i> <i>Ngingazigqokisa kanjani lokhu?</i></li> <li>• Unikeza isikhathi esiningi sokulingisa usuku ngalunye</li> <li>• Unikeza isikhathi esiningi sokudlala imidlalo ujahidada azikhethole yona engalawulwa umuntu omdala ngaphandle uma kunezizathu ezithinta ezokuphepha</li> <li>• Khipha amabhokisi ubone ukuthi ojahidada bazokwenzani ngawo</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqashelisiswa kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini ukuze uthathe izinyathelo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ingane ayidlali</li> <li>• Ingane ayidlali imidlalo yokulingisa iyodwa noma inabanye</li> </ul>
	<p><b>Abaqhubekela phambili</b></p> <p>Izingane ezincane ziyaqhube ka nokwenza ebezikwenza</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• zidlala kakhulu ngamaqembu amancane abambisanayo ukuze bakhe izakhiwo eziyinkimbinkimbi nemidlalo ngezinto ezitholakalayo.</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekela phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Qhubeka ukunikeza amathuba nezinto ukuze badlale imidlalo abazikhethole yona neyokulingisa</li> <li>• Xoxa ngokubambisana nemithetho yokusebenza ndawonye lapho izingane zikulungele lokhu futhi 'kunethuba lokufundisa' kuflanganise nezinyathelo okumele zizithathwe nendlela yokuziphatha engakhonjiswa.</li> </ul>	
	<p><b>Abaqhubekela ebangeni - R</b></p> <p>Izingane ziyaqhube ka</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuqhamuka nezixazululo ezingcono zezinkinga ezibazona endaweni ezihlala kuyo isib., ukwakha umpheme ngezinto ezitholakalayo, ukwakha idamu nebholoho</li> <li>• Nokudlala umdlalo ofanayo futhi zakhe izakhiwo ezifanayo izinsuku ezimbalwa</li> <li>• Nokusebenza ndawonye njengamalungu eqembu elinomholi nabasizi nezindima ezihlukahlukene ezidlalwa ingane ngayinye.</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekela ebangeni - R</b></p> <p>Qhubeka uzinikeza imisebenzi efana neyangaphambili</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Futhi uhlele indawo yemidlalo neyokwakha ethatha izinsuku ezimbalwa ukuyiqeda.</li> </ul>	

Izinhoso	Imihlahlandela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela yokuhlola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudluliselka kongcweti uma kunesidingo.
3. <b>Izingane zibona, zifune futhi zakhe izixazululo ngemisebenzi yobuciko okubonwayo</b>	<b>Abaqalayo</b> <b>Abantwana</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>benza izimpawu esihlabathini nasodakeni ngeminwe yabo</li> <li>baklwiklwiza ephepheni ngamakhilayoni amakhulu anamafutha ngokuhamba kwesikhathi basho ukuthi umbhalo usho ukuthini.</li> <li>baqala ukuklwiklwiza izindilinga bazihlele kahle kancane kancane baqale ukuzetha amagama</li> <li>badlala ngobumba nodaka bese benika amagama izinto abazenile</li> <li>bakwazi ukugxilisa ingqondo isikhathi esifushane kuphela</li> </ul>	<b>Abaqalayo</b> Qhubeka ubanikeza imisebenzi ephawulwe ngenhla bese <ul style="list-style-type: none"> <li>Ulungisa isihlabathi ezitsheni ukuze izingane zidwebe ngeminwe yazo nangezinduku (isibonelo, izingqwembe zamakhathoni)</li> <li>banikeze iphepha namakhilayoni amakhulu anamafutha ukuze badwebe</li> <li>Banikeze isihlabathi nenhlama yokudlala ukuze badlale ngayo</li> </ul>	<b>Bheka bese uxoxisana nabazali, abantwana ojahidada izingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwabo uku:</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>khombisa ugqozi lokuxazululula izinkinga zokuveza imibono ngemidwebo, ukupenda, ukusebenza ngobumba nodaka</li> <li>sebenzisa amathuluzi ngendlela elawulekayo.</li> <li>jabulela ukusebenza ngezinto zobuciko obubonwayo</li> <li>basho futhi baxoxe izindaba ngezithombe nezifanekiso.</li> </ul>
	<b>Abaqhubelela phambili</b> Ojahidada bayaqhubeka nokungenhla futhi <ul style="list-style-type: none"> <li>baqala ukudweba izindingilizi ezibonakalayo nemigqa nokuma kobuso bomuntu</li> <li>bahambisa ubumba ukuze benze 'izinyoka' namabhola</li> <li>baqala ukusika nokunamathisela</li> </ul>	<b>Ukuqhubelela phambili</b> Qhubeka ubanikeza imisebenzi engenhla futhi <ul style="list-style-type: none"> <li>ukhulume ngomumo odwetshwe ujahidada futhi uwenze nengane 'ngezikhathi zokufundisa'</li> <li>bhala igama likajahidada ngenhla ekhasini ngakwesobunxele somsebenzi wakhe</li> </ul>	<b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini yokuba nobunzima:</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>ingane ayithandi ukwenza imisebenzi yobuciko bokubonwayo</li> <li>ingane ayikwazi ukusebenzisa amathuluzi obuciko bokubona ngezinga elifanele</li> </ul>
	<b>Abaqhubelela phambili</b> Izingane ezincane ziyaqhubeka nokungenhla futhi <ul style="list-style-type: none"> <li>Ziqala ukudweba imifanekiso yabantu (abantu abayizinduku)</li> <li>Zisika izimo ezelula</li> <li>zakha izinto zisebenzisa amabhokisi nezinye izinto ezingamaphepha</li> <li>zipenda izimo zisebenzisa imibala engafani</li> </ul>	<b>Abaqhubelela phambili</b> Qhubeka nokunikeza imisebenzi engenhla bese u: <ul style="list-style-type: none"> <li>khombise futhi uxoxe ('ngamathuba okufundisa') ngomumo wezinto wezingxenye ezihlukahlukene zomzimba, isibonelo ingane idweba amashiya nezindlebe</li> <li>khombise amakhono okuhlukanisa imibala nokugcina amabhulashi ehlanzekile</li> <li>khombise indlela yokusebenzisa isikele ngokuphepha</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubelela ebangeni Grade R</b></p> <p>Izingane</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ziqala ukudweba abantu abanemizimba eyindilinga nezilwane nezitshalo</li> <li>• zivame ukudweba umugqa ophezulu nomugqa ophansi</li> <li>• yenza imifanekiso nomumo ngobumba kwsiehlabathi baxoxele izindaba ngomsebenzi wazo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela ebangeni R</b></p> <p>Ziyaqhubeka njengangaphambili bese</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• zithuthukisa amakhono okubhekisia ukuze zicabangisise zisebenzise amehlo engqondo nolwazi lwazo lwezwwe ukuze zisungule ubuciko bokubonwayo.</li> <li>• Bhala phansi izindaba ngomsebenzi wazo uma zikucela ukuba uzenzele lokhu</li> </ul>	
4. <b>Izingane zibona, zifune futhi zakhe izixazululo zezinselelo ngomculo, umdanso nangomdlalo weshashalazi</b>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana bathanda</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• imilolozelo namaculo alula</li> <li>• Ukucula ngesigqi nokukhuluma</li> <li>• Ukunyakaza nokugxuma kancane okunesigqi</li> <li>• Ukunyakazisa okhehlekhehle nokushaya izigubhu</li> <li>• Ukudansa nomuntu omdala ebababamble</li> <li>• Ukusebenzisa izikhafu namaribhoni udanse ngawo.</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Banikeze imisebenzi yomculo neyomdanso kanangi phakathi nosuku nanoma nini lapho abantwana bedinga ukushushuzelwa nokukhuthazwa</li> <li>• Nika abantwana okhehlekhehle abahlukahrukene ukuze babanyakazise futhi ubasize ukuba balalele ingoma/ umculo futhi banyakake ngokunesigqi</li> <li>• Banikeze izikhafu namaribhoni ukuze badanse futhi banyakake.</li> </ul>	<p><b>Buka bese uxoxa nabazali, babantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwazo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuba nogqozi lomculo izigqi zokudansa nemidlalo yeshashalazi</li> <li>• ukusebenzisa amathuluzi nezinto ngendlela eya ngokuhleleka ukwenza umculo nesigqi</li> <li>• ukuthakasela ukusebenza ngomculo, umdanso nezinto zemidlalo yeshashalazi</li> <li>• ukulingisa nezindaba ngomculo, umdlalo weshashalazi nangomdanso</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela yokuhola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubekayo</b></p> <p>Ojahidada bayaqhubeka nokwenza njengoba benza bengabantwana futhi bathokozela</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukudansela umculo odlala emsakazweni nokushaya izandla</li> <li>• ukudlala izinsimbi zomculo njengezigubhu, okhehlekhehle, izinto ezixukuzwayo nonxantathu</li> <li>• ukulalela imisindo nezigqi lsb. ophakeme, ophansi, osheshayo, onensayo, izigqi ezinamabhithi amathathu noma amane</li> <li>• ukuhlanganisa umdanso nokudlala izinsimbi zomculo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekayo</b></p> <p>Qhubeka nemisebenzi edlule futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• usize ojahidada ngokucula nangokudansa nokunyakaza ndawonye behambisana nomculo</li> <li>• nikeza ojahidada izinsimbi zomculo ukuze bazidlale behambisana nokucula nemilolozelo</li> </ul>	<p><b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa bese uthatha izinyathelo zokuzilungisa ebantwaneni kojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ingane ayikwazi ukunyakaza kalula (bheka imisebenzi enyakazisa umzimba ngaphansi kokuphatheka kahle)</li> <li>• Ingane ayizwa kalula (bheka ukuphatheka kahle komzimba)</li> </ul>
	<p><b>Abaqhubekela phambili</b></p> <p>Izingane ezincane ziqhubeka njengasenhla futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• zenza amaculo nemilolozelo kanye nomuntu omdala</li> <li>• ziyacula, zidanse futhi zishaye izandla kanyekanye</li> <li>• zilingisa izindaba ezilula zisizwa ngumuntu omdala</li> </ul>	<p><b>Abaqhubekela phambili</b></p> <p>Qhubeka njengasenhla</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Xoxa izindaba ezilula futhi uzilingise kanye nezingane</li> <li>• Sebenzisa imisindo ukuze uthuthukise ukulingisa indaba lsb. okhehlekhehle bamaqabunga apheshulwa umoya ezihlahleni</li> <li>• khuthaza izingane ukuba zizakhele izindlela zokunyakaza futhi zidanse okuhambisana nokunyakaza okuse zindabeni nasemilolozelweni</li> <li>• cela izingane ukuba ziqambe imisindo nezigqi nemidanso nokunyakaza okuhlukahlkene kwezilwane, abantu, imifino nezinto.</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<p><b>Abaqhubele Ebangeni R</b> Izingane ziqbeka njengasenhal futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zidlala egenjini lokhehlegume (izigubhu, okhelekhele nonxantathu) zilandela umculo osemsakazweni noma oculwayo</li> <li>• Zenza amaculo nemilolozelo neminkenenezo</li> <li>• Zisungula izindaba ukuze zizilingise</li> <li>• Zisungula izinyathelo zomdanso nokunyakaza ukuze zilingise izilwane nezitshalo nezinto ezisezindabeni</li> </ul>	<p><b>Abaqhubele Ebangeni R</b> Qhubeka nemisebenzi engenhal futhi</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Hlela iqembu lomculo nezingane, izingane ezihlukahlukene zisebenzisa izinsimbi ezihlukahlukene</li> <li>• Yisho isihloko sendaba bese usiza izingane ukuba zakhe indaba/iculo/umlolozelo bese zikulingisa</li> </ul>	

# ISIGABA SESITHUPHA SOKUFUNDA NOKUTHUTHUKA: UKWAZI NOKUQONDA UMHLABA

## Izwi lengane



Ngifuna ukwazi nokuqonda izwe lami ngokubamba iqhaza ezweni lami nangokuba ngizama ukuzenzela izinto. Ngicela usekele ukufunda kwami ngokunginika amathuba okufunda ngabantu, ngezinto, ngezindawo, ngezitshalo nangezidalwa ezesendaweni yami yemvelo engihlala kuyo.

## Lumayelana nani ulwazi nokuqonda izwe na?

- Izwe lezingane lifaka izinto eziseduze nazo (abantu, izilwane, imifino nokumbiwa phansi okuyizinhlobonhlobo); imilando yemindenzi yazo futhi neyabakhelene nazo ngokuhamba kxesikhathi; umumo womhlaba ozizungezile (Isb. amagquma, imifula, amathafa, amadwala nesimo sezulu) namathuluzi eziwasebenzisayo njengamapeni omsizi, izikele, amathuluza okudliwa ngawo, izinto ezesetshenziswa endlini kuya kumakhamera, omakhalekhukhwini, amakhompiyutha (ezobuchwephesheshe)<sup>1</sup>
- Izingane ezsencane zinogqozi ngezwe lazo. Zifunda ngezwe lazo ngokuhlola nangokufakwa ezintweni ezihlukahlukene njengabantu, abezindaba nalokho ezikufundayo ezinzweni zazo.
- Ukufunda kwezingane kuyathuthuka lapho zithola ulwazi oluyiqiniso ngezwe lazo nangabantu abasezwensi lazo. Ukuqonda kwazo ukunakekela abantu nezidalwa ezesendaweni ezihlala kuzo kuyanda.
- Kuyakhula ukuzethembra ezinganeni lapho zikhuthazwa ukuba zikhombise ulwazi namakhono azo ngokuzenzela izinto.

## Abantu abadala kudingeka banake ulwazi nokuqonda kwezingane izwe.

- Amalungelo ezingane akha isisekelo sakho konke ukuhlola nokufunda ngezwe.
- Izingane eziphila nokukhubazeka nanezinezidingo ezikhethekile zinelungelo lokuthola ukunakwa futhi kufanele zisekelwe ukuze zikwazi ukuthuthuka futhi zifunde ngezwe ngendlela ezingakwazi ngayo
- Izingane zidinga abantu abadala ukuze zikwazi ukwandisa izipiliyonzi zazo zomhlaba
- Zidinga amathuba amanangi okufunda ngalokho okusendaweni ezihlala kuyona, nokuthi ishintsha kanjani. Abantu abadala kudingeka bakhe imisebenzi lapho izinto ezithandwa izingane nesidingo sazo sokuhlola sinakekelwa khona.



<sup>1</sup> UMyango Wemfundo Namakhono, 2007. Isiqondiso Somkhuba Seminyaka Yokuqala Yamabanga Aphansi. Ukumisa izilinganiso zokufunda, intuthuko nokunakekela izingane kusukela zizalwa zize zibe neminyaka engu-5. Izincwadi ezishicilelwé i-DfES

**1.**  
**Izingane zihlolisia futhi  
 ziphenyisisa ukuphila kwezwe lazo**

**3.**  
**Izingane zihlolisia futhi  
 ziphenyisise isikhathi nendawo**

**Ulwazi nokuqonda izwe  
 kwabantwana, ojahidada nezingane  
 ezikhulakhulile**

**2.**  
**Izingane zihlolisia ukwakhiwa  
 kwezinto, zenza izinto futhi  
 zisebenzise ezobuchwepheshe**

**Umfanekiso 12** Ukusebenza neminden nezingane zayo ezincane ukuthuthukisa ulwazi nokuqonda izwe.

### **Amaphuzu Ongacabangisisa Ngawo**

- Isikhungo, umndeni nomphakathi kuwanikeza kanjani amathuba okuthuthukisa ulwazi namakhono ngemisebenzi yoqobo?
- Zinakekelwa kanjani izidingo zezingane zokuzibambela iqhaza ezintweni, ukuhlola, ukuzama ukuzenzela, ukubhekiswa, ukuxazulula izinkinga, ukuthatha izinqumo nokukhombisa ukufunda kwazo?
- Ingabe kunamathuba anele okuthi izingane zioxo ngokuqonda kwazo futhi zicabange ngalezi zinto?
- Abantu abadala basisekela kanjani isidingo sengane sokusebenzisa ezobuchwepheshe ezihlukahlukene njengamakhamera, imisakazo, amathoyizi kagesi namakhompuyutha?



## Izinhloso, iziqondiso zokuthuthuka nezibonelo zemisebenzi ethuthukisa uLwazi Nokuqonda izwe.

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
1. Izingane ziyaholisisa futhi ziphenyisisa izwe lazo	<b>Abaqalayo</b> <b>Abantwana</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>basebenzisa izinzwa zabo futhi nekhono labo elikhulayo lokunyakaza ukuholisisa indawo, ukubheka izinto nokuzithinta.</li> </ul>	<b>Abaqalayo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Khuthaza izingane ukuba zithinte, zizwe futhi ziphenyisise abantu nezinto isibonelo, vumela abantwana bathinte ubuso bakho, xukuza ibhodlela njil.</li> <li>Vumela abantwana bazenzele izinqumo ngokubanika izinto ezihlukahlukene eziphephile ukuba bazihiolisisa</li> </ul>	<b>Bhekisa bese uxoxa nabazali, abantwana, ojahidada nezingane esezikhulile ngokukwazi kwazo:</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>ukuholisisa indawo abahlala kuyo besebenzisa izinzwa zabo</li> <li>ukugxila ezicini vezinto futhi bazi indlela yokuthi into ethile yensiwa kanjani</li> <li>ukusebenzisa izinsiza ukuze benze umqondo ngezwe labo</li> <li>ukuthola ukusekelwa lapho kudingeka</li> <li>ukwabelane zenze ezikuthandayo</li> <li>zibe abanelukuluku lokuholisisa nelokubuza imibuzo</li> <li>zibone futhi ziphawule ngoshintsho</li> </ul>
	<b>Abaqhubekeyo</b> <b>Ojahidada</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>bagxila ekubhekeni ukwakheka kwezinto noma ekutheni izinto zenziwa kanjani – bajabulela ukuphindaphinda</li> <li>basebenzisa abanye ukuba babasize ukwakha umqondo ngezinto ezithile.</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Khulumha nezingane njengoba zenza imisebenzi ziypiphindaphinda isibonelo <i>Ngiyabona ukuthi uyavula futhi uvale incwadi</i>.</li> <li>Zinikeze izinto ezingazisebenzisa ukuze zizihlolisisa futhi zishukumise ukucabanga kwazo</li> <li>Buza imibuzo ukuze usize izingane zakhe umqondo ngalokho ezikwenzayo. isibonelo, <i>Yini oyenzile? Yini oyitholile?</i></li> </ul>	<b>Izinto ezidina ukuqashelisiswa kojahidada nezingane ezikhulile ezsengozini ukuze wenze okuthile</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Uhlaziya kancane ulwazi nokulandela imiyalelo</li> <li>Untula amakhono okuphilisana nabanye</li> <li>Akathandi ukuhlanganyela nabanye emisebenzini</li> </ul>
	<b>Abaqhubekeyela phambili</b> Izingane ezincane <ul style="list-style-type: none"> <li>zinelukuluku ngezinto futhi ziyanhanda ukwazi ukuthi izinto zakheke kanjani nalezo zinto eziphilayo</li> <li>zikulumha ngalokho ezikubonayo, indlela izinto ezenzeka ngayo nokuthi kungani izinto zenzeka kwabanye</li> <li>zibonisa ukuluqaphela ushintsho</li> <li>zibonisa ukuthanda ukuba nezilwane ezifuywayo</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyela phambili</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ziqaphelisa izinto nezinto eziphilayo ezingase zizihlole.</li> <li>Bheka okunakwa kakhulu izingane futhi uzikhuthaze ukuba ziphendule. Sebenzisa imibuzo nezingxoxo.</li> <li>Vumela izingane ziphenyisise ngokwengeziwe ngezinto ezizithandayo.</li> <li>Xoxa ngezinhlobo zezilwane ezifuywano nendlela yokuzinakekela.</li> </ul>	

<b>Izinhloso</b>	<b>Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile</b>	<b>Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile</b>	<b>Imihlahlandlela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.</b>
	<b>Abaqhubelela ebangeni R</b> Izingane ziyaqhubecka noku: <ul style="list-style-type: none"> <li>• hlolisisa, ziphenye futhi zikhulume ngezinto futhi ngezimpahla zisebenzisa izinzwa zazo</li> <li>• zibuza imibuzo ngokuthi kungani izinto zenzeka nokuthi zisebenza kanjani</li> </ul>	<b>Abaqhubelela ebangeni R</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Sungula amathuba okujwayela okuhlolisia</li> <li>• Khuthaza izingane futhi uvumele uthando lwazo oluqhubekayo, ukhulise nemibuzo yazo.</li> <li>• Zisize ukuba zibone imininingwane ukuze ziqonde ukuthi izinto zenzeka kanjani futhi zisebenza kanjani.</li> <li>• Zinikeze imibuzo njengamathuluzi okuhlolisia izinto nezimpahla zisebenzisa izinzwa zazo</li> </ul>	
<b>2. Izingane zihlolisia zakhe, zenze izinto zisebenzisa ubuchwepheshe</b>	<b>Abaqalayo</b> <b>Abantwana</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• bahlolisisa izinto nezimpahla besebenzisa izinzwa zabo</li> <li>• babonisa ukuthanda amathoyizi nezinye izinsiza ezingase zihlanganise ezobuchwepheshe</li> <li>• Babonisa ukuqaphela nothando lokwazi ukuthi izinto zisebenza kanjani – ukuvula, ukuvala, ukucindezela izinkinobho nokufinyelela emphumeleni onjengemisindo noma ukunyakaza</li> </ul>	<b>Abaqalayo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Khulumma nabantwana ngalokho abakubonayo, abakuzwayo nabakuthintayo.</li> <li>• Khulumma ngokuthi amathoyizi akihiwe kanjani isibonelo, unodoli okhalayo uma uthinta isisu sawo, imoto ehambayo lapho uyiwayinda.</li> <li>• Nikeza izincacelo zalokho okwenzekayo.</li> </ul>	<b>Bheka bese uxoxisana nabazali, ngamakhono abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• ukusebenzisa izinzwa zazo ukuhlola indawo</li> <li>• ukukhombisa ukuthanda izinto</li> <li>• ukuhlanganyela emisebenzini eyenziwayo ukuthuthukiswa kothando lwendlela izinto ezisebenza ngayo</li> <li>• phenya ngezinto ezahlukahlukene</li> <li>• sebenzisa amathuluzi nezindlela ezahlukahlukene ukusebenzisa nokwenza izinto</li> </ul>
	<b>Abaqhubekeyo</b> Ojahidada <ul style="list-style-type: none"> <li>• bayathanda ukududula nokudonsa izinto futhi baqlala ukwakha izinto</li> <li>• bayaphenza ukuze bathole indlela izinto ezisebenza ngayo</li> <li>• babonisa ukuthanda ukuvula nokusebenzisa izinto zikagesi</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nikeza izincacelo zalokho okwenziwa ingane ngokwesibonelo; Ngiyabona udonse ibhokisi lamathoyizi ngesibambo.</li> <li>• Qaphela imizamo yezingane yokugxuma, ukunqwabelanisa izinto nokupakisha izinto. Zivumele zandise ulwazi lwazo futhi zilandele amakhono azo.</li> <li>• Khulumma ngezinto zikagesi nangendlela ezingasetshenziswa ngayo ngokuphephile</li> <li>• Uma zikhona izinto zikagesi vumela izingane ukuba zizisebenzise ziqondiswa umuntu omdala isibonelo, ama-khompiyutha nezinye izinto zobuchwepheshe njengomakhalekhukhwini</li> </ul>	<b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ukuze uthathe izinyathelo.</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukwesaba kakhulu nokuba nexhala lokuhlolisia</li> <li>• Ukuphazamisa nokungathandi ukusebenzisana nabanye lapho benza imisebenzi</li> <li>• Ukuphazamiseka kalula</li> <li>• Ubunzima bokuhlaziya ulwazi nokulandela imiyalelo</li> <li>• Ukulimaza izinsiza azinikeziwe</li> </ul>

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<b>Abaqhubekela phambili</b> Izingane ezikhulakhulile <ul style="list-style-type: none"> <li>• zihlanganisa ndawonye izinto zokwakha ukuze zizimele.</li> <li>• zihlola ngamathuluzi nangezindlela ezahlukahlukene</li> <li>• ziyayazi indlela yokusebenzisa umshini olula</li> </ul>	<b>Abaqhubekela phambili</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Yenza izimpahla zokwakha ezinhlobonhlobo ezitholakalayo ngokwesibonelo, amabhokisi, namakhathoni.</li> <li>• Khuthaza imizamo yezingane yokwakha izinto ezisisungulele zona.</li> <li>• Jwayeza izingane amathuluzi nezindlela ezahlukahlukene zokuwasebenzisa – ukuklebhula/ukusika nokunamathisela</li> <li>• Zikhuthaze ukuba zisebenzise umshini onjengamathoyizi kagesi, namakhompuytha.</li> </ul>	
	<b>Abaqhubekela ebangeni - R</b> Izingane ziyaqhubeke <ul style="list-style-type: none"> <li>• nokwakha izinto zisebenzisa amathuluzi nezindlela ezahlukahlukene</li> <li>• nokusebenzisa imishini elula ukuyisebenzisa</li> </ul>	<b>Abaqhubekela ebangeni - R</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Yenza ukuba kutholakale izinto ezinhlobonhlobo izingane ezingazisebenzisela ukwakha isibonelo: amabhokisi, amabhulokhi okhuni.</li> <li>• Siza izingane ziqonde injongo yemisebenzi yazo eziyakhayo</li> <li>• Yandisa amagama izingane eziwaziyo</li> <li>• Khuthaza izingane ukuba zicabangisise ngezikusungulayo.</li> <li>• Nikeza izincacelo ukhombise indlela imshini osebenza ngayo. Khumbuza izingane ngemithetho yokuphepha.</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandlela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandlela yokuhlolola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudluliselaka kongcweti uma kunesidingo.
3. Izingane ziyahlolisisa futhi ziphenye isikhathi nendawo	<p><b>Abaqalayo</b></p> <p><b>Abantwana</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>bayazwela kwabakubonayo, imisindo nokwenziwayo</li> <li>bayakujwayela okwenziwa njalo njengokuvuka, ukudla, ukushintsha inabukeni nalapho kwenzelwa khona</li> <li>bahlola indawo ngokwenyusa izinga lokunyakaza</li> <li>bajabulela ukudlala ngaphandle futhi babukele okwenzekayo</li> </ul>	<p><b>Abaqalayo</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Khuluma ngalokho okwenzekayo kumntwana naseduze kwakhe.</li> <li>Sebenzisa ukubukisisa ezinye izingane noma izithombe ukuze ukhulume ngalokho okwenzekwa njalo.</li> <li>Batshengise izindawo ezihlukahlukene nalokho esingakubona kulezi zindawo isibonelo: izilwane, izinyoni nemizi yomakhelwane</li> </ul>	<p><b>Bhekisia bese uxoxa nabazali ngezinto abantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ngokukwazi kwazo:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>ukuhlolisia zenze okuhambelana noshintsho olwenzenka endaweni</li> <li>ukukhombisa ukuqaphela izinto ezenziwa njalo</li> <li>ukukhombisa ukuqonda isikhathi ngendlela ehambisana nezimo abake babhekana nazo</li> <li>ukuba nelukuluku ngendawo ezizungezile</li> <li>ukukhumbula nokukhuluma ngabantu ababajwayele nezehlakalo</li> <li>ukuhlanganyela emisebenzini eyenziwayo</li> <li>Sebenzisa ulimi lwasikhathi</li> </ul>
	<p><b>Abaqhubelela phambili</b></p> <p>Izingane ezincane</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>zingakhumbula futhi zikhulume ngabantu nangezehlakalo ezizijwayele</li> <li>zikhombisa ukuqonda ushintsho ngokuhamba kwasikhathi futhi zingakwazi ukusebenzisa amagama ahlobene nesikhathi</li> <li>ziyabhekisisa futhi zinelukuluku ngendawo eziphila kuyo nangemvelo</li> </ul>	<p><b>Abaqhubelela phambili</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>Khuthaza izingane ukuba zikhulume ngezehlakalo ezike zahlangabezana nazo.</li> <li>Khuthaza izingxoxo nezingane ngeziqalo zemisho ezithi,</li> <li>Ngenkathi ngisendleleni eya...</li> <li>Khuthaza izingane ukuba zisebenzise ulimi lwasikhathi ezingxoxweni zazo isibonelo:, manje, ngaleso sikhathi, kamuva, esikhathini esidlule.</li> <li>Funda futhi/noma wenze izincwadi ezikhombisa,izigameko,izinto ezenzekile ezimpilweni zazo, nemikhos.</li> <li>Nikeza amathuba okulingisa nokungathekisa</li> </ul>	

Izinhloso	Imihlahlandela yokuthuthukisa yaBantwana, Ojahidada Nezingane Ezikhulakhulile	Izibonelo zemisebenzi Abantu Abadala Nezingane Ezikhulile ezingayenza lapho zisebenza Nabantwana, ojahidada Nezingane ezikhulakhulile	Imihlahlandela yokuhlola ebanzi yokubuka, ukulalela, ukubhala phansi, ukubika ukuxoxisana nabazali nokudlulisela kongcweti uma kunesidingo.
	<b>Abadlulela ebangeni - R</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Ziqala ukuhlukanisa isikhathi esidlule kwesamanje ngokusebenzisa amagama anjengokuthi lapho ngisemncane...</li> <li>Zinelukulukhu elikhulu lokuthola ulwazi ngokwakhekha kwendawo abahlala kuyo nasezweni labo.</li> <li>Zichaza izinto ezihlangabezane nazo ngokuzethemba.</li> <li>Zikhombsa ukuthanda abanye abantu – amalungu omndeni, abangane.</li> <li>Zithola ulwazi ngezobuchwepheshe futhi zibone nendlela yokuzisebenzisa – amakhompiyutha, amathoyizi ezobuchwepheshe, omakhalekhukhwini njll.</li> </ul>	<b>Abadlulela ebangeni - R</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Yenza imisebenzi yokulandelanisa nezingane ukuze zibone isikhathi isibonelo, sebenzisa izithombe zabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ukusungula isikhathi izinto ezenzeka ngaso.</li> <li>Khuthaza izingane ukuba zibuze imibuzo – ubani, ini, kuphi, kungani, nini, kanjani.</li> <li>Yethula amagama ukuze usize izingane zikhulume ngalokho ezikubonayo.</li> <li>Hlela izinkambo zokufunda zokusiza izingane ukuze ziyiqonde kabanzi indawo yazo.</li> <li>Yenza izincwadi nezingane – umuntu omdala atshengise indaba exoxwa ingane.</li> <li>Nikeza izingane amathuba okubona nokukhuluma ngolwazi nezobuchwepheshe bokuxhumana isibonelo, khuluma ngokuthi kwenzani nangendlela yokukusebenzisa ngokuphephile. Lapho itholakala, vumela izingane zidlale imidlalo yamakhompiyutha ahambisana nesigaba sokukhula</li> </ul>	
	<b>Abaqhubekeyo</b> <b>Ojahidada</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Baqala ukuhlobanisa phakathi kwezenzo nokulandelana kwezinto ezenziwa njalo</li> <li>Baqonda isikhathi ngezindlela ngesimo sezinto abadlule kuzo isibonelo: manje, kamuva, ngaphambili.</li> <li>Bakhombisa uthando lwezwé abahlala kulo nemifanekiso yezwe abahlala kulo</li> </ul>	<b>Abaqhubekeyo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>Khuluma nezingane ngokwensiwa njalo nokuthi benzani ngesikhathi sokwenza izinto ezenziwa njalo.</li> <li>Banakise imisebenzi ekhethekile abayenzayo ngesikhathi sezinto ezenziwa njalo.</li> <li>Sebenzisa amagama anjengokuthi <i>manje, kamuva, ngaphambili, izolo, namuhlanje, kusasa</i></li> <li>Xoxa izindaba ezikhuluma ngezindawo nezinkambo ezihlukahlukene.</li> <li>Nikeza amathuba okudlala ngemifanekiso nokubona izinto ezimweni zangempela sempilo.</li> <li>Hlela ukuvakasha kokufunda</li> </ul>	<b>Izinto ezidinga ukuqasheliswa kubantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile ezsengozini ukuze uthathe izinyathelo</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>ukwesaba nokukhathazeka okuhlobene nokuzama izinto ezintsha</li> <li>ukunganaki</li> <li>ubunzima bokwazi amagama</li> <li>izinkinga zokuhlaziya ulwazi nokukhumbula izinto</li> </ul>

# UKUHLOLWA KWEZIDINGO ZOKUTHUTHUKA NOTHANDO LOKUFUNDA LWENGANE NGAYINYE

UHlelo Lwemfundo Kazwelonke luqukethe imihlahlandlela

- yokubukisisa izidingo zokuthuthuka nokufunda kwengane ngayinye.
- yokuhlela imisebenzi ukuze ihlangabezane nezidingo zentuthuko nothando lokufunda lwengane ngayinye.
- yokwenza imisebenzi nezingane
- yokuhlola izidingo zokuthuthuka nokufunda nokukala ukuthi izinhlelo ze-ECD ziyahlangabezana yini nezidingo zengane ngayinye

## Kuyini ukuhlola?

Ukuhlola kuyinqubo eqhubekayo ehleliwe yokubona, ukuhlanganisa nokuhlaziya ulwazi ngokuthuthuka nokufunda kwabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile.

1. Ukulungiselela ukuhlola.
2. Ukubona isimo sempilo enhle, ukuthuthuka nokufunda kwengane ngayinye.
3. Ukuqopha ulwazi olumayelana nengane ngayinye.
4. Ukuhumusha ulwazi ukuze ukhulise ukuthuthuka nokufunda kwazo ngemisebenzi ehleliwe.
5. Ukubika nokuxoxisana nabazali ngezidingo nangezinto ezithandwa ingane ngayinye ukuze baqonde futhi ngaleyo ndlela basize ukuthuthukisaukufunda nezidingo ezikhethekile zengane.
6. Ukuhlela imisebenzi elandelayo ukuze wakhele emandleni engane bese unaka izidingo zayo zokuthuthuka.

**Ukuhlola kulesi sigaba sokuphila kwengane kungokuhubekayo okwenzeka nsuku zonke. Ingane ngeke ‘iphumelele’ noma ‘ingaphumeleli’. Iyathuthuka, ikhule futhi. Bozakwethu kugwemeni ukubahlola..... Azikho izivivinyo noma ukuhlolwa okuhleliwe.**





---

**Umfanekiso 13 Uhlelo Lokuhlola**

## Injongo yokuhlola (iziqubu zokukhula, nokubambezeleka kokukhula)

Abantu abadala nezingane bayahlulela nsuku zonke ngamakhono abanawo nezinto abakwazi ukuzenza nokwabanye ngokunjalo – ulwazi lwabo, amakhono nokuziphatha kwabo. Basebenzisa lokhu kwahlulela ukuze banqume okumelwe bakwenze ngesikhathi esizayo. Lokhu kwahlulela kuwukuhlola abakhono nolwazi abanalo kulesi -sigaba.

Abantu abadala abasebenza ezinhlelwani zokuthuthukisa izingane ezincane bahlola izidingo zokuthuthuka nokufunda nogqozi lwengane ngayinye, ojahidada nezingane ezikhulakhlulile abazinakekelayo, ukuze bahlele imisebenzi yokunothisa ukuthuthukisa nokufunda kwezingane.

Basebenza ngokubambisana neminden yezingane.

Injongo yokuhlola ukusekela nokukhuthaza ukuthuthuka nokufunda ebantwaneni, ojahidada nezingane ezikhulakhlulile nokuhlola izidingo zazo kuzo zonke izinhlangothi zokuphila kwazo, Umuntu omdala uzinika indawo zonke izingane ezinhlelweni zansku zonke ethathela ekuhloleni okuqhube ka njalo.

Lokhu kusho ukuthi ukuhlola kubalulekile ekunqumeni ukuthi yiziphi izidingo zengane nezinto ezinogqozi lwazo ngaleso sikhathi, ukuze kuhlelwe imisebenzi eyengeziwe ngokushesha ngesikhathi sokusebenza nengane ukuze kunothiswe ukuthuthuka nogqozi. nezinto ezithandayo. Lokhu kusikhombisa ukuthi kumelwe sikhuthaze njalo abafundisi bezingane ezincane ukuba benze indawo ezihlala kuyo izingane ikulungele ukusekela ukuthuthuka nezidingo zokufunda.

## Izingane ezinezidingo ezikhethekile zokuthuthuka nokufunda

Umuntu omdala uhlola izidingo ezikhethekile nezithyo ezihlangabezana nezingane eziphila nezinkinga zokuthuthuka nokufunda ukuze azinikeze imisebezi ezifanele nezixazululo ezinhlelweni zamihla yonke. Ukudlulisela kongcweti kwensiwa ngemva kwezingxoxo nabazali nabanye abasebenzi. Okutuswa ongcweti kufanele kufakwe ezinhlelweni zansku zonke ukuze kuqinisekiswe ukusekelwa okuqhube kayo esimweni esifaka wonke umuntu, esisekelayo nesenzo izingane zizizwe zamukelekile.

## Kwensiwa kuphi ukuhlola lapho ingane isencane?

### Ingane ngayinye inezimo ezimbili ephila kuzo:

- Isimo sasekhaya okuyindawo ebaluleke kakhulu
- Isimo sasesikhungweni sezinhlelo zokuqala zokuthuthuka zezingane ezincane (ECD), kungakhathaleki ukuthi zenzelwa ekhaya noma esikhungweni

Ingane ngayinye iyokuba nezimo zokuthuthuka edlule kuzo ezifanayo futhi nezihlukile engxenyeni ngayinye enolwazi olwahlukile ngezwe amakhono, isimo somqondo nokuziphatha ezikufundile

Abafundisi bezinhlelo zokuqala zokuthuthukisa kwezingane(ECD) kudingeka baqinisekise ngayo yonke indlela ukuthi lezi zimo ezimbili izingane ezidlule kuzona zihlangananiswa ngendlela eyenza ukuthi ingane ingawuzwa umehluko phakathi kwekhaya nesikole. **Bakwenza lokhu ngokusebenzelana eduze nabazali neminden yengane ngayinye abayinakekelayo.**

## Izinyathelo ongazithatha ukuhlola izidingo zokuthuthuka nogqozi lokufunda

### Isinyathelo 1: *Ukulungiselela ukuhlola okuqhube kayo*

Ukuhlola kuleminyaka yokuqala kwensiwa **ngendlela engahleliwe** futhi kwensiwa enganeni ngayinye nsuku zonke

Ohlakeni Lohlelo Lwezemfundo Likazwelonke kugcizelela ukuthi ukuhlola kungukubuka izingane ngendlela eqhubekayo futhi ehleliwe, ngezikhathi zokweza izinto ezijwayelekile, ngemisebenzi ehleliwe nalemidlalo ingane ezikhethole yona.

Ukubukisisa kusho ukubheka ngokucophelela nanokulalelisisa ingane ngayinye nsuku zonke. Umhlahlandela wokuhlola wakhelwe ezigabeni zokufunda zokuqala eziyisithupha naseziphakamisweni zokuhlola ngasinye. Abantu abadala basebenzisa lezizophakamiso njengesekelo sokubuka ingane ngayinye bayibukisise.

Lungiselela ukuhlola ngokuhlela ngoku

1. gcina incwajana yokubhalela ibeseduzane nalapho ungase ubhale khona amanothi anezinsuku ngengane ngayinye ngokuhamba kosuku, ngezinto eziemqoka ezenzile nezinselele ingane ebhekane nazo
2. gcina ifayela lengane ngayinye ozodlulisela kulo amanothi anosuku futhi ugcine lonke ulwazi olumayelana nengane (amakhophi encwajana yendlela eya empilweni, iminingwane yokubhalisa, amakhophi emibiko aya kubazali, amaphuzu nezingxoxo nabazali njalo njalo).
3. Uhlelo Iwezikhathi zemihlangano ehlelekile Iwezingxoxo nabazali.

### Isinyathelo 2: *Ukubona ngokubhekisa: ukwakha nokuqoqa ubufakazi bezimpumelelo/izinsele*

Umfundisi wezingane ezincane kudingeka akukhumbule lokho akubonile ukuze ahlele kahle nangokufanele ukunakekela izidingo nogqozi, ukuze axoxe nabazali ngalezi zidingo nezinto izingane ezizithandayo nangezinhlelo anazo ngabazali bengane ngayinye.

Indlela engcono kakhulu yokwenza lokhu iwukubhala amanothi ngentuthuko esemqoka yengane nangezinto ezithandayo.

La-manothi ayame olwazini oluseZigaben Zokuqala Zokufunda Nokuthuthukisa eziyisithupha (ELDAS)

Buka izenzo nokuziphatha kwengane ngayinye usuku ngalunye.

- Bheka lokho ekwenzayo ukuze ubone amakhono ewathuthukisayo Isibonelo: ukuhlala, ukucathula, ukusonta umzimba wayo, ukubamba i-khilayoni, ukwenza izimpawu ephepheni (bheka izinhla zokuhlowa emihlahlandleleni yokwakha izinhlelo)
- Lalela imisindo eyenziwa ingane
- Sebenzisa izinzwa zokuhogela nokuthinta ukuze uhlole ukugula kwengane (Isibonelo: ukunuka komoya wengane, indle, izinga lokushisa, ukoma komzimba, ukujuluka)
- Ukubhala amanothi ngalokho okutholile. Ubufakazi obubhaliwe bupaluleke kakhulu. Lokhu kunjalo ikakhulu kwezempiro nakwezokuphepha, ezilawulwa umthetho (ubufakazi obubhaliwe bokulimala, izingozi, ukugula nezinyathelo ezithathiwe ukulungisa lokhu).

### Isinyathelo 3: *Ukubhala ulwazi*

Umqali nabafundisi bezinhlelo zokuqala zokuthuthukiswa kwezingane(ECD bakhumbula ulwazi olusemqoka ngokukhula nokufunda kwengane. Umfundisi wezingane ezincane uqale abhale lamaphuzu ebhukwini lakhe lokubhala akubonayo bese ewabhalo ngokuhlelekile eriphothini lwengane lapho esazisa abazali ngentuthuko yengane nezidingo zayo.

Kule minyaka yokuqala, AWEKHO amamaki noma amaphesenti anikezwa kunoma iyiphi ingane. Yonke imiphumela yokuhlolwa yenziwa ngamazwi amafushane. Amazwi abhalwa ngale ndlela elandelayo:

Izidingo zengane zokukhula ngokomqondo kwiSigaba Sokuqala Sokufunda Nokuthuthuka ngasinye (ELDA)	Okuthandwa ingane mayelana nokufunda
Enye yalezi zinto ezilandelayo yenhoso ngayinye yeSigaba Sokuqala Sokufunda Nokuthuthuka	Ingane ikuthanda kakhulu uku .....
Ingane iqala uku.....	
Ingane iqhubeka kahle kule nhoso	
Ingane iqhubekela phambili kule nhoso	
Ingane ikulungele ukudlulela ebangeni - R kule nhoso	
Lezi zidingo nokuthandwa ingane okwamanje kulesi Sigaba Sokuqala Sokufunda Nokuthuthukiswa .....(ELDA) (yenya uhlu)	
1.	
2.	
Kudingeka sisebenze ndawonye ukuze sinike ingane amathuba usuku ngosuku ..... (yenya uhlu lwemisebenzi yabafundisi bezinhlelo zokuqala zokuthuthukiswa kwezingane(ECD nabazali ukuba bayenze ndawonye ekhaya nasohlelweni lokuqala lokufundisa nokuthuthukisa izingane)	
1.	
2.	

### Isinyathelo 4: *Ukuchaza ulwazi*

Kubalulekile ukuhlaziya ubufakazi. Umqali nomfundisi wezinhlelo zokuqala zokuthuthukiswa kwezingane(ECD bathatha isinqumo sokuthi iluphi ulwazi olubalulekile ekwenzeni izinqumo ngezidingo zokukhula kwengane nalokho ethanda ukukufunda. Lokhu kwensiwa ngolwazi oluvamile lwemihlahlandlela yokuthuthukisa kulesosigaba sokuqala sokuthuthukisa ngasinye. (ELDA)

### Isinyathelo 5: *Ukubika nokuxoxisana ngokutholakele*

Ukubika kuyinqubo yokukhuluma ngesimo sentuthuko nokufunda kwengane nezidingo kubazali, esikoleni kwanabanye ababambe iqhaza. Ukubika kuqala ngokubhala incazeloyentuthuko nokufunda kwengane.

Kunamaqoqo amathathu abantu okudingeka bahlale benolwazi ngezidingo nokuthandwa ingane ngayinye. Yilawa:

- Abazali nomndeni wengane
- Ongcweti abasebenza ngezingane uma ingane inezidingo ezikhethekile ezidinda ukunakekelwa okukhethekile
- Ozakwenu ezinhlelweni zokuthuthukisa izingane nabasebenza ngebanga- R ngaphambi nje kokuba ingane ingene kulelo kilasi esikoleni.

Izingxoxo zisuselwa ebufakazini obuqoqwe ekubhekisiseni okuqoshwe phansi.

Ngokuvamile izingxoxo zisukela embikweni ebhaliwe abazali nozakwenu.

Izingxoxo ziqhubeka

- ngesikhathi abazali beletha futhi belanda ingane usuku ngosuku (ngokuvamile izinkinga zempilo nokuphepha nokujabulela ingane efinyelele kukho ngalolo suku). Uma kungomunye umuntu omdala noma owakubo omdala olettha futhi alande ingane, kufanele abazali banikeze imvume yokuba nezingxoxo ezijulile nabo, futhi kudingeka baziswe ngokubhalelwana nomagaingaziphizi izigameko ezenzekile.
- ngokushayelana izingcingo nangamaphuzu abhalelwana abazali encwadini yengane yezinlelo zasekhaya
- ngemihlangano ehleliwe ngaphambi kwesikhathi eba phakathi komzali ngamunye nomfundisi wezingane ezincane.

Amafomu enqubo yokuhlola ayatholakala Emhlahlandeleni Wokwakha Izinhlelo ehambisana Nohlaka Lohlelo Lwezemfundu Lukazwelone

Lesi isibonelo somhlahlandelela wokuhlaziya:

Ukufunda Kokuqala Nokuthuthukisa (ELDA)	Amandla ohlelo	Ubuthakathaka bohlelo	Isinyathelo okumelwe sithathwe	Ngubani Nini	Ukubika ku-... Ngomhla ka-... (date) (isayiniwe)
Isibonelo (ELDA) 1: Ukuphatheka Kahle					
Ukudla okunomsoco					
Ezempilo nenhlazeko					
Ukuphepha nokuvikeleka					
Ukukhula ngokomzimba					
Ukuqiniselela kwezingane					
(ELDA) 2:					

### Amariphothi okuhlaziya enziwa anikezwe bonke abadlala indima ebalulekile kuhlanganise

- Ikomitilabaphathi emhlanganweni ngamunye (njengenxene ye hhlala ikhona ohlelweni)
- Abazali emihlanganweni yabazali yekota ngayinye.
- Abaxhasi lapho bedinga amariphothi.

### Ukuhlaziya Uhlelo Lwezinlelo Zokuqala Zokuthuthukisa Kwezingane(ECD)

#### Kuyini ukuhlaziya?


Ukuhlola kwensiwa enganeni ngayinye.

**Ukuhlaziya** kwensiwa kulo lonke uhlelo nendlela oluhihangabezana nazo zonke izidingo

- zazo zonke izingane
- imindeni esebeenzisa lolu hlelo
- izinhlangano nabantu abasekela lolu hlelo (uMnyango Wentuthuko Yezenhlalakahle, eminye iminyango kahulumeni, izinhlangano ezixhasayo, imiphakathi izinhlangano ezizimele nezenkolo kanye nabantu abazuzayo).

#### Ukuhlaziya kuyaqhube ka futhi kuhlanganisa

- ukuhlola nsuku zonke ukuphepha nokuvikeleka, impilo, nokudla okunomsoco ezinhlelweni ze-ECD
- Ukuhlolwa kwanyanga zonke noma ngemva kwezinyanga ezintathu kokunikezwa kwamathuba okufunda kuzo zonke Izingxene Zokufunda Nokuthuthuka Kokuqala (ELDAS)



#### Umfanekiso 14 Inqubo eqhubekayo yokuhlaziya uhlelo lwe-ECD

Amafomu enqubo yokuhlaziya atholakala kuMhlahlandlela Wokwakha Izinhlelo ehambisana no Hlaka Lohlelo Lwemfundo Kazwelonke (NCF)

#### Izifinyezo Zamagama

<b>CAPS</b>	Isitativende Senqubomgommo Yohlelo Lwezemfundo Nokuhlola Kukazwelonke
<b>CBO</b>	Izinhlango Ezigxile Emphakathini
<b>ECD</b>	Ukuthuthukiswa Kokuqala Kwezingane Ezincane
<b>FBO</b>	Izinhlango Ezigxile Enkolweni
<b>GPD</b>	Imihlahlandlela Yokwakha Izinhlelo Zokuthuthukiswa Kokuqala Kwezingane ezincane, abantwana ojahidada nezingane ezikhulakhulile
<b>Level 04</b>	Iziyu Zezinga Lesine Zokuthuthuka Kokuqala Kwezingane Ezincane Nezfundo Zokufundisa ezbhaliswe Ohlakeni Lweziyu Lukazwelonke Isigungu saseNingizimu Afrika esilawula Iziyu.
<b>NCS</b>	Isitativende Sohlelo Lwemfundo Kazwelonke okwakhelwe phezu kuso Isitativende Senqubomgommo Yohlelo Lwemfundo Nokuhlola Kukazwelonke(CAPS)
<b>NELDS</b>	Izilinganiso Zikazwelonke Zokufundisa Nokuthuthukiswa Kwezingane ezincane
<b>NGO</b>	Izinhlango Ezizizimele
<b>NQF</b>	Uhlaka Lweziyu Lukazwelonke
<b>SAQA</b>	Isigungu saseNingizimu Afrika esilawula Iziyu.

## Amagama Asetshenzisiwe Nezincazelo

Igama	Incazelo
<b>Umntwana, ujahidada, nengane ekhulakhulile</b>	<p>Ngokuvumelana ne-Zilinganiso ZikaZwelonke Zokufunda Nokuthuthukiswa Kwezingane NElds, Izigaba zeminyaka zimi kanje:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Abantwana: kusukela bezalwa kuya ezinyangeni eziyi-18</li> <li>• Ojahidada: kusukela kwabanezinya eziyishumi nesisiyalombili(18) kuya kwabanezinya ezingama -36 (iminyaka emi-3)</li> <li>• Izingane Ezikhulakhulile: kusukela kwezineminyaka emi-3 kuya kwemi-4</li> <li>• Ezihubekela ebangeni R: kusukela kwezineminyaka emi-4 kuye ngesikhathi izingane ezincane ziqala ibanga R (ngonyaka eziba ngawo neminyaka emi-5).</li> </ul>
<b>Ingane</b>	Umuntu oneminyaka engaphansi kweyi-18 ubudala.
<b>Umnakekeli wezingane</b>	<p>Umuntu, okhokhelwayo noma ongakhokhelwa, onakekela izingane ezingadlulile kweziyisi-6 zingekho emakhaya azo, kungaba sekhaya lakhe, noma endaweni elungiselelwwe izingane.</p> <p>Ukubhalisa nezimfanelo zokuhlolola zifakiwe ku (children's act of 2005). Abanye omasipala badinga ukuba abanakekelii bezingane babhalise kubo.</p>
<b>Izingane eziphila nokukhubazeka nezinezidingo ezikhethekile zokuthuthuka nezokufunda</b>	<p>Zonke izingane ziyizingane kuqala. Zinamakhono amanangi futhi zingase zibe nanokukhubazeka. Ukukhubazeka kuyingxene eyodwa empilweni yengane. Abantu abadala kudingeka babhekisise, bakhulumu futhi bakhuthaze izinto izingane ezienza kahle nezindlela ezikhula nezishintsha ngayo. Ukukhuluma nokukhuthaza amandla ezingane kuthumela umyalezo kuwo wonke umuntu ukuthi izingane ezinezidingo ezikhethekile nazo ziyawazi ukwenza izinto.</p> <p>Ukukhubazeka kungaba ngaphakathi noma kungaba kuyo ingane, isibonelo ngokomzimba (ukungabi naso isimo somzimba, noma ukungasebenzi kahle kwsitho somzimba noma ukugula); izinzwa (ukungezwa noma ukungaboni); ngokwengqondo isibonelo, ukufunda kanzima).</p> <p>Ukukhubazeka kungase kubangelwe noma kwensiwe kube kubi kakhulu ukuhlupheka, udlame, ukuphila komndeni okungazinile nokuhlukunyeza</p> <p>Ingane ikhubazekile lapho abantu endaweni bengawucabangeli umehluko emzimbeni noma engqondweni futhi bengazinakekeli lezo zidingo ngezindlela ezinenhlonipho.</p>
<b>Isifo esithathelwanayo</b>	Isifo singadluliselwa kwabanye ngokwesibonelo, utwayi, upokisi, isimungumungwana.
<b>Ukukwazi ukwenza okuthile</b>	Abantu nezakhamuzi ezinolwazi olwanele banolwazi olwanele oluwsizo, namakhono awusizo, nezimo ezinhle zengqondo zokuphila impilo enezithelo ezinhle nentokozo.
<b>Uhlelo Lwemfundo</b>	Uhlelo Lwemfundo yezingane ezsencane imayelana nazo zonke izimo izingane ezihlangabezana nazo <i>ulwazi</i> izingane ezsukela zizalwa kuya kwezineminyaka emine ezizoba nalo ezimweni ezihlukahlukene.
<b>Ukuthuthuka okufanele</b>	Le nkulumo isetshenziselwa ukuchaza imisebenzi, umshini noma izinhlelo. Kuyindlela yokusebenza nezingane ekuphawulayo okwaziwayo ngokuthuthuka kwengane nalokho okwaziwayo noma okufundiwe ngengane ngayinye nokuthuthuka kwayo endaweni nalapho izalelwhe futhi ikhulele khona.
<b>Ukuthuthuka kancane neziqubu zokukhula</b>	<p>Izingane zingase zikhombise ukukhula kancane okungase kuthathe isikhathi eside noma esifushane. Zingase zivame ukukhombisa ukungawuthandi umsebenzi othile noma ingxoxo ethile.</p> <p>Izingane zivame ukuba neziqubu zokukhula ezindaweni ezihlukahlukene lapho zibonisa izinto namakhono eziwathanda kakhulu isibonelo, umntwana angahle akuthande kakhulu futhi 'akwazi kahle' ukudweba nokupenda.</p>
<b>Ukusheshe ubone nokungenelela ezithiyweni zokufunda, ukuthuthuka nokuhlanganyela</b>	<p>Isithiyo siyinoma yini ema endleleni yengane eyivimba ukuthi ikwazi ukufunda. Izithiyo zokufunda zibanzi kakhulu kunokukhubazeka, zihlanganisa izithiyo ezingezona ezemvelo njengendlala, ukuhlukunyeza, kanye nesimiso esinezithiyo ngokwesibonelo amakilasi amakhulu nokungabikho kwezinsiza kufunda nezinkonzo ezesekelyo.</p> <p>Ukusheshe uzibone izithiyo ekufundeni nasekukhuleni kusho ukuhlolisia nezinye izindlela zokusheshe ubone izimpawu zenselelo kunoma iluphi uhlangothi lokuthuthuka komntwana.</p> <p>Ukungenelela ngokushesha kuyisinyathelo esithathwayo ukulungisa izithiyo zokufunda nokukhula futhi kuhlanganisa zonke izinkonzo ezihlanganyelwayo ezitholakalayo zokusekela ingane nomndeni wayo.</p>

Igama	Incazelo
<b>Ukuthuthuka Kokuqala Kwezingane Ezincane (ECD)</b>	Ukuthuthuka Kokuqala Kwezingane Ezincane igama elihlanganisa konke elisho inqubo yokukhula lapho izingane eziselwe kuya kwezineminyaka engu-9 zikhula, zichuma, zikhula ngokomzimba, ngokwengqondo ngokwemizwa, ngokomoya, ngokuziphatha nangokwenhlalo.
<b>Isikhungo Sokuthuthuka Kokuqala Kwezingane ezincane (ECD CENTRE)</b>	Inoma isiphi isakhiwo noma izindawo ezelungiselelw noma ezisetshenziselwa, ukwamukela, ukuvikela okwesikhashana izingane ezingaphezu kweziyisi-6 zingekho kubazali bazo. Kuye ngendlela yokubhalisa, isikhungo sokuthuthukisa izingane ezincane singathatha abantwana, ojahidada futhi/noma izingane esezilungele ukungena esikoleni. Igama Isikhungo Sokuthuthuka Kokuqala Kwezingane Ezincane lingasho, inkulisa, isikhungo sokunakekela izingane ezincane, iqembu lokudlala, isikole esingaphambi kokungena esikoleni, ukunakekela kwangemva kwasikole njl. Ngezinye izikhathi izikhungo Zokuthuthukisa Kokuqala Kwezingane ezincane zibizwa ngokuthi indawo yokuthuthukisa izingane.
<b>Umfundisi wasesikhungweni Sokuthuthukisa Kokuqala Kwezingane ezincane (ECD Practitioner)</b>	Umfundisi wasesikhungweni Sokuthuthukisa Kokuqala Kwezingane ezincane.
<b>Izinhlelo Zokuthuthukisa Kokuqala kwezingane ezincane (ECD Programmes)</b>	Lena imisebenzi ehleliwe eyakhelwe ukuthuthukisa umzimba, imizwa, okomoya, ukuziphatha nentuthuko yenhlalakahle yezingane kusukela zizalwa zize zibe neminyaka eyi-9.
<b>Izinkonzo Zokuthuthukisa Kokuqala kwezingane ezincane (ECD Services)</b>	Izinkonzo ezhilukahlukene (isibonelo ezemfundu, ezempilo, ezokuvikeleka komphakathi) ezhilelelw ukugqugquzela nokuthuthukisa umzimba, ingqondo, okomoya, okokuziphatha nentuthuko ngokwenhlalo nokukhula kwezingane kusukela zizalwa zize zibe neminyaka eyi-9.
<b>Ukwenza okunomphumela omuhle (Effective Practice)</b>	Ukwenza okunomphumela omuhle kugxila emsebenzini nasezinqubweni ezivumela izingane ukuba zihlole izidingo zazo, izinto ezizithandayo futhi kunikeza izinhlobo ezhilukene zokusekela okuhlobene nemfundu nokukhula kwazo. Ukwenza okuwusizo kugxile ezinqbwenimgomu ezhlangabezana nezidingo zazo zonke izingane ezincane njenge "White Paper 5" ne "Child Care Act".
<b>Indawo ophila kuyo (Environment)</b>	Indawo lapho izinhlelo zokuthuthukisa kokuqala kwezingane ezincane zenziwa khona inengaphakathi, ingaphandle nendawo yemizwa lapho izingane zingathuthuka futhi zifunde khona.
<b>Ukwakha amathuba okwenza (Facilitate)</b>	Abafundisi bokuthuthuka kokuqala kwezingane bakha amathuba okufunda. Babukisisa izidingo zokukhula nokufunda nezinto ezithandwa izingane, bahlela imisebenzi ehlangabezana nalokho, benze lemisebenzi nezingane bakhuthaze ingane ngayinye kulokho ekuthandayo nokuhlanganyela. Ukwakha amathuba okufunda kusho 'ukwenza izinto zibe lula enganeni ukuze ikwazi ukuhlanganyela nokufunda'.
<b>Umndeni (Family)</b>	Abantu, kungaba ngesivumelwanonoma ukuzibophezel, abakhetha ukuhlala ndawonye banekkelane, benze izinto ndawonye, bakhulisane ngamunye ngamunye.
<b>Ibanga- R (Grade R)</b>	Ibanga -R lingunyaka ongaphambi kwebanga - 1. UMnyango Wemfundo Kazweloneko ubone izindlela ezintathu zokunikezela ngoNyaka Wokwamukela (ibanga - R): lezo ezisesikoleni somphakathi samabanga aphansi, ezisezindaweni ezsiphakathini nezinhlelo ezizimele.
<b>Ulwazi lwemikhuba yomdabu neyendawo (Indigenous and local knowledge and practices)</b>	Ulwazi lomdabu luyilolo lwazi olutholakala emindenini, nasemaqenjini. Ludluliselwa lusuka esizukulwaneni luya kwesinye. Ulwazi nemikhuba yendawo luyilokho okusetshenziswa ezindaweni ezithile isib. isifundazwe saseLimpopo singasebeniza ulwazi nemikhuba yendawo okuvumelana nendawo yabo, okwehlukile kokwasesifundeni saseKaroo eMpumalanga Kapa. Lolu hlaka lohlelo lwemfundo lukhuthaza ukusetshenziswa kwezomdabu nolwazi lwendawo nemikhuba ngabantwana, ojahidada nezingane ezikhulakhulile, okwenza ngcono ukuthuthuka nokufunda kwazo.
<b>Ukwenza ohlosiwe (Intentional practice)</b>	Lapho senza izinto ngenhoso, siyakuqaphela lokho esikwenzayo, nezizathu nezindlela zokukwenza. Sihlela ngamabomu izenzo zethu nokuziphatha kwethu ukuze izingane <ul style="list-style-type: none"> <li>• zibone indlela esenza ngayo njengabantu, bese ziylasingisa ngokwenza nokuziphatha kwazo</li> <li>• zjabulele imisebenzi ehleliwe ngokukhethekile ngokwezidingo zazo zokufunda nezezinto ezizithandayo</li> </ul>

Igama	Incazelo
<b>Iziphathimandla zendawo (Local Authority)</b>	Umasipala wendawo ophakathi kwemingcele okunikezwa kuyo inkonzo yokuthuthukiswa kokuqala kwezingane ezincane.
<b>Indawo yokunakekela (Place of care)</b>	Inoma isiphi isakhiwo noma izindawo ezelungiselelwel noma ezisetshenziselwa, kungaba okwenzuzo noma cha, ukwamukela, ukuvikela nokunakekela kwsikhashana izingane ezingaphezu kweziyisi-6 zingekho kubazali bazo. Lokhu akuhlanganisi izikole okuhlalwa kuzo, amahostela noma isikhungo esinakekelwa noma esisetshenziselwa ukufundisa noma ukuqequesha izingane futhi esilawulwa noma esibhaliswe noma esigunyazwe uHulumeni, nesiphethwe isifundazwe. Indawo yokunakekela ingathatha abantwana, ojahidada, nezingane esezipongena isikole, esezipunda isikole usuku lonke noma ngezinye izikhathi kuye ngendlela ebhaliswe ngayo. Ezimweni lapho abazali besebenza ebusuku, izingane zinganakekelwa ebusuku.
<b>Umuntu obambe iqhaza ekuthuthukisweni kokuqala kwezingane ezincane (Practitioner)</b>	Leli gama lisho bonke abantu ababambe iqhaza ekuthuthukisweni kokuqala kwezingane ezincane nakulabo abathuthukisa futhi baqeqeshe izingane, isib. othisha, abaqequeshi, abafundisi, abanakekeli nezikhulu zentuthuko, kuhlanganise labo abafanelekayo ngenxa yowlazi, nalabo abanikezelza ngezinkonzo ekhaya, ezikhungweni nasezikoleni. Kothisha nakubafundisi, leli gama lihlanganisa kokubili abantu abaqequeshe ngokuhleliwe nangokungahleliwe abanikezelza ngezinkonzo zohlelo lokuthuthukisa izingane.
<b>Ingane engakangeni eskoleni (Pre School Child)</b>	Ingane eneminyaka engaphansi kweyi-6 ubudala futhi engakangeni esikoleni.
<b>Izimiso (Principles)</b>	Izimiso ziyyisisekelo sezinkolelo nezimo zethu zengqondo, ngakho-ke iwukuziphatha kwethu. Yakha yonke imithetho yethu yendlela esiphila ngayo. Isibonelo sezimiso kulolo Hlaka Lwezemfundo ukuthi izingane zingabantu abakwazi ukwenza izinto nabafunda kusukela bezalwa.
<b>Umkhuba wokuzihlolisa</b>	Umfundisi wokuthuthukiswa kokuqala kwabantwana abancane ozihlolisisayo uyobhekisisa izidingo zokuthuthuka nokufunda nezinto ezithandwa izingane, ahlele imisebenzi yalezi zinto, azifeze (wenza ukuthuthuka nokufunda kube lula) futhi acabangisise ngosizo Iwalemisebenzi ukuze ahlele ngokuqhubekayo. Ukucabangisisa kusho 'ukukhanyisa isibani' endleleni yokwenza.
<b>Amathuba okufundisa (Teachable moments)</b>	Lesi isikhathi lapho ingane ikuthola khona kulula ukufunda into entsha. Lezi zikhathi azihlelwa futhi umfundisi kumele azinake lapho zivela azisebenzisele ukusiza ingane ifunde okusha.
<b>Iziq (Qualifications)</b>	Ukwamukelwa kwempumelelo yokuthola isibalo esidingekile samaphuzu nezinye izimfanelo ezisezingeni le-NQF njengoba zinqunyiwe izinhlaka ezibhaliselwe ukwenza lomsebenzi ngaphansi kweSAQA.
<b>Isiqinisekiso Sezinga Quality Assurance</b>	Inqubo yokuqinisekisa ukuthi kufnyeleliwe ezingeni elimisiwe lomsebenzi oncomekayo
<b>Intu eyenzeka njalo ngendlela ejwayelekile (Routines)</b>	Izinto ezenzeka njalo ngendlela ejwayelekile ziqonde kulokhu – ukufika, ukuhamba, ukudla, ukuya endlini encane, ukuphumula, imisebenzi yasendlini (ukuhlanza, ukuqoqa), ukulala, namakhono okuzenzela ahambisana nezinga lokuthuthuka kwengane. Izinto ezenzeka njalo ngendlela ejwayelekile zilunjaniwe ngayo yonke indlela nemisebenzi, nethuba elanele lezingane ukuthi zibe nomuzwa wokukwazi ukwenza izinto nokuba namakhono afanele.
<b>Ushintsho olungazwakali (Seamless Transition)</b>	Isikhathi soshintsho sibhekise ekusukeni emsebenzini othile uye komunye, endaweni ethize uye kwenye, kumuntu uye komunye. Izikhathi zoshintsho ezingazwakali zenziwa ngumuntu omdala ngokulungiselela ingane ushintsho, ngokuxoxa ngaso ngesikhathi senzeka nangokusiza ingane ukucabangisisa ngekuzwayo ngalo ushintsho.
<b>Umxhaso (Subsidy)</b>	Imixhaso inikezwa izingane ezifanelekile (Isibonelelo Sengane) nezinhlelo Zokuthuthuka Zokuqala Zezingane ezincane (Izibonelelo Zikahulumeni, Lezi kukhulunywa ngazo Ku – Regulations of the Children's amendment (Act 41 of 2007) oqale ukusebenza mhla lulunye ku Mbasa, 2010

Igama	Incazelo
<b>Umthetho (The Act)</b>	Umthetho Ochitshiyelwe Wezingane (Children's Amendment Act 41 of 2007) owaqala ukusebenza mhla lulunye ku Mbasa, 2010
<b>Isitatimende sombono (Vision Statement)</b>	Isitatimende sombono sikhuthaza lokho esikwenzayo, nobani nanokuthi sizenza kanjani izinto eziqondeni nathi. Isitatimende sombono weNingizimu Africa ngezingane ezincane sichaza ukuthi sifuna ukusekela kanjani ukuthuthukiswa kwabantwana bethu, ojahidada nezingane ezikhulakhulile. Isitatimende sombono singesekhathi eside futhi sigxile esikhhatini esizayo.
<b>Ukuba buthakathaka Vulnerability</b>	Ukuba sesimweni esibi kakhulu esinobungozi ngenxa yesimo ingane ezithola ikuso



# IZINKOMBA

Canada. Ontario. Ministry of Children and Youth Services. (no date). Preschool Speech and Language. Retrieved on 26 May 2012 from <http://www.children.gov.on.ca/htdocs/English/topics/earlychildhood/speechlanguage/index.aspx>

Colker, L.J. (2008). Twelve Characteristics of Effective Early Childhood Teachers. *Beyond the Journal. Young Children*. March 2008. Retrieved on 28 May 2012 from [www.naeyc.org/files/yc/file/200803/BTJ\\_Colker.pdf](http://www.naeyc.org/files/yc/file/200803/BTJ_Colker.pdf)

Department for Education and Skills. (2007). Practice Guidance for the Early Years Foundation Stage. Nottingham: DfES publications.

Disabled People South Africa. (no date). Policies. Retrieved on 12 June 2012 from <http://www.dpsa.org.za/policies.php>

Epstein, AS. (2007). *The Intentional Teacher: Choosing the Best Strategies for Young Children's Learning*. Washington. National Association for the Education of Young Children

Grotberg, E.H. (no date) A Guide to Promoting Resilience in Children: Strengthening the Human Spirit. From The International Resilience Project in Early Childhood Development: Practice and Reflections series. Bernard Van Leer Foundation. Retrieved on 22 March 2012 from <http://resilnet.uiuc.edu/library/grotb95b.html#chapter1>

KFL&A Public Health, Ontario, Canada. (no date). Blind – Low Vision Early Intervention Programs. Retrieved on 23 May 2012 from [http://www.children.gov.on.ca/htdocs/English/documents/topics/earlychildhood/vision\\_services.pdf](http://www.children.gov.on.ca/htdocs/English/documents/topics/earlychildhood/vision_services.pdf)

KFL&A Public Health, Ontario, Canada. (no date). Indicators of Hearing Loss in Preschool and School-Age Children. Retrieved on 23 May 2012 from [http://www.kflapublichealth.ca/Files/Resources/Indicators\\_for\\_Hearing\\_loss\\_in\\_preschoolers.pdf](http://www.kflapublichealth.ca/Files/Resources/Indicators_for_Hearing_loss_in_preschoolers.pdf)

New Zealand. Ministry of Education. (1996). *Te Whariki. Early Childhood Curriculum*. Wellington: Learning Media.

Republic of Ireland. National Council for Curriculum. (2009). *Aistear. Principles and Themes*. Dublin: National Council for Curriculum.

Scotland. Ministry for Education and Young People. (2005). *Birth to Three: supporting our youngest children*. Retrieved on 22 March 2012 from Learning and Teaching Scotland on [http://www.ltscotland.org.uk/Images/birth2three\\_tcm4-161671.pdf](http://www.ltscotland.org.uk/Images/birth2three_tcm4-161671.pdf)

South Africa. (April 1 2010). Children's Amendment (Act 41 of 2007). Pretoria. Government Gazette No. 33076. Retrieved on 22 June from [http://www.dsd.gov.za/index2.php?option=com\\_docman&task=doc\\_view&gid=102&Itemid=3](http://www.dsd.gov.za/index2.php?option=com_docman&task=doc_view&gid=102&Itemid=3)

South Africa. Department of Social Development. (2006). *Guidelines for Early Childhood Development Services*. Pretoria. Government Printer.

UNICEF. (2002). (3rd Ed.) *Facts for Life*. Retrieved on May 12 2012 from [http://www.unicef.org/publications/files/pub\\_ffl\\_en.pdf](http://www.unicef.org/publications/files/pub_ffl_en.pdf)

United Kingdom. Department of Children, Schools and Families. (May 2008). Practice Guidance for the Early Years Foundation Stage. Setting the Standards for Learning, Development and Care for children from birth to five. Retrieved on 21 May 2012 from [https://www.education.gov.uk/publications/eOrderingDownload/eyfs\\_practiceguid\\_0026608.pdf](https://www.education.gov.uk/publications/eOrderingDownload/eyfs_practiceguid_0026608.pdf)

United States. Office of Head Start. (2010). *The Head Start Child Development and Early Learning Framework. Promoting Positive Outcomes in Early Childhood Programs Serving Children 3–5 Years Old*. Retrieved on 12 May 2012 from the U.S. Department of Health and Human Services. Administration for Children and Families on [http://eclkc.ohs.acf.hhs.gov/hslc/tta-system/teaching/eecd/Assessment/Child%20Outcomes/HS\\_Revised\\_Child\\_Outcomes\\_Framework\(rev-Sept2011\).pdf](http://eclkc.ohs.acf.hhs.gov/hslc/tta-system/teaching/eecd/Assessment/Child%20Outcomes/HS_Revised_Child_Outcomes_Framework(rev-Sept2011).pdf).

Ideas for practice have also been developed from internationally based programmes such as High/Scope, Montessori, Reggio Emilia, Head Start and Sure Start as well as from ECD programmes in New Zealand, Australia and Scotland. Best practice in South African ECD programmes has been incorporated.





Published by the Department of Basic Education  
222 Struben Street  
Private Bag X895, Pretoria, 0001  
Telephone: 012 357 3000 Fax: 012 323 0601  
Website: <http://www.education.gov.za>  
© Department of Basic Education